

Okuqokethwe

Ukuqalisa 5

Hlanganisa ifoni, i-SIM khadi, ibhethri, shaya ucingo.

Ukwazi ifoni yakho 10

Uhlolojikelele lwefoni, sebenzisa amamenyu, faka izinhlamvu, imenenja yefayela, i-Memory Stick Duo.

Kushaywa ucingo 20

Izingcingo, oxhumana nabo, isilawuli sezwi, okukhethwa kukho ucingo.

Ukuthumela imibiko 38

Ukuthumela umbiko ngombhalo, ukuthumela umbiko ngesithombe, i-imeyli yezwi, i-imeyli, aBangani bami.

Ukufanekisa 49

Ikhamera, ividyo rekhoda, izithombe, i-PhotoDJ™.

Ezokuzithokozisa 54

I-Media player, umsakazo, i-PlayNow™, amaringithoni, i-MusicDJ™, i-VideoDJ™, irekhoda yomsindo, izingqikithi, imidlalo.

Sony Ericsson K750i

Ukuxhumana 65

Izinhlelo ze-internet neze-imeyli, ukuvumelanisa, i-Bluetooth, iso lefoni, ikhebula le-USB, isevisi yokuvuselela.

Ezinye izimpawu 76

Isikhathi nosuku, iwashi le-alamu, ikhalenda, imisebenzi, izinhlelo ze-Java™, ilokhi yeSIM khadi, njll.

Ukuxazulula 85

Kungani ucingo lungasebenzi ngendlela engiyifunayo?

Ulwazi olwengeziwe 90

Indawo yeWebhu ka Sony Ericsson, indlela ephephile neyipumelelo yokuwusebenzisa, iwaranti, declaration of conformity.

Izimpawu 99

Incazelo yezimpawu.

Uhla lwamagama 101

I-Sony Ericsson

I-GSM 900/1800/1900

Isishicilelo sokuqala (Februwari 2005)

Le ncwadi yokusebenzisa ifoni ishicilelwe ngabakwa-Sony Ericsson Mobile Communications AB, ngaphandle kwencwadi yeqiniso lobufakazi ethile. Ubungcono nezinguquko kule ncwadi yokusebenzisa ucingo okwenziwe amaphutha okuthaypha, ukungalingi kolwazi lwamanje, noma ubungcono ezinhlelweni noma amathuluzi, kungenziwa ngu-Sony Ericsson Mobile Communications AB noma ingasiphi isikhathi ngaphandle kwesaziso. Izinguquko ezinjalo, ngakho, ziyongeniswa kwizihumusho ezintsha zale ncwadi yokusebenzisa ucingo. Wonke amalungelo agodliwe.

© Sony Ericsson Mobile Communications AB, 2005

Inamba yesishicilelo: ZU/LZT 108 7528 R1A

Sicela wazi:

Amanye amasevisi akule ncwadi yokusebenzisa ucingo awasekelwe yiwo wonke amanethiweithi.

Lokhu futhi kuyenzeka kwiNamba Ephuthumayo Yomhlaba ye-GSM u 112.

Sicela uxhumane no-opharetha wenethiwekhi yakho noma umnikezeli wakho wesevisi uma ungabaza noma ungasebenzisa isevisi ethile noma qha.

Sicela ufunde *Imihlahlandlela yokuphepha nokusebenza okuyikho* kanye namakhasi *Ewaranti yomkhawuko* ngaphambi kokusebenzisa ifoni yakho ephathekayo.

Ifoni yakho inamandla okulanda, kulonda nokudlulisa okuqukethwe okwengeziwe, isb. Amaringithoni.

Ukusetshenziwa kokuqukethwe okufana nalokho kungavinjelwa noma kngatshelwe ngamalungelo abantu besithathu, okubandakanya kodwa kungakalelwe kwizivimbelo ezingaphansi kwemithetho yamalungelo okushicilela afanele. Wena, hhayi u-Sony Ericsson, unamandla aphelele kokuqukethwe okwengeziwe okulanda noma okudlulisa kuvela efonini yakho.

Ngaphambi kokusebenzisa okuqukethwe okwengeziwe, sicela uqinisekise ukuthi ukusebenzisa okuhlosile kulayisensiwe noma kugunyaziwe. U-Sony Ericsson akaqinisekisi ngokungabi naphutha, ubuqotho noma ikhwalithi uokuqukethwe okwengeziwe noma okunye okuqukethwe kwabantu besithathu. U-Sony Ericsson ngeke abekwe icala ngokusebenzisa kwakho okungalungile kokuqukethwe okwengeziwe noma okunye okuqukethwe kwabantu besithathu.

Izimpawu zamagama namalogo e-Bluetooth kungokuka-Bluetooth SIG, Inc. noma yikuphi ukusetshenziwa kwalezo zimpawu ngu-Sony Ericsson kungaphansi kwelayisense.

I-Memory Stick™ ne-Memory Stick Duo™ yizimpawu zokuthengisa noma izimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe ze-Sony Corporation.

I-QuickShare™, i-PlayNow™, i-MusicDJ™ ne-VideoDJ™ yizimpawu zokuthengisa noma izimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe ze-Sony Ericsson Mobile Communications AB.

I-Microsoft, i-Windows ne-PowerPoint yizimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe noma izimpawu zokuthengisa ze-Microsoft Corporation e-U.S. nakwamanye amazwe.

I-Mac OS inguphawu lokuthengisa le-Apple Computer, Inc., olubhalisiwe e-U.S. nakwamanye amazwe.

I-T9™ Text Input inguphawu lokuthengisa noma uphawu lokuthengisa olubhalisiwe lwe-Tegic Communications.

I-T9™ Text Input ilayisenswe ngaphansi kokukodwa noma okungaphezulu kwalokhu okulandelayo: I-U.S. Pat. Nos. 5,818,437, 5,953,541, 5,187,480, 5,945,928, kanye ne 6,011,554; Canadian Pat. No. 1,331,057, United Kingdom Pat. No. 2238414B; Hong Kong Standard Pat. No. HK0940329; Republic of Singapore Pat. No. 51383; Euro.Pat. No. 0 842 463(96927260.8) DE/DK, FI, FR, IT, NL, PT, ES, SE, GB; kanye nezimvume ezengeziwe zimisiwe emhlabeni wonke jikelele.

I-Java kanye nazo zonke izimpawu zokuthengisa ezigxile kwi-Java namalogo kuyizimpawu zokuthengisa noma izimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe ze-Sun Microsystems, Inc. e-U.S. nakwamanye amazwe.

Isivumelwano selayisense yomsebenzisi wokugcina we-Sun™ Java™ J2ME™.

1 Izivimbelo: I-Software ingulwazi lwamalungelo agodliwe oluyimfihlo lakwa-Sun futhi isihloko kuwo wonke amakhophi agcinwe ngu-Sun no/noma abantu bakhe bamalayisense. Umthengi ngeke aguqule, ahlakaze, ahlukane, acacise, akhiphe noma ahlehise i-Software kanjiniyela. I-Software

ngeke yaqashiswa, yanikezelwa, noma yalayisenswa ngaphansi kwelayisense, iphelele noma ingxenye yayo.

2 Imithetho Yokuthekelisa: I-Software, kubandakanya idatha yomsebenzi osizayo, ingaphansi kwemithetho elawula ukuthelekisa yase-U.S., kubandakanya Umthetho Owengamele Ukuthekelisa wase-U.S. kanye nemigomo yawo ehlobene nawo, futhi kungaba ngaphansi kwemigomo yokuthekelisa noma yokungenisa kwamanye amazwe. Umthengi uvuma ukuzibophezela kuyo yonke imigomo enjalo futhi uyavuma ukuthi unesibopho sokuthola amalayisense okuthekelisa, ukuthekelisa kabusha, noma ukungenisa i-Software. I-Software ngeke yalandwa, noma ithekeliswe noma ithekeliswe kabusha (i) ku, noma ezweni noma kumhlali wase, Cuba, Iraq, Iran, North Korea, Libya, Sudan, Syria (njengoba lolu hlu lungabuyekizwa ngezikhathi ezithile) noma kunoma iliphi izwe i-U.S. evimbele izimpahla kulo; noma (ii) kunoma ubani osohlwini lwe-U.S. Treasury Department ye-Specially Designated Nations noma i-U.S. Commerce Department's Table of Denial Orders.

3 Amalungelo Avinjelwe: Ukuseshenziswa, ukuphindwa noma ukuvezwa nguhulumeni wase-United States kungaphansi kwezivimbelo njengoba zibekiwe ngaphambili kwi-Rights in Technical Data and Computer Software Clauses kwi-DFARS 252.227-7013(c) (1) (ii) ne FAR 52.227-19(c) (2) njengoba kufanele.

Ingxenye ye-software kumkhiqizo iyi-copyright
© SyncML initiative Ltd. (1999-2002). Wonke
amalungelo agodliwe.

Amanye amagama omkhiqizo nezinkampani abalwe
lapha kungaba izimpawu zokuthengisa zabanikazi
abafanele.

Noma imaphi amalungelo angabaliwe lapha agodliwe.

Ukuqalisa

Hlanganisa ifoni, i-SIM khadi, ibhethri, shaya ucingo.

Ulwazi oluthe xaxa nokulanda kuyatholakala ku www.SonyEricsson.com/support.

Izimpawu zemiyalelo

Izimpawu zemiyalelo ezilandelayo zivela kwincwadi yomsebenzisi wefoni:



Yazi.



Kubonisa ukuthi isevisi noma umsebenzi uncike kwinehiwekhi noma kokuthengiwe. Xhumana no-opharetha wakho wenethiwekhi ngemininingwane ethe thuthu.



Bheka futhi ikhasi...



Sebenzisa amakhi okukhetha noma ikhi yokuhamba ukupheqa nokukhetha,
➡ 12 Amakhi kanye nokuhamba.



Cindezela isikhungo samakhi okuhamba.



Cindezela ikhi lokuhamba phezulu.



Cindezela ikhi lokuhamba phansi.



Cindezela ikhi lokuhamba liye esinxeleni.



Cindezela ikhi lokuhamba liye esidleni.

Kuhlanganiswa ifoni

Ngaphambi kokusebenzisa ifoni yakho udinga uku:

- Faka i-SIM khadi.
- Namathelisa bese ushaja ibhethri.
- Faka i-Memory Stick Duo.

I-SIM khadi

Uma ubhalisa njengomthengi ku-ophretha wenethiwekhi, uthola iSIM (Subscriber Identity Module) khadi. ISIM khadi iqukethe ishphu yekhompyutha egcina umgudu wenamba yefoni yakho, amasevisi akhona kokuthengayo, kanye namagama nezinamba koxhumana nabo, ezintweni ezinye ezikhona.




Uma ubusebenzisa iSIM khadi kwenye ifoni, qinisekisa ukuthi ulwazi lwakho lugcinwe kwiSIM khadi ngaphambi kokuyikhipha kwenye ifoni. Isibonelo, oxhumene nabo kungenzeka bagcinwe kwisiqophi/kwimemori yefoni.

ISIM khadi nolwazi lwebhethri

Ngaso sonke isikhathi vala ifoni bese ukhipha ishaja ngaphambi kokufaka noma kokukhipha iSIM khadi.


 Kungathatha imizuzu engafika ku 30 ngaphambi kokuthi uphawu lwebhethri luvele uma ushaja.

Uku faka i-SIM khadi nebhethri



- 1** Khipha ikhava yebhethri ngokuyishutheka njengoba kukhonjisiwe esithombeni.
- 2** Shelelezisa i-SIM khadi kwisibambi sayo. Qinisekisa ukuthi izixhumi eziyigolide zibheke phansi, nekhona elisikiwe lihleleke ngokuqondana kahle.
- 3** Beka ibhethri ngemuva kwefoni isayidi lelebuli libheke phezulu nezixhumi zibhekane.
- 4** Beka ikhava yebhethri njengoba kukhonjisiwe esithombeni bese uyishutheka endaweni.

Uku shaja ibhethri



- 1** Xhuma ishaja efonini. Uphawu kwipulaki yeshaja kufanele ibheke phezulu.
- 2** Kungathatha imizuzu engafika ku 30 ngaphambi kokuthi uphawu lwebhethri luvele esibukweni.

- 3** Linda cishe amahora angu 4 noma uphawu lwebhethri luze lubonise ukuthi ibhethri ishajeke ngokugcwele. Uma ungaluboni uphawu lwebhethri emva kwalesi sikhathi, cindezela ibhathini noma ukucupha isibuko.
- 4** Khipha ishaja ngokuketula ipulaki iye phezulu.


I-Memory Stick Duo™

I-Memory Stick Duo™ ikunika umthamo wokulonda othe xaxa wokuqukethwe okunjengezithombe, umculo namavidyo kliphu.

Nge-Memory Stick Duo ungabelana ngolwazi lwakho olugciniwe ngokuluhambisa noma ukulukopishela kwamanye amadivaysi afanele e-Memory Stick Duo, bhka futhi ➡ *18 Imenenja yefayela.*

Ungayisebenzisa futhi njengesiqophi noma imemori ephathekayo emibhalweni yasehhovisi, nokuhambisa imibhalo phakathi kwefoni nekhompyutha, ➡ *75 Kudluliswa amafayela kusetshenziswa ikhebula le USB.*

Ukufaka nokukhipha i-Memory Stick Duo™



- 1** Faka i-Memory Stick Duo esikhaleni sayo.
- 2** Cindezela ukuphela kwe-Memory Stick Duo ukuyikhipha endaweni yayo.

Ngolwazi oluthe xaxa nge-Sony Memory Stick, vakashela i- www.memorystick.com.

IPIN (Personal Identity Number)

Ungadinga iPIN (Personal Identity Number) ukucupha amasevisi efonini yakho. I-PIN ihlangene ne-SIM khadi yakho, hhayi nefoni. IPIN yakho inikezelwa ngu-opharetha wakho wenethiwekhi. Uma ufaka iPIN yakho, idijithi ngayinye ivela njenge *, ngaphandle uma iPIN yakho iqala ngamadijithi afana nawenamba yezimo eziphuthumayo, isibonelo 112. Lokhu kwenzelwa ukuthi ukwazi ukubona noshayela inamba yezimo eziphuthumayo ngaphandle kokufaka iPIN.

Uma wenza iphutha ngenkathi ufaka iPIN yakho, susa inamba ngokucindezela **(C)**.



Uma ufaka iPIN okungesiyo izikhathi ezintathu zilandelana, iSIM khadi iyavimbeka bese kuvela umbiko othi iPIN ivinjiwe. Ukuyivula, kufanele ufake i-PUK (Personal Unblocking Key) yakho, ➡ 81 Ilokhi yeSIM khadi.

Ukuvula ifoni nokushaya izingcingo

Qinisekisa ukuthi ifoni ishajiwe neSIM khadi yakho ifakiwe ngaphambi kokuyivula. Uma usuvule ifoni, ungasebenzisa iwizadi yesethaphu ukulungiselela ifoni yakho ukuthi isebenze ngokushesha nakalula.

Uku vula ifoni



- 1** Cindezela bese ubamba ①.
- 2** Faka iPIN yeSIM khadi yakho, uma iceliwe.
- 3** Ekuqaliseni kokuqala, khetha ulimi olufunayo lwamamenyu efonu.
- 4** ► **Yebo** uma ufuna iwizadi yesethaphu ukukusiza uqalise, bese ulandela imiyalelo evelayo. Ungaqala iwizadi ohlelweni lwemenyu noma ingasiphi isikhathi, ► **Izinhlelo** ► **i Okujwayelekile thebhu** ► **Isethaphu wizadi.**


Ukushaya nokwamukela izingcingo

Faka inamba yefoni (nesiqalo samazwe omhlaba nekhodi lendawo uma kudingeka) ► **Ucingo** ukushaya ucingo. ► **Vala uci.** ukuvala ucingo. Uma ifoni ikhala ► **Phendula.**

Ukwazi ifoni yakho

Uhlolajikelele lwefoni, sebenzisa amamenyu, faka izinhlamvu, imenenga yefayela, i-Memory Stick Duo.

Uhlolajikelele lwefoni



- 1 Isikhala seso lefoni
- 2 ►|| Ibhathini lomculo
- 3 Isibuko
- 4 — Amabhathini okukhetha
- 5 Ikhi yemenyu yomsebenzi
- 6 Ikhi yangemuva
- 7 Ukukhanya
- 8 Isikhala se-Memory Stick Duo
- 9 Imakhrofoni
- 10 ⓘ Ibhathini lokuvula/lokuvala
- 11 Ispikha sasendlebeni
- 12 I-zoom yekhamera, amabhathini evolumu ne-zoom yesithombe
- 13 Ibhathini lokuhambisa
- 14 Ikhi yokusula
- 15 Ibhathini lekhamera
- 16 Ikhi yokuthulisa
- 17 Okwasekhanda kwestiriyo nesixhumi seshaja

Ngemininingwane ethe xaxa ngamakhi nokuhamba,
 12 Amakhi kanye nokuhamba.

Uhlolojikelele, imenyu

1. PlayNow™*

2. Amasevisi e-intha.*

3. Imidlalo

Amasevisi akulayi.*
Imidlalo
VideoDJ™
PhotoDJ™
I-MusicDJ™
Isiqhebeza buqama
Qopha umsindo
I-Demo tour

4. Ikhamera

5. Imibiko

Bhala okusha
Ibhokisi lokunge
Abangani bami*
I-imeyli
Fonela isiqopha.
Izinhloko
Ibhokisi lokuphu
Thumela izinhlo
Izinhlamvu ezigc
Izibonisi
Izinhlelo

6. Isidlali semidya

Izithombe
Amavideo
Imisindo
Izingqikithi
Amakhasi eWeb
Imidlalo
Izicelo
Okunye

8. Ifonibhuku**

Oxhumana nabo**
Ongakhetha ku:
Dayela ngokushesh
Ikhadi lami
Amaqembu**
Oxhumene nabo**
Izinombolo ezithile
Kuthuthukile
Oxhumene naye

9. Umsakazo

10. Izingcingo*

11. Umhleli

Ama-alamu
Izicelo
Ikhalenda
Imisebenzi
Amanothi
Ukw. kuhambi.
Isikhathi
Isimisa washi
Ilambu
Umshi. wokubala
Isiqophi sekhodi

12. Izinhlelo

Okujwayelekile

Amaphrofayili
Isikhathi nosuku
Ulimi
Lawula izwi
Izigamek. ezintsha
Izinga lefoni
Oshothikhathi
Ibhatini lomculo
Izikhaye
Isethaphu wizadi
Amathiphu namac.
Isihleli esikhulu

Imisindo nezibonis

Ivolumu yeringith.
Iringithoni
Imodi ethule
Nyusa umsindo
Isixwa. sokudlikiza
Osungafundwa
Ikhi lomsindo

Khombisa

Iphepha lodonga
Izingqikithi
Isibuko sokuqalisa
Londa isibuko
Ukugqama
Iwashi lemodi yok.
Hlela ulayini*

Izingcingo

Phambula
Singatha izin.
Isikhathi nezindlek
Bonisa noma fihla
Ihendisifri
Phendulela ku-2*

Ukuxhumana

I-Bluetooth
Iso lefoni
Ukw. kuhambi.
Ukusingathwa kwe
Amanethiwekhi a
Ukuxhumana kolw.
Izinhlelo ze-inthan
Izinhlelo zokuhamba
Izinhlelo ze-Java™
Izesekeli

** Sicela wazi ukuthi amanye
amamenyu ancike ku-opharetha,
kwinethiwekhi nasekuthengeni.*

*** Imenyu incike ekutheni
kukhethwe luphi uhlelo
loxhumana nabo
njengolumisiwe.*

Amakhi kanye nokuhamba

Isibuko sokubekwe eceleni nemenyu enkulu nebha lezinga

Isibuko *sokubekwe eceleni* sikhonjiswa uma ungashayi ucingo noma usebenzisa amamenyu. Lapha yilapho ungabona, isibonelo, igama lika-opharetha wakho, isikhathi nosuku.

Kokubekwe eceleni, cindezela  ukufaka *imenyu enkulu*, lapho amamenyu ekhonjiswa njengezimpawu. Amanye amamenyu angaphansi kwamakhulu abandakanya amathebhu. Pheqa kwithebhu usebenzisa ikhi lokuhambisa bese ukhetha okukhethwa kukho.

Ibha lezinga eliphezu kwesibuko liqukethe izimpawu, ezinika ulwazi oluphathelele nefoni nemisebenzi yayo, ➡ 99 *Izimpawu*.

Amakhi namabhathini



Cindezela ukufaka imenyu enkulu kokubekwe eceleni.
Cindezela ukukhetha okugqanyisiwe.
Ngesikhathi socingo, cindezela ukuhlola uhlu lokukhethwa kukho.



Hamba kumamenyu namathebhu.



Cindezela ukukhetha okukhethwa kukho okukhonjiswa ngokushesha ngenhla kwala mabhathini esibukweni.



Cindezela ukuhlela izinga elilodwa kumamenyu.
Cindezela bese ubamba ukubuyela kokubekwe eceleni noma ukuvala uhlelo.



Cindezela ukususa izinto, njengezithombe, imisindo noxhumana nabo.
Ngesikhathi socingo, cindezela bese ubamba ukuthulisa imaykhrofoni.



Cindezela ukuvula imenyu yomsebenzi, ➡ 18 *Imenyu yomsebenzi*.



Cindezela ukuthatha isithombe noma ukurekhoda ividyo kliphu.

	Cindezela ukulontsha isidlali semidya noma umsakazo kwimodi encishisiwe bese ucindezela futhi ukuvala isidlali semidya noma umsakazo.
	Cindezela bese ubamba ukushayela ucingo isevisi yakho yemeyili yezwi (uma isethiwe).
 – 	Cindezela bese ubamba noma iliphi lamakhi ukufinyelela koxhumene naye oqala ngohlamvu oluthile.
 – 	Cindezela noma iliphi lamakhi bese ucindezela Ucingo ukudayela ngokushesha.

	Kokubekwe eceleni, cindezela ukuhlola isimo solwazi. Ukuyeka ucingo, cindezela kabili ngokushesha uma wamukela ucingo. Cindela kanye ukuvala iringithoni uma wamukela ucingo. Ngesikhathi socingo, cindezela ukunyusa ivolumu. Uma usebenzisa isidlali semidya (futhi uma sincishisiwe), cindezela ukunyusa ivolumu. Cindezela bese ubamba ukuya emuva ithrekhi eyodwa. Uma usebenzisa ikhamera, cindezela ukusondeza (zoom in). Cindezela bese ubamba ukudayela ngezwi, noma yisho igama lakho lomlingo (uma lisethiwe), ➡ 30 Ukudayela ngezwi.
---	---



Ukuyeka ucingo, cindezela kabili ngokushesha uma wamukela ucingo. Cindela kanye ukuvala iringithoni uma wamukela ucingo. Ngesikhathi socingo, cindezela ukunciphisa ivolumu. Uma usebenzisa isidlali semidya (futhi uma sincishisiwe), cindezela ukunciphisa ivolumu. Cindezela bese ubamba ukuya phambili ithrekhi eyodwa. Uma usebenzisa ikhamera, cindezela ukuhlehlisa (zoom out).



Cindezela bese ubamaba ukusetha ifoni ithule. Isignali ye-alamu ikhala noma ifoni isethwe ukuthi ithule. Cindela kanye ukuvala iringithoni uma wamukela ucingo.



Thola ulwazi oluthe xaxa, izincazelo noma amathiphu ngezimpawu ezikhethiwe, amamenyu noma izinhlelo ziyatholakala efonini yakho. Pheqa kokwemenyu ► **Ulwazi**.



► **Ngaphezu** Faka uhlu lokukhethwa kukho. Kunezinto ezahlukene ongakhetha kuzo ohlwini lwezinto ongazikhetha oluncike ekutheni ukuphi kumamenyu.

Ulimi lwefoni

AmaSIM khadi amaningi azisethela ngokwawo ulimi olusetshenziswa kwimenyu olimini lwezwe lapho uthenge khona iSIM khadi yakho. Uma lokhu kungenjalo, ulimi oluchazwe ngaphambilini isiZulu.



Ungakhetha ngaso sonke isikhathi ulimi ngokwe-SIM ngokucindezela ☎ 8888 ☎ kokubekwe eceleni. Ungakhetha ngas sonke isikhathi isiZulu ngokucindezela ☎ 0000 ☎ kokubekwe eceleni.

Ukushintsha ulimi lwefoni

- Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu ► Ulimi ► Ulimi lwefoni.
- Khetha ulimi.

Amashothikhathi

Indlela elula yokuhamba kumamenyu ukusebenzisa amashothikhathi. Ungasebenzisa amashothikhathi amakhiphedi ukuya ngokushesha kwimenyu, futhi ungasebenzisa amashothikhathi ekhi yokuhamba echazwe ngaphambilini ukufinyelela ngokushesha izinhlelo ezithile. Ungahlela amashothikhathi ekhi lokuhamba ukufeza izidingo zakho.

Kusetshenziswa amashothikhathi ekhiphedi

Faka amamenyu ngokucindezela  bese ufaka inamba yemenyu ofuna ukuya kuyo. Isibonelo, ukufinyelela kokuthile kwemenyu yesihlanu, cindezela . Ukufinyelela kokuthile kwemenyu yeshumi, yeshumi nanye neshumi nambili, cindezela ,  ne  ngokulandelana. Ukubuyela emuva kokubekwe eceleni, cindezela bese ubamba .

Kusetshenziswa amashothikhathi ekhi lokuhamba.

Kokubekwe eceleni, cindezela  ukuya kwimenyu yamashothikhathi, noma ,  noma  ukuya ngqo ohlelweni.

Ukuhlela ishothikhathi yekhi lokuhamba

- Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu
- Oshothikhathi bese ukhetha ukuthi iyiphi ishothikhathi ofuna ukuyihlela ► Hlela.

Faka izinhlamvu

Kunezindlela ezimbili zokufaka izinhlamvu, isibonelo, uma ubhala umbiko noma ubhala igama koxhumene nabo:

- Umbono obhaliwe wethephu enhlobonhlobo Ucindezela ibhathini ngalinye kaningi kangangoba kudingeka ukuze ukhombise uhlamvu olufunayo.
- Umbono obhaliwe we-T9™.

Indlela yokufaka umbono obhaliwe we-T9 isebenzisa isichazimazwi esakhelwe ngaphakathi ukuthola amagama ajwayele ukusetshenziswa uma kuthintwa ukulandelana ngakunye kwamabhathini. Ngale ndlela, ucindezela ibhathini kanye kuphela, noma ngabe lolo hlamvu olufunayo akulona olokuqala ebhathinini.

Izilimi zokubhala

Ngaphambi kokufaka izinhlamvu, udinga ukuthi ukhethe izilimi ofuna ukuzisebenzisa uma ubhala.

Uma ubhala, ungashintsha olulodwa lwezilimi zakho ozikhethile ngokucindezela bese uyabamba (#↵).

Ukukhetha ulimi lokubhala

- 1 ► Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu ► Ulimi ► Ulimi lokubhala.
- 2 Pheqa ulimi ngalunye ofuna ukulusebenzisa bese ulimaka. ► Gcina ukuphuma kwimenyu.

Ukufaka izinhlamvu usebenzisa okufakwayo kombhalo wethephu enhlobonhlobo

- 1 Ukufaka umbhalo, kufanele ube kumsebenzi lapho okufakwayo kombhalo kunokwenzeka, isibonelo ► Imibiko ► Bhala okusha ► Umbiko wombh.
- 2 Cindezela ibhathini elifanele, (1) – (9), (0 +) noma (#↵), ngokuphindelela kuze kuvele uhlamvu olufunayo esibukweni. Ungabona ukuthi yisiphi izinhlamvu ongazikhetha ebhokisini ekhoneni lesidla eliphezulu esibukweni.

Isibonelo:

- Ukufaka u ‘A’, cindezela (2) kanye.
- Ukufaka u ‘B’, cindezela ngokushesha (2) kabili.
- Ukushintsha phakathi kwezinhlamvu ezinkulu nezincane, cindezela (*aAa), bese ufaka uhlamvu.
- Ungasebenzisa amabhathini evolumu njengeshothikhathi ezinhlamvini ezithile. Ukufaka u ‘B’, cindezela bese ubamba (+) ibhathini levolumu bese ucindezela (2). Ukufaka u ‘B’, cindezela bese ubamba (–) ibhathini levolumu bese ucindezela (2).

Ukufaka izinhlamvu usebenzisa i-T9™ Text Input

- 1 Ukufaka umbhalo, kufanele ube kumsebenzi lapho okufakwayo kombhalo kunokwenzeka, isibonelo ► Imibiko ► Bhala okusha ► Umbiko wombh.
- 2 Isibonelo, uma ufuna ukubhala igama elithi “Jane”, cindezela (5), (2), (6), (3).
- 3 Uma igama elikhonjisiwe kuyileli olifunayo, cindezela (#↵) ukwamukela bese wengeza isikhala. Ukwamukela igama ngaphandle kokwengeza isikhala, cindezela (Ⓢ). Uma igama elikhonjisiwe kungesilo olifunayo,

cindezela ☉, ☺, ☻ noma ☼ ukuhlola amanye amagama. Amukela igama bese wengeza isikhala ngokucindezela (# ~ ☞).

- 4 Qhubeka nokubhala umbiko wakho. Ukufaka ungqi noma ezinye iziphumuzi, cindezela (1) no ☺ noma ☻ ngokuphindelela. Amukela ngokucindezela (# ~ ☞).

Ukwengeza amagama kwisichazamazwi zokufakiwe Kombhalo we-T9

- 1 Ngenkathi ufaka izinhlamvu ► Ngaphezu ► Pela igama.
- 2 Hlela igama ngokusebenzisa okufakwayo kwethephu enhlobonhlobo. Hamba phakathi kwezinhlamvu nge ☺ ne ☻. Ukususa uhlamvu, cindezela (C). Ukususa lonke igama, cindezela bese ubamba (C).
- 3 Uma usuhlele igama ► Faka. Igama lengeziwe kwisichazamazwi sokufakiwe Kombhalo we-T9. Ngesikhathi esizayo uma ufaka leli gama usebenzisa Okufakiwe Kombhalo we-T9, kuzovela njengamaye amagama ahlukile kulelo.

Ukukhetha enye indlela yokubhala

Ngaphambi, noma ngenkathi ufaka izinhlamvu, cindezela bese ubamba (* a / # ~) ukukhetha enye indlela yokubhala.

Uhlu lokukhethwa kukho

- Ngaphezu ukuhlola uhlu lokukhethwa kukho. Uhlu lungaqukatha okunye noma konke kwalokhu okulandelayo:
 - Faka uphawu – izimpawu neziphumuzi ezinjengo ? no , ziyakhonjiswa. Hamba phakathi kwezimpawu ngokusebenzisa ☺, ☻, ☼ no ☹.
 - Engeza uhlamvu – izithombe, imiculo, imisindo, nokunye.
 - Pela igama – Yokufakwayo Kombhalo we-T9 kuphela. Hlela igama eliphakanyisiwe ngokusebenzisa okufakwayo kombhalo wethephu enhlobonhlobo.
 - Ulimi lokubhala – uhlu lwezilimi ezitholakalayo luyakhonjiswa.
 - Indlela yokubhala – uhlu lwezindlela ezitholakalayo zolimi lwamanje luyakhonjiswa.
 - Isichazam. (T9) – vula noma vala isichazamazwi se-T9 Text Input.
 - Iziphakamiso za. – khetha ukuze uhlale, noma ungahloli, iziphakamiso zamagama uma ubhala igama.

- **Amagama ami** – singatha amagama owengeze kwisichazamazwi.
- **Izinhlamvu zikaz** – vala izinhlamvu eziphathelele nolimi ukugcina isikhala. Lokhu okukhethwa kukho kuvela kuphela kwezinye izilimi zokubhala.

Imenyu yomsebenzi

Ungavula imenyu yomsebenzi noma ikuphi efonini ukuhlola nokusingatha izigameko ezintsha, nokungena kumabhukumaka namashothikhathi.

Amathebhu emenyu yomsebenzi

- **Izig. ezintsha** – lokhu kukhombisa izigameko ezintsha njengezingcingo ezingaphendulwanga nemibiko. Uma isigameko esisha senzeka, ithebhu iyavela esibukweni. Cindezela  ukukhipha noma ukususa isigameko kwithebhu yesigameko.
- **Amashothikh. ami** – lokhu kukhombisa amashothikhathi akho ahambayo kwisendlalelo. Ungengeza, ususe futhi ushintshe indlela amashothikhathi ami ngayo. Uma ukhetha ishothikhathi futhi uhlelo luvuleka, ezinye izinhlelo ziyavaleka noma zincishiswe.
- **Amabhukumaka** – lokhu kukhombisa amabhukumaka akho e-inthanethi. Uma ukhetha ibhukumaka futhi isipheqi sivuleka, ezinye izinhlelo ziyavaleka noma zincishiswe.

Ukuvula nokuvala imenyu yomsebenzi

Cindezela .

Imenenja yefayela

Sebenzisa imenenja yefayela ukusingatha amafayela (isibonelo, izithombe, amavidyo klipu nemisindo) agcinwe kwimemori yefoni nakwi-Memory Stick Duo. Izinto ezinjenga **Izithombe**, **Amavidyo**, **Imsindo**, **Izingqikithi**, **Imidlalo** ne **Izicelo** zigcinwa njengamafayela kumafolda. Wonke amafayela ifoni engakwazi ukuwabona agcinwa **Okunye** kwifolda. Ungakha amafolda akho angaphansi kumafolda achazwe ngaphambilini, lapho ungahambisa khona amafayela akho agciniwe.

Uma usingatha amafayela, ungakhetha ambalwa noma wonke amafayela kwifolda ngesikhathi esisodwa. Ungahambisa futhi ukopishe amafayela phakathi kwe-Memory Stick Duo nefoni. Izimpawu zibonisa lapho kugcinwe khona amafayela.

Wonke amafayela, ngaphandle kwamafayela anelungelo lokushicilela elivikelwe, agcinwa nge-othomathikhi kwi-Memory Stick Duo. Uma i-memory stick igcwele, ngeke ugcine lutho kwi-Memory Stick Duo uze ususe okunye okuqukethwe kuyo noma uhambise okuqukethwe kuye kwimemori yefoni. Uma i-Memory Stick Duo ingafakiwe kahle efonini, amafayela azogcinwa efonini uma kunememori eyanele esele.

Ukusebenzisa ifayela kwimenenja yefayela

- 1 Gqamisa ifayela kwi Izithombe noma Imisindo kwifolda.
- 2 ► Ngaphezu ► Sebenzisa njenge. Khetha ukuthi ufuna ukulisebenzisela ini ifayela.

Ukuhambisa ifayela kwifolda

- 1 ► Imenenja yefayela bese uvula ifolda.
- 2 Pheqa ifayela, isibonelo, isithombe ofuna ukusihambisa ► Ngaphezu ► Singatha amafaye ► Yiya kwifolda.
- 3 Khetha ifolda ofuna ukuhambisa kuyo ifayela, noma khetha ifolda entsha bese uqamba ifolda ► Kulungile.

Ukwakha ifolda engaphansi

- 1 ► Imenenja yefayela bese uvula ifolda.
- 2 ► Ngaphezu ► Ifolda entsha bese ufaka igama lefolda.
- 3 ► Kulungile ukugcina ifolda.

Ukukhetha amafayela amaningi

- 1 ► Imenenja yefayela bese ukhetha ifayela ► Ngaphezu ► Maka ► Maka okuningi.
- 2 Pheqa bese ukhetha amanye amafayela ngokucindezela Maka noma Susa uma.

Ukukhetha wonke amafayela kwifolda

- Imenenja yefayela bese ukhetha ifayela
► Ngaphezu ► Maka cindezela Maka kon.
noma Susa uma. ukususa okukhethiwe.

Ukukopisha ifayela efonini noma kwi-Memory Stick Duo

- 1 Pheqa kwifayela, isibonelo, umsindo, ofuna ukuwukopisha ► Ngaphezu ► Singatha amafaye.
- 2 Khetha Kopishela efonini noma Kopishela kwisiqo. Manje unamafayela amabili anegama elifanayo, kodwa anezimpawu ezihlukene phambi kwazo, akutshela ukuthi ifayela ligcinwe kuphi.

Ukuhambisa noma ukukopisha amafayela kwikhompyutha

- ➡ 75 Kudluliswa amafayela kusetshenziswa ikhebula le USB.

Ukususa ifayela kwi-Memory Stick Duo

Pheqa kwifayela ofuna ukulisusa kwi-Memory Stick Duo bese ucindezela (C).

Kufomethwa i-Memory Stick Duo

Ungafometha i-Memory Stick Duo uma ufuna ukususa lonke ulwazi olukuyo, noma uma lonakele.

Ukufometha i-Memory Stick Duo

- Imenenja yefayela bese ugqamisa ifolda
- Ngaphezu ► Fometha ime. ya.

Ulwazi lwefayela

Izinto ezilandiwe, noma ezamukelwe kusetshenziiswa eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona, zingaba nelungelo lokushicilela elivikelwe. Uma ifayela livikelwe, ngeke ukwazi ukukopisha noma ukulithumela lelo fayela. Ungakhetha ukuhlola ulwazi lwefayela.

Kushaywa ucingo

Izingcingo, oxhumana nabo, isilawuli sezwi, okukhethwa kukho ucingo.

Kushaywa izingcingo

Ngaphambi kokushaya noma kokwamukela izingcingo, kufanele uvule ifoni futhi ube sendaweni okufinyelela kuyo inethiwekhi.

► 9 Ukuvula ifoni nokushaya izingcingo.

Amanethiwekhi

Uma uvula ifoni, izikhethela yona inethiwekhi yakho yasekhaya uma lokhu kufinyeleleka.

Uma ingafinyeleleki, ungasebenzisa enye inethiwekhi, ngaphandle uma u-opharetha wenethiwekhi yakho enesivumelwano esikuvumela ukuthi wenze njalo. Loku kubizwa ngokuzula.

Ungakhetha inethiwekhi ofuna ukuyisebenzisa, ungengeza inethiwekhi ohlwini lwakho lwamanethiwekhi owathandayo. Ungashintsha futhi indlela amanethiwekhi akhethwe ngayo ngesikhathi sokucinga oku-othomathikhi. Ngakho konke lokho okukhetha kukho ► Izinhlalo ► i Ukuxhumana thebhu ► Amanethiwekhi a.



Ungashayela izinamba ohlwini lwezingcingo noxhumene nabo, ► 28 Uhla lwezingcingo, ne ► 23 Oxhumene nabo. Ungasebenzisa futhi izwi lakho ukushaya izingcingo, ► 29 Ukulawula izwi.

Ukushaya ucingo

- 1 Faka inamba yefoni (ngekhodi lamazwe omhlaba jikelel nekhodi lendawo uma kudingeka).
- 2 ► Ucingo ukushaya ucingo.
- 3 ► Vala uci. ukuvala ucingo.

Ukushintsha ivolumu yespikha sendlebe

Cindezela (+) noma (−) ukunyusa noma ukunciphisa ivolumu yespikha sendlebe ngesikhathi socingo.

Ukusebenzisa ilawudispikha ngesikhathi socingo lwezwi

- 1 Cindezela (●) bese ukhetha Vula isipikha ukuvula ilawudispikha.
- 2 Cindezela (●) bese ukhetha Vala isipikha ukuvala ilawudispikha.

 Ungayibambi ifoni uyibeke endlebeni ngenkathi usebenzisa ilawudispikha. Lokhu kungalimaza izindlebe zakho.

Ukuvala imakhrofoni

- 1 Cindezela bese ubamba (C).
- 2 Ukuqhubeka nengxoxo, cindezela (C) futhi.

Ukwemukela izingcingo

Uma wamukela ucingo, ifoni iyakhala bese inamba yoshaya ucingo iyavezwa (uma ukuthenga kwakho kubandakanya isevisi ye-Calling Line Identification nenamba yoshaya ucingo iyakhonjiswa).

Uma inamba ikoxhumana nabo, igama, inamba nesithombe (uma kunikezelwe) kuyakhonjiswa. Uma inombolo kuyinombolo ekalelwe, Bamba iyakhonjiswa.

Ukuphendula ucingo

► Phendula.

Ukuyeka ucingo

► Kubhizi noma cindezela ngokushesha ibhathini levolumu kabili.

Izingcingo ezingaphendulwanga

Uma kunocingo ongaluphendulanga, nemenyu yomsebenzi ivaliwe Ngaphendu lwanga: kubonakala kokumiswe isikhashana, kukhombisa isibalo sezingcingo ezingaphendulwanga. Ukuhlola izingcingo ezingaphendulwanga ohlwini lezingcingo ► Yebo. Uma ufuna ukubuye uhlole izingcingo ezingaphendulwanga ► Cha.

Ukubheka izingcingo ezingaphendulwanga

- 1 Kusuka kokumiswe isikhashana ► **Izingcin.**
bese upheqa ithebhu yezingcingo ezingaphendulwanga. Sebenzisa ☎ noma ☎ ukupheqa phakathi kwamathebhu.
- 2 Sebenzisa ☎ noma ☎ ukupheqa inamba ne ► **Ucingo** ukushayaela inamba.

Ukuphinda kuzidayelekele

Ukudayela kabusha inombolo

Uma ukuxhumana kotingo kwehluleka
Phinda uzame? iyakhonjiswa ► **Yebo.**



Ungayibambi ifoni uyibeke endlebeni ngenkathi usalindile. Uma ucingo seluxhumekile, ifoni iveza isibonisi sokukhala kotingo esinomsindo omkhulu.

Ifoni idayela kabusha inombolo kuze kube isikhathi eziyishumi noma kuze kube:

- Ucingo luxhumekile.
- Ucindezela **Yeka.**
- Wamukela ucingo.

Ukuphinda kuzidayelekele akukho eminingwaneni yezingcingo.

Ukushayela emazweni omhlaba

Uma ushaya ucingo lomhlaba jikelele, u + ungena esikhundleni senombolo yokuqala yotingo lwamazwe omhlaba jikelele, yezwe ofona ukulo. Ungashaya ucingo uphesheya, usebenzisa enye inethiwekhi, ngaphandle uma u-opharetha wenethiwekhi yakho enesivumelwano naleyo nethiwekhi.

Ukushaya izingcingo zomhlaba jikelele

- 1 Cindezela ubambe ☎ + uze ubone uphawu + luvela esibukweni.
- 2 Faka ikhodi yezwe, ikhodi yendawo (ngale kokuqala ngokufaka uziro) kanye inombolo yefoni, ► **Ucingo.**

Izingcingo eziphuthumayo

Ifoni yakho iyayisekela inombolo yamazwe omhlaba jikelele ephuthumayo u-112 no 911. Lokhu kusho ukuthi lezi zinombolo zingasetshenziswa ngendlela ejwayelekile ukushayela inombolo ephuthumayo kunoma yiliphi izwe, usebenzisa noma ungayisebenzisi i-SIM khadi, uma nje inethiwekhi ye-GSM isohlweni lokwemukela izingcingo.



Kwamanye amazwe, ezinye izinombolo eziphuthumayo zingakhangiswa. U-opharetha wakho kungenzeka ukuba uvele usezigcinile kwi-SIM khadi yakho izinombolo ezengenziwe eziphuthumayo zasekhaya.

Ukushaya ucingo oluphuthumayo

Faka, isibonelo, u 112 (inombolo yamazwe omhlaba jikelele yesimo esiphuthumayo), ► **Ucingo.**

Ukuhlola izinombolo eziphuthumayo zakho zasekhaya

► Ifonibhuku ► Ongakhetha ku ► Izinombolo ezithile
► Izinamba eziphuth.

Oxhumene nabo

Ungagcina ulwazi loxhumene naye kwimemori yefoni, njengabantu oxhumene nabo, noma kwi-SIM khadi njengamagama nezinombolo.

Ungakhetha ukuthi yiluphi ulwazi loxhumene nabo – **Abangani** noma **Izinombolo zeSi** – olukhonjiswa njengolumisiwe.

Ngolwazi olubalulekile nezinhlelo ► **Ifonibhuku**
► **Ongakhetha ku.**

Oxhumene naye omisiwe

Uma ukhetha ukusebenzisa **Abangani** njengabamisiwe, oxhumene nabo bakho bazokhombisa lonke olwazi olugcinwe **Oxhumene nabo.** Uma ukhetha **Izinombolo zeSi** njengokumisiwe, oxhumene nabo bazobonisa kuphela amagama nezinombolo ezigcinwe kwi-SIM khadi.

Ukukhetha oxhumene nabo abamisiwe

1 ► Ifonibhuku ► Ongakhetha ku ► Kuthuthukile
► Oxhumene nabo a.

2 Khetha **Abangani** noma **Izinombolo zeSi.**

Oxhumene nabo

Oxhumene nabo njengebhuku lamakheli, lapho ungagcina khona amagama, izinamba zefoni namakheli e-imeyli. Ungengeza futhi izithombe, amaringithoni kanye nolwazi oluqondene nawe, njengosuku lokuzalwa, i-imeyli, amakheli e Webhu nawomgwaqo, koxhumene nabo.

Uma wengeza ulwazi koxhumene nabo, ulwazi luhlelwa ngaphansi kwamathebhu ayisihlanu. Sebenzisa ☺, ☹, ☹ no ☹ ukupheqa phakathi kwamathebhu kanye nezindima zawo zolwazi.

Oxhumene nabo be-SIM

Kwi-SIM khadi yakho ungagcina izinhlu njengegama kanye nenombolo eyodwa. Isibalo sezinhlw ongazigcina sincike kwisamba sesiqophi esikhona kwi-SIM khadi yakho, bheka **Ifonibhuku**

► Ongakhetha ku ► Kuthuthukile ► Izinga lememori.



Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho ngolwazi oluthe xaxa.

Ukwengeza oxhumene naye efonini

- 1 ► Ifonibhuku ► Oxhumene naye ► Engeza.
- 2 Faka igama ngqo noma cindezela **Engeza** bese ufaka igama ► **Kulungile**.
- 3 Faka inombolo ngqo, noma cindezela **Engeza** bese ufaka inombolo ► **Kulungile**.
- 4 Khetha uhlobo lwenombolo.
- 5 Pheqa phakathi kwamathebhhu nezindawo ezikhethiwe ukuze ufake ulwazi oluthe xaxa. Ukufaka izimpawu, isibonelo, @ ekhelini le-imeyli ► **Izimpawu** bese ukhetha uphawu ► **Faka**.
- 6 Uma usufake ulwazi ► **Gcina**.

Ukwengeza oxhumene naye we-SIM

Uma oxhumene nabo be-SIM bengoxhumene naboabamisiwe, landela izinyathelo ezifanayo njengezokwengeza oxhumene naye efonini. Ungengeza igama nenombolo kuphela koxhumene nabo be-SIM.

Izithombe nezinhlobo zokukhala kocingo okungezakho

Ungengeza isithombe neringithoni eqondene nawe koxhumene naye efonini. Uma lowo muntu efona, isithombe siyavela esibukweni (kuye ngokuthi ukuthenga kwakho kuyayisekela yini iSevisi yokuQagula ukuthi ubani oFonayo) nanokuthi umsindo wocingo uyadlalwa yini.

Ukwengeza isithombe noma iringithoni koxhumene naye efonini

- 1 ► Ifonibhuku bese ukhetha oxhumene naye ofuna ukumfakela isithombe noma umsindo wokukhala kocingo ku ► **Ngaphezu** ► **Hlela oxhumene n**.
- 2 Sebenzisa ☺, ☹, ☹ no ☹ ukupheqa kwithebhhu elifanele. ► **Isithombe**: noma **Iringithoni** ► **Engeza**.
- 3 Khetha isithombe noma umsindo. ► **Gcina** ukugcina oxhumene naye.

Kushayelwa ucingo oxhumene nabo

Ungayishayela enye yezinombolo ezigcinelwe oyedwa walabo oxhumene nabo, noma inombolo ye-SIM khadi yakho.

Uma oxhumene nabo efonini besethwe njengabamisiwe, ungakhetha ukushaya ucingo usuka koxhumene nabo noma usukela kwi-SIM khadi.

Uma oxhumene nabo kwi-SIM besethwe njengabamisiwe, ungashayela kuphela izingcingo ezikwi-SIM khadi.

Ukushayela ucingo oxhumene naye

- 1 ► Ifonibhuku. Pheqa ku, noma faka uhlamvu lokuqala noma izinhlamvu zoxhumene naye ofuna ukumshayela ucingo.
- 2 Uma oxhumene naye ofuna ukumfonela egqanyiswa, cindezela  noma  ukukhetha inombolo ► Ucingo.

Ukushayela ucingo oxhumene naye kwi-SIM

- 1 ► Ifonibhuku. Uma oxhumene nabo be- SIM besethwe njengabamisiwe, khetha igama nenombolo ofuna ukuyishayela ohlwini ► Ucingo.

- 2 Uma oxhumene nabo efonini besethwe njengabamisiwe ► Ifonibhuku
► Ongakhetha ku ► Izinombolo zeSI bese ukhetha igama nenamba ofuna ukuyishayela ohlwini ► Ucingo.

Cela ukugcina

Uma uvala ucingo noma wamukela umbiko, ifoni izokutshela ukuba wengeze inombolo yefoni noma ikheli le-imeyli kulabo oxhumene nabo.

Ukucupha ucela ukugcina

- Ifonibhuku ► Ongakhetha ku ► Kuthuthukile
► Cela ukulonda ► Vuliwe.

Kuvuselelwa oxhumene nabo

Ungavuselela kalula bese uhlela noma yiluphi ulwazi koxhumene nabo bakho.

Ukuhlela oxhumene naye efonini

- 1 ► Ifonibhuku bese ukhetha oxhumene naye
► Ngaphezu ► Hlela oxhumene n.
- 2 Sebenzisa , ,  no  ukupheqa kwithebhhu efanele bese uhlela ulwazi ofuna ukuluhlela ► Gcina.

Ukuhlela oxhumene naye we-SIM

- 1 Uma oxhumene nabo be-SIM besethwe njengabamisiwe ► **Oxhumene nabo** bese ukhetha igama nenamba ofuna ukuyihlela. Uma oxhumene nabo efonini besethwe njengabamisiwe ► **Ifonibhuku** ► **Ongakhetha ku** ► **Izinombolo zeSI**. Khetha igama nenombolo ofuna ukuyihlela.
- 2 ► **Ngaphezu** ► **Hlela** bese uhlela igama nenombolo.

Ukususa oxhumene naye

► Ifonibhukubese upheqa ufike koxhumene naye ofuna ukumsusa, cindezela .

Ukususa bonke oxhumene nabo

- 1 ► **Ifonibhuku** ► **Ongakhetha ku** ► **Kuthuthukile** ► **Susa bonke oxhum.**
- 2 ► **Yebo** bese ufaka ikhodi yokukhiya ifoni ► **Kulungile**. Ikhodi enephutha yokukhiya ifoni ngu-0000. Amagama nezinombolo ezigcinwe kwi-SIM khadi ngeke kucishwe.

Izinto ezimisiwe zoxhumene nabo efonini

Okumisiwe kukhonjiswe endaweni yokuqala yoxhumene naye efonini, futhi kungeneka kukho kalula. Ungasetha okumisiwe – inamba yefoni, ikheli le-imeyli noma ikheli le-Web – ukuthi kuvezwe kuqala ngoxhumene naye ngamunye. Uma ungayisethi into yakho emisiwe, inamba yefoni yakho ephathekayo iba yinto emisiwe.

Ukuze uhlele nto yomngani

- 1 ► **Ifonibhuku** bese upheqa umngani ► **Ngaphezu** ► **Inamba emisiwe**.
- 2 Khetha inombolo yefoni, ikheli le-imeyli noma ikheli leWebhu olifuna njengento enephutha.

Kuthunyelwa oxhumene nabo

Ungathumela oxhumana nabo usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona.

Ukuthumela oxhumene naye

► **Ifonibhuku** bese ukhetha oxhumana naye ► **Ngaphezu** ► **Thumela umngani** bese ukhetha indlela yokudlulisa.

Ukuthumela bonke oxhumene nabo

► **Ifonibhuku** ► **Ongakhetha ku** ► **Kuthuthukile** ► **Thumela bonke** aba bese ukhetha indlela yokudlulisela.

Kuhlolwa isiqophi

Ngohlelo lwezinga lememori, ungahlola ukuthi zingaki izindawo ezisele kwimemori yefoni nakwimemori ye-SIM.

Ukuhlola isiqophi

- Ifonibhuku ► Ongakhetha ku ► Kuthuthukile
- Izinga lememori.

Ukulinganisa abangani

Ungaqapha ingozi futhi uvumelanise xhumana nabo ngohlelo loxhumana nabo kwiWebhu. Uma ufuna ulwazi oluthe xaxa, sicela uxhumane nomikezeli wakho wesevisi. Ungavumelanisa futhi oxhumana nabo nhlelo lwekhompyutha

➡ 69 Kuyavumelaniswa.

Ukuvumelanisa oxhumene nabo

- 1 ► Ifonibhuku ► Ongakhetha ku ► Linganisa abangani.
- 2 Uma une-akhawunti angaphezu kweyodwa, khetha ukuthi iyiphi ozoyisebenzisa ► Khetha. Uma ungenayo i-akhawunti efonini, ➡ 70 Ukufaka izinhlelo ezikude zokuvumelanisa.

Ukukopisha oxhumene nabo

Ungakopisha amagama nezinombolo zisuka futhi ziya koxhumana nabo efonini nakwiSIM khadi. Khetha uma ufuna ukukopisha zonke izinombolo, noma inombolo ngayinye.



Uma ukhetha ukukopisha bonke oxhumana nabo kwifoni baye kwiSIM khadi, lonke ulwazi olukhona kwiSIM khadi kufakwa olunye esikhundleni salo.

Ungasetha futhi ifoni ukuthi izigcinele ngokwayo uhlu olufakwayo kwiSIM khadi. Ngalolu hlelo, amagama nezinamba zefoni ozengezayo noma ozihlelayo koxhumana nabo efonini kwimemori yefoni nacho kuyagcinwa kwiSIM khadi. Inani lezinamba zamafoni elingagcinwa lincike kuhlobo lweSIM khadi.

Ukukopishela amagama nezinombolo kwi-SIM khadi

- 1 ► Oxhumene nabo ► Ongakhetha ku ► Kuthuthukile ► Kopisha kwiSIM.
- 2 Khetha Kopisha konke noma Kopisha inamba.

Ukukopisha amagama nezinamba koxhumene nabo efonini

- 1 ► Ifonibhuku ► Ongakhetha ku ► Kuthuthukile ► Kopisha kwi-SIM.
- 2 Khetha Kopisha konke noma Kopisha inamba.

Ukugcina nge-othomathikhi amagama nezinamba zefoni kwiSIM khadi

- 1 ► Oxhumene nabo ► Ongakhetha ku
► Kuthuthukile ► Ukulonda nge-Otho.
- 2 Khetha Vuliwe.

Uhla lwezingcingo

Izinamba zezingcingo ezisand akushayelwa zigcinwa ohlwini lwezingcingo. Izingcingo ezidayelwe, eziphenduliwe nezingaphendulwanga zifakwa ngaphansi kwamathebhu ahlukene.

Ukushayela inombolo ohlwini lwezingcingo

- 1 ► Izingcin. kokumiswe isikhashana bese ukhetha ithebhu.
- 2 Sebenzisa ☉, ☉, ☉ no ☉ ukupheqa egameni nenamba ofuna ukuyishayela
► Ucingo.

Ukwengeza inombolo esohlwini lwezingcingo kokhumene nabo

- 1 ► Izingcin. kokumiswe isikhashana bese ukhetha ithebhu.
- 2 Pheqa inamba ofuna ofuna ukuyengeza
► Ngaphezu ► Gcina inombolo.

- 3 ► Oxhumene naye ukwakha oxhumene naye omusha, noma khetha oxhumene naye ovele okhona ukwengeza inamba ku.

Ukusula uhla lwezingcingo

► Izingcin. bese upheqa ithebhu enazo zonke izingcingos ► Ngaphezu ► Susa konke.

Ukudayela okusheshayo

Ungagcina izinamba zefoni ofuna ukuzithola kalula ezindaweni 1 – 9 efonini yakho.

Ukudayela ngokushesha

Kusukela kokumiswe isikhashana, faka inombolo yendawo ne ► Ucingo.

Ukusethe noma ukufaka okunye esikhundleni sezinamba zokudayela okusheshayo

- 1 ► Oxhumene nabo ► Ongakhetha ku
► Dayela ngokushesh.
- 2 Pheqa endaweni ohlwini ► Engeza noma
► Faka oku.

Isiqophamazwi

Uma ukuthenga kwakho kubandakanya isevisi yokuphendula, umshayilucingo angashiya umbiko kwisiqophambiko uma ungeke ukwazi ukuphendula ucingo.

Ukushayela isevisi yesiqophambiko

Ungashayela kalula isevisi yesiqophambiko ngokucindezela bese ubamba (1).

Uma ungakayihleli inombolo yesiqophambiko, uyobuzwa ukuthi iyiphi inombolo oyifunayo.

► **Yebo** ukufaka inombolo. Uthola inamba ku-opharetha wakho wenethiwekhi.

Ukufaka inamba yesiqophamazwi

► Imibiko ► Izinhlelo ► Inombolo yesiqoph.

Ukulawula izwi

Ngefoni yakho ungalisebenzisa izwi ukuze:

- Ukudayela ngezwi – fonela omunye ngokuthi usho igama.
- Vula uhlelo lokulawula ngezwi ngokuthi usho “igama eliwumlingo”.
- Phendula noma yeka izingcingo ngenkathi usebenzisa isethi yehendisifiri.

Imiyalelo yezwi ingagcinwa kuphea kwimemori yefoni yangaphakathi, hhayi kwiSIM khadi. Uma urekhoda, qinisekisa ukuthi usendaweni engenamsindo bese uzama ukusebenzisa amagama ahlukile kwamanye, ► 32 *Izeluleko uma uqopha futhi usebenzisa imiyalelo yamazwi.*

Ngaphambi kokudayela ngezwi

Kufanele uqale ngokuvula uhlelo lokudayela ngezwi bese uqopha noma urekhoda imiyalelo yakho yezwi. Uphawu luyavela eduze kwegama lalowo oxhumene naye onomyalelo wezwi.

Ukucupha ukudayela ngezwi nokurekhoda amagama

- Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu
► Lawula izwi ► Ukudayela ngezwi
► Cupha ► Yebo ► Izwi elisha bese ukhetha oxhumeke naye.
- Uma oxhumeke naye enenombolo engaphezu kweyodwa, sebenzisa ☉ ne ☼ ukuhlola izinombolo. Khetha inamba yefoni ofuna ukwengeza kuyo umyalelo wezwi. Manje usuzoqopha umyalelo wezwi njengokuthi “John ohambayo” kwinombolo yefoni oyikhethile.

Kushaywa ucingo

- 3 Imiyalelo iyavela. Linda ithoni bese usho umyalelo ofuna ukuwurekhoda. Umyalelo wezwi ubuye udlalelwe wona.
- 4 Uma imisindo yokuqopha ikahle ► **Yebo**. Uma kungenjalo ► **Cha** bese uphinda isinyathelo sesi- 3.
- 5 Ukuqopha omunye umyalelo wezwi woxhumene naye ► **Izwi elisha** ► **Engeza** futhi bese uphinda izinyathelo 2 – 4 ngasenhla.

Igama lofonayo

Ungakhetha noma ufuna ukuzwa igama eliqoshiwe lalowo oxhumene naye ngenkathi uthola ucingo oluvela koxhumene naye.

Ukuvula nokuvala igama loshaya ucingo

► Izinhlalo ► i Okujwayelekile thebhu ► Lawula izwi ► Dlala igama lofona.

Ukudayela ngezwi

Ungadayela ngezwi ngokuthi usho umyalelo wezwi eseliqoshiwe. Qala ukudayela ngezwi usuka kokubekwe eceleni usebenzisa ifoni, ihendisifiri ephathekayo, i-Bluetooth noma ngokusho igama lakho lomlingo.

Ukushaya ucingo usefonini

- 1 Kusuka kokumiswe isikhashana, cindezela bese ubamba elinye lamabhathini evolumu.
- 2 Lindela ithoni bese usho igama oliqophe ngaphambilini, isibonelo “John mobile”. Igama ubuye udlalelwe lona kanti ncingo luxhumekile.

Ukushayela ihendisifiri

Kokubekwe eceleni, cindezela ibhathini lehendisifiri, noma ibhathini lokufakwa ekhanda le-Bluetooth.

Igama eliwumlingo

Ungakwazi ukuqopha izwi eliwumlingo bese ulisebenzisa njengomyalelo wezwi ukuze ungenise sonke isamba sehendisifiri yikhona uzokwazi ukulawula izwi. Esikhundleni sokuthi ucindezele futhi ubambe ibhathini levolumu, usho izwi eliwumlingo bese usho eminye yemiyalelo yakho eqoshiwe yezwi. Igama eliwumlingo lifanelana kahle ikakhulu uma usebenzisa isethi yehendisifiri yemoto.



Khetha igama elide nelingajwayelekile nelingabonakala kalula enkulumeni eyejwayelekile neyisendlalelo.

Ukuvula nokuqopha igama eliwumlingo

- 1 ► Izinhlalo ► i Okujwayelekile thebhu
► Lawula izwi ► Igama eliwumlingo ► Cupha.
- 2 Imiyalelo iyavela. ► Qhubeka. Lindela izwi bese usho igama eliwumlingo.
- 3 Imiyalelo iyavela. ► Qhubeka bese ukhetha izindawo ofuna ukuba izwi eliwumlingo licushwe kulo. Ungakhetha okuningi ongakhetha kukho.

Ukuphendula ngezwi

Ungaphendula noma uyeke izingcingo ezingenayo usebenzisa izwi lakho, uma usebenzisa ihendisifiri ephathekayo noma isethi yehendisifiri yemoto.



Ungasebenzisa kuphela ifayela le-MIDI, WAV, EMY noma le-IMY njengeringithoni ephendula ngezwi.

Ukuvula uhlelo lokuphendula ngezwi bese uqopha imiyalelo yokuphendula ngezwi

- 1 ► Izinhlalo ► i Okujwayelekile thebhu
► Lawula izwi ► Ukuphendula ngez. ► Cupha.
- 2 Imiyalelo iyavela. ► Qhubeka. Lindela izwi bese usho igama eliwumlingo “Phendula”, noma elinye igama. Uma imisindo yokuqopha ikahle ► Yebo. Uma kungenjalo ► Cha bese uphinda isinyathelo sesi- 2.

- 3 Yithi “Bhizi”, noma elinye igama ► Yebo.
- 4 Imiyalelo iyavela. ► Qhubeka bese ukhetha indawo ofuna ukuba ukuphendula ngezwi kucushwe kuyo. Ungakhetha okuningi ongakhetha kukho.

Ukuphendula ucingo usebenzisa imiyalelo yezwi

Uma ucingo lukhala, yithi “Phendula” ucingo luzobe seluxhumeka.

Ukuyeka ucingo usebenzisa imiyalelo yezwi

Uma ifoni ikhala, yithi “Bhizi”. Ucingo luyekiwe. Ofonayo usedluliselwe kwisiqophambiko, uma sivuliwe noma uzwa izwi elibhizi.

Ukuhlela imiyalelo yezwi lakho

Ungahlela yonke imiyalelo yezwi egcinwe ku Oxhumene nabo. Khetha oxhumene nabo ofuna ukubahlelela umyalo wezwi ► Ngaphezu
► Hlela oxhumene n. Pheqa ithebhu efanele bese uhlela umyalelo wezwi.

Ukuze uqophe kabusha umyalelo wezwi

- 1 ▶ Izinhlelo ▶ i Okujwayelekile thebhu
▶ Lawula izwi ▶ Ukudayela ngezwi
▶ Hlela amagama.
- 2 Khetha umyalelo wezwi ▶ Ngaphezu
▶ Faka okunye esi.
- 3 Lindela ithoni bese usho umyalelo.

Izeluleko uma uqopha futhi usebenzisa imiyalelo yamazwi

Uma ifoni yakho ingeke ikwazi ukubona inkulumo, kungenzeka okukodwa kwalokhu okulandelayo:

- Ukhulumele phansi kakhulu – zama ukukhuluma kakhulu.
- Ifoni uyibambe kude – ibambe ngendlela oyaye uyibambe ngayo uma usocingweni.
- Umyalelo wezwi bewumfishane kakhulu – kufanele okungenani ube umzuzwana owodwa ubude futhi ube nezinhlamvu zamagama ezingaphezu kolulodwa.
- Uphuze kakhulu ukukhuluma noma usheshe kakhulu ukukhuluma – khuluma emuva nje kokuphela komsindo wefoni.

- Awuwuqophanga umyalelo wezwi ngenkathi ihendisifiri isananyathiselwe – uma ufuna umyalelo wokuqopha ngezwi kanye nesethi yehendisifiri, qopha ngenkathi ihendisifiri isananyathiselwe.
- Usebenzise elinye iphimbo – sebenzisa iphimbo elifana nalelo owalisebenzisa ngenkathi uqopha umyalelo wezwi.



Izingcingo eziphanjuliwe

Uma ungakwazi ukuphendula izingcingo ezingenayo zezwi noma zolwazi ungaziphambula ziye kwenye inombolo, isibonelo isevisi yakho yokuphendula.



Uma uhlelo lwezizingcingo ezikalelwe luvuliwe, ezinye izingcingo eziphanjuliwe ongakhetha kuzo azitholakali.

Ungakhetha phakathi kwalezi ziphambuli ezilandelayo:

- **Onke amakholi** – phambula zonke izingcingo.
- **Uma kubhizi** – phambula izingcingo uma sewuvele usocingweni.
- **Awutholakali** – phambula izingcingo uma ifoni yakho icishiwe noma ungatholakali.
- **Nampendulo** – phambula izingcingo ongaphephanduli ngesikhathi esithile esinqunyiwe.

Ukucupha ucingo oluphanjuliwe

- 1 ► Izingcingo thephu ► Phambula.
- 2 Khetha uhlobo locingo bese ukhetha okukodwa kokuphambula ► Vuselela.
- 3 Faka inombolo yefoni ofuna izingcingo ziphanjulelwe kuyo, noma cindezela Bheka ukuthola oxhumene naye ► Kulungile.

Ukungacuphi ucingo oluphanjuliwe

Pheqa uye kokuphanjuliwe ongakukhetha
► Akucushiwe.

Ukuhlola konke ukuphanjulwa

► Izingcingo thephu ► Phambula
► Hlola konke.

Ngaphezu kocingo olulodwa

Ungakwazi ukuphendula izingcingo ezingaphezu kolulodwa sikhathi sinye.

Isevisi yocingo olulindile

Uma isevisi icushiwe, uzwa ibhiphu uma wamukela ucingo lwesibili.

Ukuvuselela nokungavuseleli isevisi yokulindisa ucingo

► Izingcingo thephu ► Singatha izin.
► Azophendulwa.

Ukushaya ucingo lwesibili

- 1 ► Ngaphezu ► Misa ucingo ukumisa ucingo olusaqhubeka.
- 2 Faka inombolo ofuna ukuyishayela
► Ngaphezu ► Fona.

Kwemukelwa ucingo lwezwi lwesibili

Uma uthola ucingo lwesibili, ungenza lokhu okulandelayo:

- ► Phendula bese umisa ucingo olusaqhubeka.
- ► Bhizi ukuyeka ucingo lwesibili nokuqhubeka ncingo oluqhubekayo.
- ► Faka ucingo oluse ukuphendula ucingo lwesibili nokuvala ucingo oluqhubekayo.

Ukuphatha izingcingo zezwi ezimbili

Uma unocingo olulodwa okhuluma kulo nolunye olulodwa olulindile, ungenza lokhu okulandelayo:

- ► Shintsha izingcingo ukushintsha phakathi kwezingcingo ezimbili.
- Cindezela ► Hlanganisa izingc. ukujoyina izingcingo ezimbili ocingweni lwesigungu.
- Cindezela ► Dlulisa ucingo, ukuxhuma izingcingo ezimbili. Awuxhumekile kulezi zingcingo ezimbili.
- ► Vala uci. ukuvala ucingo oluqhubekayo, bese ucindezela Yebo ukuqaqa ucingo olumisiwe.

Kushaywa ucingo

- ▶ **Vala uci.** kabili ukuzivala zozimbili izingcingo (kuncike ku-opharetha).
- Ungeke uphendule ucingo lwesithathu ngale kokuvala olunye kulezi ezimbili noma zihlanganise ocingweni lwesigungu.

Izingcingo zesigungu

Ocingweni lwesigungu, ungakwazi ukukhuluma nabanye abantu abangaze babe yisihlanu. Ungalimisa futhi ucingo lwesigungu bese ufonela kwenye indawo.



Kungaba namashaji engeziwe ezingcingo ezibandakanya abantu abanengi, xhumana no-opharetha wakho wenethiwekhi ngolwazi oluthe xaxa.

Ukuhlanganisa lezi zingcingo ezimbili zibe ucingo lwesigungu

Cindezela ☉ ▶ Hlanganisa izingc.

Ukwengeza omunye engxoxweni

- ▶ **Bamba ucingo** ukumisa izingcingo ezihlanganisiwe.
- Cindezela ☉ ▶ **Engeza ucingo** bese ufonela umuntu olandelayo ofuna ukumfaka ocingweni lwesigungu.
- Cindezela ☉ ▶ **Hlanganisa izingc.**
- Phinda isinyathelo 1 kuya ku -3 ukuze ufake omunye obambe iqhaza.

Ukudedela umuntu obambe iqhaza

Cindezela ☉ ▶ **Khulula ingxenye** bese ukhetha obambe iqhaza ofuna ukumkhulula ocingweni lwesigungu.

Ukuqala ingxoxo yangasese

- Cindezela ☉ ▶ **Khuluma no** bese ukhetha obambe iqhaza ofuna ukukhuluma naye.
- ▶ **Hlanganisa izingc.** ukuqalisa ucingo lwesigungu.



Olayini ababili bezwi

Uma ukuthenga kwakho kwesekela enye isevisi kalayini, ifoni yakho ingaba nolayini ababili bezwi abanezinombolo zefoni ezihlukene.

Ukukhetha ulayini wezingcingo eziphumayo

▶ Izinhlalo ▶ i **Izingcingo** thebhu bese ukhetha ulayini 1 noma 2.

Ukuguqula igama lolayini

▶ Izinhlalo ▶ i **Khombisa** thebhu ▶ **Hlela ulayini** bese ukhetha owodwa wolayini ukuhlela igama.

Izinombolo zami

Hlola, engeza bese uhlela izinombolo zakho zefoni.

Ukuhlola izinombolo zefoni yakho

- Oxhumana nabo ► Ongakhetha ku
- Izinombolo ezithile ► Izinombolo zami bese ukhetha okukodwa ongakhetha kukho.

Yamukela izingcingo

Ngesevisi yezingcingo ezemukelwe, ungakhetha ukwemukela izingcingo kwezinye zezinombolo kuphela. Ezinye izingcingo zenqatshwa ngokokukhombisa ukuthi ifoni iyasebenza. Uma uhlelo lokuphambula ucingo **Uma** kubhizi lucushiwe, izingcingo ziyaphanjulwa esikhundleni sokuba ziyekwe ngezwi elibhizi. Izinombolo zezingcingo ongaziphendulanga zigcinwa ohlwini lwezingcingo.

Ukufaka ezinye izinombolo kubashayizingcingo abemukelekile

- 1 ► Izinhlalo ► i Izingcingo thebhu ► Singatha izin. ► Mkela izingcingo ► Ezisohlwini kup ► Hlela ► Engeza. Khetha oxhumana naye.
- 2 Ukwengeza iqembu loxhumana nabo ohlwini labafonayo abamukelekile ► Amaqembu (kudinga ukuthi wakhe amaqembu, ► 37 Amaqembu).

Ukwamukela zonke izingcingo

- Izinhlalo ► i Izingcingo thebhu ► Singatha izin.
- Mkela izingcingo ► Bonke abafonile.



Ukudayela okukalelwe

Ungasebenzisa isevisi yezingcingo ezikalelwe ukukalela izingcingo eziphumayo nezingenayo. Udinga iphasiwedi olithola kumnikezeli wakho wesevisi.



Uma uphambukisa izingcingo ezingenayo, awukwazi ukucupha Izingcingo ezikalelwe ongakhetha kuzo.

Lezi zingcingo zingakalelwa:

- **Eziphumayo** – Zonke izingcingo eziphumayo.
- **Eziya emazweni** – Zonke izingcingo zomhlaba jikelele eziphumayo.
- **Oluphumayo uma** – Zonke izingcingo eziphumela emazweni angaphandle, ngaphandle kwalezo eziya ezweni lakini.
- **Ezingenayo** – Zonke izingcingo ezingenayo.
- **Olungenayo uma** – Zonke izingcingo ezingenayo uma ukwelinye izwe (uma uzula).

Ukucupha nokungacuphi ucingo olukalelwe

- 1 ► Izinhlelo ► i Izingcingo thebhu
► Singatha izin. ► Kholi alawuliwe bese ukhetha okukhethwa kukho.
- 2 Khetha Vuselela noma Akucushiwe, faka iphasiwedi yakho ► Kulungile.



Ukudayela okuhleliwe

Umsebenzi wohlelo lokudayela okuhleliwe uvumela izingcingo ukuthi zenziwe kuphela ezinambeni ezithile ezigcinwe kwiSIM khadi. Izinamba ezikalelwe zivikelwe iPIN2 yakho.



Ungakwazi futhi ukushaya inamba yezimo eziphuthumayo yomhlaba jikelele u 112, yizo noma umsebenzi wohlelo lokudayela okuhleliwe kucushiwe.

Izinombolo ezingaphelele zingalondwa. Isibonelo, ukugcina u-0123456 kuvumela izingcingo ukuba zishayelwe kuzo zonke izinombolo eziqala ngo-0123456.



Uma ukudayela okuhleliwe kucushiwe, ngeke uhlole noma usingathe noma iziphi izinamba zamafonti ezigcinwe kwiSIM khadi.

Ukucupha nokungacuphi ukudayela okuhleliwe

- 1 ► Oxhumana nabo ► Ongakhetha ku
► Izinombolo ezithile ► Ukudayela okuhleli bese ukhetha Cupha noma Ukungacuphi.
- 2 Faka i-PIN2 yakho ► Kulungile bese ► Kulungile futhi ukuze uqinisekise.

Ukulonda izinombolo ezihleliwe

► Oxhumana nabo ► Ongakhetha ku
► Izinombolo ezithile ► Ukudayela okuhleli
► Izinombolo ezihleli ► Inombolo entsha bese ufaka ulwazi.



Isikhathi sokufona kanye nezindleko

Ngenkathi ufona, isikhathi sokufona siyakhonjiswa esibukweni. Ungahlola isikhathi socingo lwakho lokugcina, izingcingo eziphumayo nesikhathi esiphelele.

Ukuhlola isikhathi socingo

► Izinhlelo ► i Izingcingo thebhu
► Isikhathi nezindleko ► Isilinganiso.

Izinhlelo ezengeziwe zocingo

Isibonisi sezwi

Ungasebenzisa amasevisi ebhenki yefoni noma ulawule umshini wokuphendula ifoni ngokuthumela amasignali ethoni ngesikhathi socingo.

- Ukuthumela amathoni, cindezela amabhathini $\boxed{0} + - \boxed{9}$, $(*)a/Am$ noma $(\#)wz$.
- Ukusula isibuko emva kokuvala ucingo, cindezela $\boxed{C}$.
- Ukuvula nokuvala amathoni ngesikhathi socingo, cindezela $\odot$ kokubekwe eceleni bese ukhetha **Amathoni avala** noma **Vulela amathoni**.

Inothipedi

Ungasebenzisa ifoni ukubhala inamba yefoni ngesikhathi socingo. Uma ucindezela amakhi ezinamba, umuntu okhuluma naye uzwa amasignali ethoni. Uma uvala ucingo, inamba isala esibukweni.
 ► **Ucingo** ukushayela inamba. ► **Ngaphezu**
 ► **Gcina inombolo** bese ukhetha oxhumana naye ukugcina inamba. Uma ufuna ukwakha oxhumana naye omusha bese ugcina inamba ► **Oxhumene naye**.

Kukhonjiswa noma kufihlwa inamba yakho

Uma ukuthenga kwakho kusekela iSevisi yokuLawula ukuVezwa komuntu oFonayo (CLIR), ungayifihla inombolo yocingo lwakho ngenkathi ufona.

Ukuyikhombisa njalo noma ukuyifihla inombolo yakho yocingo

- 1 ► Izinhlelo ► i Izingcingo thephu
 ► Bonisa noma fihla.
- 2 Khetha **Khombisa inomb**, **Fihla inombolo** noma **Okumisiwe kwe**.

Amaqembu

Ungakwazi ukwakha iqoqo lezinamba namakheli e-imeyli. Ngokwenza njalo, ungathumela imibiko kubamukeli abaningi ngesikhathi esisodwa,
 ► **38 Ukuthumela imibiko**. Ungasebenzisa futhi amaqembu (nezinamba) uma wakha uhlu lwabafonayo abamukelekile, ► **35 Yamukela izingcingo**.

Ukuthumela imibiko

Ukwakha iqoqo lezinamba namakheli e-imeyli

- 1 ► Oxhumana nabo ► Ongakhetha ku
► Amaqembu ► Iqembu elisha ► Engeza.
- 2 Faka igama leqembu ► Qhubeka.
- 3 ► Okusha ► Engeza ukuthola nokukhetha
inamba yoxhumana naye.
- 4 Phinda isinyathelo 3 ukwengeza ezinye
izinamba. ► Kwenziw.

Amabhizinesi khadi

Ungengeza eyakho ibhizinesi khadi
njengoxhumana naye.

Ukufaka ibhizinesi khadi yakho

- Oxhumana nabo ► Ongakhetha ku ► Ikhadi lami
bese wengeza ulwazi lwebhizinisi khadi lakho
► Gcina.

Ukuthumela ibhizinesi khadi

- Oxhumana nabo ► Ongakhetha ku ► Ikhadi lami
► Thumela ikhadi lam bese ukhetha indlela
yokudlulisela.

Ukuthumela imibiko

*Ukuthumela umbiko ngombhalo, ukuthumela
umbiko ngesithombe, i-imeyli yezwi, i-imeyli,
aBangani bami.*



Ifoni yakho isekela amasevisi anhlobonhlobo
okuthumela imibiko. Sicela uxhumane nomnikezeli
wakho wesevisi ngamasevisi ongawasebenzisa
noma ngolwazi oluthe xaxa, vakashela
ku www.SonyEricsson.com/support.

Umbhalo wombiko (SMS)

Imibiko ebhaliwe ingaqukatha izithombe, izithombe
ezisemishinini, imiculo kanye nemisindo.



*Uma uthumela umbiko obhaliwe eqenjini, uyakhokhiswa
ngelungu ngalinye lalalo qembu.*

Ngaphambi kokuba uqale

Okokuqala, qiniseka ukuthi inombolo yesikhungo
sakho sesevisi ihleliwe. Inombolo itholakala
kumnikezeli wakho wesevisi futhi ijwayele
ukugcinwa kwi-SIM khadi.

Ukuhlela inombolo yesikhungo sesevisi

- 1 ► Imibiko ► Izinhlelo ► Umbiko obhaliwe
► Isikhungo sokuse. Uma isikhungo senombolo yesevisi sigcinwe kwi-SIM khadi, sikhonjiswa ohlwini.
- 2 Uma kungenanombolo ohlwini ► Engeza bese ufaka inombolo, kubandakanya uphawu “+” lomhlaba jikelele kanye nekodi yezwe ► Gcina.

Ukuthumela umbiko obhaliwe

Ngolwazi ngokufaka izinhlamvu zamagama

► 15 Faka izinhlamvu.

 Ezinye izinhlamvu eziqondene nolimi oluthile zisebenzisa indawo enkulu. Kwezinye izilimi ungayeka ukucupha izinhlamvu zikaz ukuze wonge isikhala.

Ukubhala nokuthumela umbiko obhaliwe

- 1 ► Imibiko ► Bhala okusha ► Umbiko wombh.
- 2 Bhala umbiko wakho ► Qhubeka. Uma ufuna ukugcina umbiko ozowubheka kamuva, cindezela . ► Yebo ukuwugcina ku izinhlaka.

- 3 ► Faka inombolo yef. bese ufaka inombolo yefoni yomemukeli, noma ► Bheka ifonibhuku ukuqaqa inombolo noma iqembu Koxhumana nabo. Ukufaka ikheli le-imeyli
► Faka ikheli le-ime. Uhlu olungezansi kokukhethwa kukho kokuthumela kukhombisa abemukeli bokugcina abasetshenzisiwe. Ungamkhetha futhi umemukeli kulolu hlu.
► Thumela.

 Ukuthumela kwikheli le-imeyli, kudingeka usethe inamba ye-gateway ye-imeyli, ► 7 ► Izinhlelo ► Umbiko obhaliwe ► Isango le-imeyli. Inamba inikezelwa ngumnikezeli wakho wesevisi.

Ukufaka uhlamvu embikweni obhaliwe

- 1 Ngenkathi ubhala umbiko wakho ► Ngaphezu ► Engeza uhlamvu.
- 2 Khetha uhlobo lwento bese ukhetha into.

Ukwemukela umbiko obhaliwe

- Yebo ukuze ufunde umbiko obhaliwe noma
 - Cha uma ufuna ukubuya ufunde umbiko emva kwesikhathi.
- Uma sewuwufundile umbiko wakho obhaliwe,
► Ngaphezu ukuze uhlole uhlu longakhetha kukho.
Cindezela  ukuze uvale umbiko obhaliwe.

Ukuthumela imibiko

Ukufonela inombolo embikweni obhaliwe

Khetha inombolo yefoni ► Ucingo.

Kugcinwa futhi kususwa imibiko yombhalo

Imibiko yombhalo igcinwa kwisiqophi sefoni. Uma isiqophi sefoni sesigcwele, kufanele ucishe imibiko noma igudluzele kwi-SIM khadi ukuze ukwazi ukwemukela imibiko emisha. Imibiko obuyigcine kwi-SIM khadi ihlala lapho uze uyicishe wean.

Ukugcina umbiko kwiSIM khadi

- Imibiko ► Ibhokisi lokunge ► Ngaphezu
- Gcina umbiko ► Izinhlamvu ezigc.

Ukugcina okuthile kumbiko wombhalo

- 1 Khetha inamba yefoni, ikheli leWeb, isithombe noma umsindo ofuna ukuwugcina embikweni ► Ngaphezu.
- 2 Uma ukhethe ukugcina inamba yefoni ► **Sebenzisa** ► Gcina inombolo. Uma ukhethe ikheli leWeb ► Gcina ibhukumak, isithombe ► Gcina isithombe, umsindo ► Gcina umsindo.

Ukugcina noma ukususa imibiko embalwa

- 1 ► Imibiko bese ukhetha ifolda.
- 2 Khetha umbiko ► Ngaphezu ► Maka okuningi.
- 3 Pheqa bese ukhetha eminye imibiko ngokucindezela **Maka** noma **Susa** uma.
- 4 ► Ngaphezu ► Gcina imibiko noma ► Ngaphezu ► **Susa** imibiko noma ► **Susa** yonke imibi.

Ukususa umbiko

- 1 ► Imibiko bese ukhetha ifolda.
- 2 Khetha umbiko ofuna ukuwususa bese ucindezela .

Imibiko emide

Inombolo yezinhlamvu eziquthwe embikweni obhaliwe zincike olimini obhala ngalo. Ungathumela umbiko omude ngokuthi uhlanganise imibiko emibiko noma ngaphezulu. Uyakhokhiswa ngombiko ngamunye oxhunye embikweni omude. Kungenzeka ungazitholi zonke izingxenye zombiko omude sikhathi sinye.



Buza umnikezeli wesevisi yakho ngesibalo esikhulu semibiko engaxhunywa.

Ukuvula imibiko emide

- Imibiko ► Izinhlelo ► Umbiko obhaliwe
- Ubude bobukhulu ► Ubukhulu bukhon.

Izibonisi

Uma unemibiko oyithumela njalo, ungayilonda njegezibonisi. Ungazakhela izibonisi zakho.

Ukwakha isibonisi

- 1 ► Imibiko ► Izibonisi ► Isibonisi esisha
► Engeza ► Umbhalo.
- 2 Bhala umbiko ► Kulungile.
- 3 Faka isihloko sombiko ► Kulungile.

Okukhethwa kukho imibiko

Ungahlela inani elinephutha lemibiko eminingi ongayikhethe noma khetha izinhlelo njalo uma uthumela umbiko.

Ukufaka umbiko obhaliwe oyiphutha ongawukhetha

- Imibiko ► Izinhlelo ► Umbiko obhaliwe bese ukhetha okukhethwa kukho.

Ukuhlela umbiko ongawukhetha mayelana nombiko othile

- 1 Uma sewukhethe umemukeli ozomthumelela umbiko obhaliwe ► Ngaphezu ► Kuthuthukile.
- 2 Khetha ofuna ukukushintsha ► Hlela bese ukhetha uhlelo olusha.
- 3 ► Kwenziw. uma sewushintshe lokho ongakukhetha.

Ukuze uhlole izinga lombiko othunyelwe

- Imibiko ► Thumela izinhlela bese ukhetha umbiko wombhalo ► Hlela ► Ngaphezu ► Imininingwane.

Imibiko yezithombe (MMS)

Imibiko yezithombe ingaqakatha umbhalo, izithombe, amavidiyo kliphu, izithombe zekhamera, umsindo orekhodiwe namabhizinesi khadi. Kufanela ube nokuthenga okwesekela umbiko wesithombe, nesamukeli sombiko wesithombe naso kufanele sisekele umbiko wesithombe. Ungathumela imibiko yesithombe efonini ehambayo noma kwikheli le-imeyli.

Ukuthumela imibiko

Ngaphambi kokuba uqale

Ngaphambi kokuthumela umbiko wesithombe, qiniseka ukuthi:

- 1 Ikheli likanolwazi wakho wombiko usethwe
► Imibiko ► Izinhlelo ► Umbiko wesitho
► Unolwazi wombiko.
- 2 Ufaka izinhlelo ezifanele ► Imibiko ► Izinhlelo
► Umbiko wesitho ► Iphrofayli le-intha.
Uma lingekho iphrofayli le-inthanethi elikhona
► Iqoqo elisha bese ufaka izinhlelo
ezidingekayo. Ungamukela futhi
nge-othomathikhi zonke izinhlelo ngombiko
ezivela ku-opharetha wakho wenethiwekhi
noma ku www.SonyEricsson.com/support.

Ukwakha nokuthumela imibiko yezithombe

Uma uqamba umbiko wesithombe, ungakhetha izinto ezihlukene njenge: **Isithombe**, **Umbhalo**, **Umsindo**, **ividyo**, **Ukuqopha umsind** ne **Isisayindo**. Ungakhetha futhi **Seben**. ikhamera ukuthatha isithombe esisha noma urekhode ividyo kliphu entsha.

Ngaphambi kokuthumela umbiko wesithombe, ungakhetha kokukhethwa kukho okuhlukene ukuze uhlele futhi uthuthukise umbiko wakho.

Ukwakha nokuthumela umbiko wesithombe

- 1 ► Imibiko ► Bhala okusha ► Umbiko wesith.
► Engeza ukuze uhlele uhlu lwezinto ozozengeza embikweni wakho. Khetha uhlamvu.
- 2 ► Engeza ukufaka ezinye izinhlamvu embikweni. Ungahlola bese ukhetha ongakukhetha ukuze uthuthukise umbiko ngokugqamisa izinto embikweni bese ucindezela ibhathini lokukhetha elisesinxeleni.
- 3 Uma usuqedile ukuqamba umbiko wakho
► Ngaphezu ► Thumela.
- 4 ► Faka inombolo yef. bese ufaka inombolo yefoni yomemukeli, noma ► Bhaka ifonibhuku ukuqqa inombolo noma iqembu Koxhumana nabo. Ukufaka ikheli le-imeyli
► Faka ikheli le-ime. Uhlu olungezansi lukhombisa abemukeli bokugcina abayi-10. Ungamkhetha futhi umemukeli kulolu hlu.
► Thumela.

Ukushaya ucingo ngenkathi wakha umbiko wesithombe

- 1 Ngenkathi ubhala umbiko wakho ► Ngaphezu.
- 2 ► Shaya ucingo bese ufaka noma uqaqe inamba yefoni ► Ucingo. Ubuyela embikweni.
- 3 Ukuvala ucingo ► Ngaphezu ► Vala uci.

Ukufaka idifolthi yombiko

► Imibiko ► Izinhlelo ► Umbiko wesitho bese ukhethe okukodwa ongakhetha kukho.

Izinto ezengeziwe ongazithumela

Ungacela umbiko wokufundiwe, umbiko wokuthunyelwayo bese usetha okuphambili mayelana nombiko othile. Ungafaka abemukeli abaningi embikweni.

Ukukhetha ongakhetha kukho okuthunyelwe okwenzekiwe

- 1 Uma sewufake inombolo yefoni yomemukeli ► Ngaphezu.
- 2 Khetha Engeza umemuke noma Abemukeli ukwengeza abemukeli abaningi, Engeza isinamath, noma Kuthuthukile ukukhetha okukhethwa kukho ukuthmela okwengeziwe.

Ukwemukela imibiko yezithombe

Uma wamukela umbiko wesithombe olandwe nge-othomathikhi, isexwayisi sombiko siyakhala. ► Yebo ukufunda noma ukudlala umbiko. ► Misa ukumisa umbiko. Uma sewuwufundile umbiko, khetha Phendula ukuphendula ngokushesha noma khetha Ngaphezu ukuze uhlole uhlu longakhetha kukho. Cindezela  ukuze uvale lo mbiko.



Ungakhetha umbiko ohlwini lombiko bese ucindezela  ukuze ucishe wonke umbiko.

Ukgcina izinto eziphuma embikweni wesithombe

Uma usuhlole umbiko wesithombe ► Ngaphezu ► Gcina izinhlamvu bese ukhetha okuthile ohlwini oluvelayo.

Susa imibiko yesithombe

Imibiko yesithombe igcinwa kwisiqophi sefoni. Uma imemori/isiqophi sefoni sigcwele, kufanele ususe imibiko ukuze ukwazi ukwamukela imibiko emisha, ► 40 Kugcinwa futhi kususwa imibiko yombhalo.

Izibonisi

Ungagxilisa umbiko wakho kwesisodwa sezibonisi. Ungafaka futhi izibonisi ezintsha.

Ukuthumela imibiko

Ukusebenzisa isibonisi ngombiko wesithombe

- 1 ► Imibiko ► Izibonisibese ukhetha isibonisi.
- 2 ► Sebenzisa ► Engeza ukwengeza izinto ezintsha.
- 3 ► Ngaphezu ► Thumela ukuthumela umbiko.

Ukukhipha okuzenzekelao emshinini

Ungakhetha ukuthi imibiko yesithombe sakho ufuna ikhishwe kanjani.

- Imibiko ► Izinhlelo ► Umbiko wesitho
- Ukukhipha i-otho ukuze uhlole lokhu okulandelayo:

- **Njalo** – Ifoni yakho izilandela ngokwayo imibiko emishinini emikhulu iyikhiphele efonini yakho ngokushesha ngenkathi ifika kunolwazi ka-opharetha wakho. Lolu uhlelo oluhleliwe.
- **Buza ekuzuleni** – uyocelwa noma ufuna ukulanda imibiko ethunyelwe ivela kwinethiwekhi okungesiyo eyasekhaya.
- **Ayizuli** – imibiko ayilandwa uma ithunyelwe ivela kwenye inethiwekhi okungesiyo eyasekhaya.
- **Cela njalo** – uyolokhu ubuzwa noma ufuna ukulanda imibiko, noma ngabe usebenzise yiphi inethiwekhi.
- **Vala** – imibiko emisha ivela ebhokisini lemibiko engenayo njengezimpawu. Khetha umbiko ► Hlola ozowulanda.

Imibiko yezwi

Imibiko yezwi inikezela ngezindlela ezilula zokuthumela nokwamukela imisindo erekhodiwe njengemibiko. Umbiko wezwi ungaqukatha kuphela umsindo owodwa orekhodiwe. Ukuthumela imibiko yezwi kufanele ube nokuthenga okwesekela umbiko wesithombe, nomemukeli wombiko wezwi kufanele naye abe nesesekeli sombiko wesithombe.

Ukurekhoda nokuthumela umbiko wezwi

- 1 ► Imibiko ► Bhala okusha ► Umbiko wezwi.
Irekhoda yomsindo iyaqala.
- 2 Rekoda umbiko wakho. ► Misa ukuvala ukurekhoda/ukuqopha.
- 3 ► Thumela ukuze uthumele umbiko.
- 4 ► Faka inombolo yef. bese ufaka inombolo yefoni yomemukeli, noma ► Bhaka ifonibhuku ukuqqa inombolo noma iqembu Koxhumana nabo. Ukufaka ikheli le-imeyli
► Faka ikheli le-ime. Uhlu olungaphansi kongakhetha kukho okuthunyelwayo lukhombisa abemukeli bokugcina abayi-10. Ungamkhetha futhi umemukeli kulolu hlu. ► Thumela.

Kwamukelwa imibiko yezwi

Uma wamukela umbiko wezwi, isexwayisi sombiko siyakhala bese uyabuzwa noma ufuna ukudlala umbiko.

Khetha **Yebo** ukulalela umbiko wezwi ngaso lesi sikhathi noma khetha **Cha** uma ufuna ukulalela umbiko ngesinye isikhathi.

Uma sewulalele umbiko wakho wezwi,
► **Ngaphezu** ukuhlola uhlu lokukhethwa kukho.
Cindezela  ukuze uvale lo mbiko.

I-imeyli

Ungasebenzisa ifoni yakho ukuze uthumele futhi wamukele imibiko yama-imeyli. Ungasebenzisa izinhlelo ezifanayo ze-imeyli efoniniyakho njengasohlelweni lwakho lwe-imeyli yekhompyutha. Uma ufuna imininingwane ethe xaxa, xhumana nenethiwekhi yakho noma nomikezeli wakho wesevisi.

Ngaphambi kokuqala

Qala ngokuqinisekisa ukuthi:

- Izinhlelo zisefonini yakho, uma zingekho,
► 65 *Izinhlelo*.
- Kufanele uhlele bese ukhetha i-akhawunti ye-imeyli. Ukulanda izinhlelo ze-akhawunti

ye-imeyli vakashela

www.SonyEricsson.com/support.

Ngabe imininingwane ye-akhawunti ye-imeyli yakho isesandleni.

I-akhawunti ye-imeyli eyiphutha

Uma unakho kokubili, i-akhawunti ye-imeyli yehhovisi neyasekhaya, ungahlela eyodwa yawo njengenephutha:

► Imibiko ► I-imeyli ► Izinhlelo ► Izinhlelo ze-akhawunti bese ukhetha i-akhawunti.

Ukubhala nokuthumela umbiko we-imeyli

- 1 ► Imibiko ► I-imeyli ► Bhala okusha.
- 2 Bhala isihloko sombiko wakho ► Qhubeka bese ubhala umbhalo ► Qhubeka.
- 3 ► Faka ikheli le-ime. ukuze ufake ikheli le-imeyli noma ► Bhaka ifonibhuku ukuqqa ikheli Koxhumene nabo.
- 4 Khetha **Thumela** ukuthumela umbiko wakho i-imeyli noma khetha **Ngaphezu** ukuhlola uhlu lokukhethwa kukho lombiko wakho.

Ukuthumela imibiko

Ukuthumela, ukwamukela nokufunda imibiko i-imibiko

- 1 ► Imibiko ► I-imeyli ► Ibhokisi lokunge
► Thumela (uma ibhokisi lemibiko engenayo lingenalutho) noma ► Imibiko ► I-imeyli
► Ibhokisi lokunge ► Ngaphezu
► Thumela wemuke ukuthumela noma ukulanda imibiko emisha.
- 2 Khetha umbiko ► Hlola ozowufunda.

Ukuphendula umbiko we-imeyli

- 1 Vula umbiko we-imeyli ► Phendula.
- 2 ► Faka umbiko ukufaka umbiko wakuqala empendulweni yakho noma ► Bhala okusha ukungafaki umbiko wakuqala. Bhala umbiko wakho. ► Ngaphezu ukuze uhlole ongakhetha kukho kwemibiko.
- 3 ► Thumela ukuze uthumele umbiko noma ► Ngaphezu ukuhlola uhlu longakhetha kukho ngemibiko yakho.

Ukugcina ikheli le-imeyli noma inombolo yefoni embikweni we-imeyli

- 1 Khetha ikheli le-imeyli noma inombolo yefoni ofuna ukuyigcina ► Ngaphezu.
- 2 Ukugcina ikheli le-imeyli ► Sebenzisa
► Gcina i-imeyli. Ukugcina inamba yefoni
► Sebenzisa ► Gcina inombolo.

Ukugcina umbiko we-imeyli

- 1 Vula umbiko we-imeyli ► Ngaphezu
► Gcina umbiko ► I-imeyli egciniwe.
- 2 Umbiko ugcinwe ku I-imeyli egciniwe kwi I-imeyli menyu.



Isibalo semibiko ye-imeyli esingagcinwa sincike ekutheni kunememori engakanani esele kwifoni. Yonke imibiko ye-imeyli nayo igcinwa kunolwazi we-imeyli, futhi ungahlola kokubili imibiko emidala nemisha kunolwazi.

Ukugcina imibiko ye-imeyli eminingi

- 1 ► Imibiko ► I-imeyli ► Ibhokisi lokunge.
- 2 Khetha umbiko ► Ngaphezu ► Maka okuningi.
- 3 Pheqa bese ukhetha eminye imibiko ngokucindezela Maka noma Susa uma.
- 4 ► Ngaphezu ► Gcina imibiko.

Ukususa umbiko we-imeyli (abasebenzisi be-POP3)

- 1 ► Imibiko ► I-imeyli ► Ibhokisi lokunge bese ukhetha umbiko ► Ngaphezu.
- 2 ► Maka ukuze kucis. Umbiko uyasuswa ngesikhathi esilandelayo uma uxhuma kunolwazi wakho we-imeyli. Uma ufuna ukususa imibiko emibalwa ► Maka okuningi. Pheqa bese ukhetha eminye imibiko ngokucindezela Maka noma Susa uma.
► Ngaphezu ► Maka ukuze kucis.

Ukucisha umbiko we-imeyli (POP3 abasebenzisi)

- 1 ▶ Imibiko ▶ I-imeyli ▶ Ibhokisi lokunge bese ukhetha umbiko ▶ Ngaphezu.
- 2 ▶ **Maka ukuze kucis.** Umbiko umakelwe ukucishwa kunolwazi. Uma ufuna ukususa imibiko emibalwa ▶ **Maka okuningi.** Pheqa bese ukhetha eminye imibiko ngokucindezela **Maka noma Susa uma.** ▶ Ngaphezu
▶ **Maka ukuze kucis.**
- 3 ▶ Ngaphezu ▶ Sula ibhokisi lemi.
Bese ucindezela **Nokuthum. nokw** noma **Akunathum nokw** ukususa imibiko.

Abangani bami

Xhuma bese ungena kunolwazi ka Abangani bami ukuxhumana kulayini noxhumana nabo bakho. Uma ukuthenga kwakho kusekela amasevisi okuthumela imibiko ngokushesha, ungabheka izinga loxhumana naye uma ekulayini, bese uthumela futhi wamukele imibiko ngokushesha. Ngolwazi oluthe xaxa, xhumana nomnikezeli wakho wesevisi noma bheka
u www.I-SonyEricsson.com/support.

Ukungena kunolwazi wakho waBangani bami

- ▶ Imibiko ▶ Abangani bami ▶ Mina ▶ Qalisa.

Uhlu loxhumene nabo

Ungakha uhlu loxhumana nabo kunolwazi ka Abangani bami, abantu ofuna ukubathumelela imibiko zikhathi zonke.

Ukwengeza oxhumene naye

- ▶ Imibiko ▶ Abangani bami ▶ Ngaphezu
▶ Engeza umngani bese ukhetha okukhethwa kukho.

Ukuthumela umbiko ngokushesha ku Abangani bami

- 1 ▶ Imibiko ▶ Abangani bami bese ukhetha oxhumana naye.
- 2 ▶ **Thu. i-IM** bese uthayipha umbiko wakho
▶ **Thumela.**

Izinga

Ungashintsha izinga lakho elikhonjiswa kwabanye abantu. Ungakhetha futhi ukulibonisa koxhumene nabo noma kubo bonke abasebenzisi kwiseva/kunolwazi ka Abangani bami.

Ukuthumela imibiko

Ukushintsha izinga lakho

► Imibiko ► Abangani bami ► Mina ► Shintsha.

Indlu yezingxoxo

Indlu yezingxoxo ingaqaliswa umnikezeli wakho wesevisi, ngumuntu ongumsebenzisi waBangani bami noma nguwe. Ungalonda izindlu zezingxoxo ngokugcina isimemo sezingxoxo noma ngokucinga indlu ethile yezingxoxo.

Ukujoyina indlu yezingxoxo

- 1 ► Imibiko ► Abangani bami ► Ngaphezu
► Qalisa indlu yoku.
- 2 Khetha oxhumene nabo ozobamemela endlini yezingxoxo ohlwini lwakho loxhumene nabo
► Qhubeka.
- 3 Faka umbhalo wesimemo omfishane ► Qhubeka
► Thumela.

Ulwazi lwendawo

Ulwazi lwendawo wuhlobo lombiko wobhalo othunyelwa kubo bonke abathengi endaweni ethile yenethiwekhi. Uma uthola umbiko wolwazi lwendawo, umbiko ube sewuzivelela wona esibukweni. Cindezela **Gcina** ukuze ugcine umbiko ebhokisini lakho lemibiko, noma **Lahla** ukucisha umbiko.



Sicela uxhumane nomnikezeli wakho wesevisi ukuze uthole imininingwane ethe xaxa ngamakhodi olwazi lwendawo.

Ukuvula nokuvala ulwazi lwendawo

► Imibiko ► Izinhlelo ► Ulwazi lwendawo
► Ukwamukela.

Ulwazi ngeFoni

Ishaneli yolwazi lwefoni isetshenziswa abanye opharetha bamanethiwekhi ukuthumela imibiko kubathengi babo kwindawo ethile yenethiwekhi.

Vula ulwazi lweselula

► Imibiko ► Izinhlelo ► Ulwazi lwendawo
► Ulwazi lweseluli.

Ukufanekisa

Ikhamera, ividyo rekhoda, izithombe, i-PhotoDJ™.

Ikhamera nesiqophi sevidyo

Ifoni yakho inekhamera eyidigithali esebenza futhi njengesiqophi sevidyo eyidijithali. Ungathatha izithombe, urekhode amavidyo kliphu, uwagcine uwathumele njengezinanyathiselwe ze-imeyli noma ngemibiko yezithombe ngombiko wezithombe othunyelwao.


Ngaphambi kokuba uqale

Ifoni eyamukelayo idinga ukusekela ukudluliswa kwedatha nokutunyelwa kwemibiko yezithombe ukuze yamukele futhi ikhombise isithombe noma ividyo kliphu.

- Ngaphambi kokuthumela isithombe noma ividyo kliphu usebenzisa imibiko yezithombe qinisekisa ukuthi ulisethile ikheli likanolwazi wemibiko yakho yemibiko yezithombe, ➡ *41 Imibiko yezithombe (MMS)* nokuthi izinhlelo ze-inthanethi zifakiwe kwifoni yakho, ➡ *65 Izinhlelo.*


- Ngaphambi kokuthumela isithombe noma ividyo kliphu usebenzisa i-imeyli qinisekisa ukuthi uzifakile izinhlelo ze-akhawunti yedatha neze-akhawunti ye-imeyli efonini, ➡ *45 I-imeyli.*

Cupha ikhamera



Ngenkathi ukokubekwe ecelni, sheleleza ikhava yelensi ukucupha ikhamera.

Ukuthatha izithombe namavidyo klipbu



- 1 Sebenzisa ikhi lokuhamba ukushintsha phakathi kwekhamera nevidyo rekhoda.
- 2 Cindezela ibhathini lakhamera uye phansi phakathi nendawo ukuze ube kwi-focus nge-othomathikhi. Uma ichashazi eliluhlaza lima ukuphayiza, cindezela wehle ukuthatha isithombe noma ukuqala ukurekhoda. Uma ichashazi eliluhlaza liphayiza kancane, isithombe asikho kwi-focus futhi komele ubuye uzame futhi.
- 3 Ukuvala ukurekhodwa kwevidyo, cindezela futhi. Ukunqamula ukucushwa kwekhamera, vala ikhava yelensi.

 Uma uzama ukurekhoda umthombo wokukhanya oqinile njengokukhanya kwelanga noma ilambu, isibuko singaba mnyama noma isithombe siphambane.

Ukusebenzisa ukucupha isithombe

Sebenzisa amabhathini evolumu ngasohlangothini lwefoni ukuze wenyuse (zoom in) noma unciphise (zoom out) ukukhanya.

Ukukhanya

Sebenzisa ikhi lokuhamba ukunyusa noma ukunciphisa ukugqama.

Ukuvula ilambulukukhanya kwefoto

Ukuthatha izithombe endaweni enokukhanya okudimile, cindezela .

Ikhamera nokukhethwa kukho kwevidyo


Uma ikhamera noma ividyo icushiwe ► **Izinhlelo** ukuhlola okanye okukhethwa kukho.

Ngakukhetha ngaphambi kokuthatha isithombe:

- **Shin. kwividyo khamera** – ukurekhoda ividyo klipbu esikhundleni sokuthatha isithombe.
- **Shintshela kwikh. ethule** – ukuthatha isithombe esikhundleni sokurekhoda ividyo klipbu.
- **Imodi yokushutha (ikhamera)** – khetha ku **Okujwayelekile** ngokungenayo ifremu, **I-Panorama** ukuhlenganisa izithombe ezimbalwa zibe isithombe esisodwa esibanzi, **Amafremu** ukwengeza ifremu esithombeni sakho bese **I-Burst** uthatha izithombe ezine ngokulandelana okusheshayo.

- **Imodi yokushutha (ivideo)** – khetha **Ivideo yekhw. ephez. or Ngombiko wesithom.** uma ufuna ukuthumela ivideo kliphu njengombiko wesithombe.
- **Usayizi wesithombe** – khetha phakathi kwe 1632x1224, 640x480 ne 160x120.
- **Usayizi wevideo** – khetha phakathi **Khulu 176x144 ne Ncanx96e 18.**
- **Vula imakhro** – ukuvula uhlelo lwe-macro focus.
- **Vula imodi yasebusuku** – thuthukisa ikhwalithi yesithombe ezimeni ezinokukhanya okungekuhle ngesikhathi sokuvuleleka eside.
- **Vula ilambu** – ukuthuthukisa izimo zokukhanya.
- **Vula iwashi elizibalelayo** – isithombe sithathwa imizuzwana emibalwa emva kokuthi ucindezele ibhathini lekhamera.
- **Imiphumela** – khetha imiphumela ehlukile yesithombe sakho nevideo.
- **Ibhalansi emhlophe** – hlela umbala wesithombe ezimeni zokukhanya.
- **Ikhwalithi yesithombe** – khetha phakathi **Okujwayelekile ne Okuhle** ikhwalithi yesithombe.
- **Vula isikhathi nosuku** – engeza isikhathi nosuku esithombeni sakho.
- **Hlela kabusha ino.** – setha kabusha isibali senamba yefayela.
- **Gcina kwi** – khetha **Memory Stick or Imemori yefoni** ukugcina isithombe noma ivideo.

Thatha umdwebo ochaza wena



Bamba ifoni njengoba kukhonjisiwe emfanekisweni, ukuze uzibone esibukweni eceleni kwamalensi. Cindezela ibhathini lekhamera ukuthatha isithombe.

Ukugcina izithombe nezivalo zevideo

Uma usuthathe isithombe noma urekhode ivideo kliphu, ifoni iyakugcina kwimemori yefoni noma kwi-Memory Stick Duo, bheka futhi

➡ **75 Kudluliswa amafayela kusetshenziswa ikhebula le USB.**

Uma i-Memory Stick Duo igcwele, ngeke ukwazi ukugcina ezinye izithombe noma amavideo kliphu kwi-Memory Stick Duo ngaphandle uma ususa okugciniwe.

Ukugcina izithombe nezivalo zavidyo

Uma uthathe isithombe noma urekhode ividyo kliphu, ungasithumela njengombiko wesithombe uma usayizi wefayela ungadluli umkhawulo. Ukushintshanisa izithombe, izivalo zavidyo usebenzisa ezinye izindlela zokudlulisela

► 53 *Kushintshaniswa izithombe.*

Ukuthumela isithombe

Uma uthathe isithombe ► **Thumela** ukuthumela isithombe.

Ukuthumela nokudlala amavidyo kliphu

Uma usuqede ukurekhoda kwakho, ► **Thumela** ukuthumela ividyo kliphu.

► **Ngaphezu** ► **Dlala** ukudlala noma cindezela  ukususa ividyo kliphu.

Izithombe

Ifoni yakho iza nezithombe eziningana nezithombe zezilwane. Ungasusa lezi zithombe uma uma ufuna ukukhulula imemori. Zonke izithombe zigcinwa kwi **Imenenja yefayela** ► **Izithombe**. Ungakwazi:

- Sebenzisa isithombe njengephepha lodonga nanjengesisitha sesibuko.

- Nikezela isithombe koxhumene naye.
► 24 *Ukwengeza isithombe noma iringithoni koxhumene naye efonini.*
- Shintshanisa izithombe usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisela ezikhona.

Ukusingatha izithombe

Ungengeza, uhlele noma ususe izithombe kwi **Imenenja yefayela**. Isibalo sezithombe ezingagcinwa seyame kubungako bezithombe. Izinhlobo zamafayela ezisekelwe yilezi GIF, JPEG, WBMP ne BMP.

Ukuhlola izithombe zakho

- 1 ► **Imenenja yefayela** ► **Izithombe**.
- 2 Izithombe ziboniswa esibukweni sombhalo omfushane. Ukuze uthole isithombe esigcwele ► **Hlola**.

Ukukhombisa izithombe nge-slide show

- 1 ► **Imenenja yefayela** ► **Izithombe** bese upheqa esithombeni.
- 2 ► **Hlola** ► **Ngaphezu** ► **Veza** isikhashana.

Ukuhlola ulwazi ngesithombe noma ngevidyo kliphu

- 1** ▶ Imenenja yefayela ▶ Izithombe or Amavidyo, khetha isithombe noma ividyo kliphu.
- 2** ▶ Ngaphezu bese ukhetha Ulwazi.

Ngokusebenzisa izithombe

Ungasebenzisa isithombe ngezinhlalo ezihlukene, isibonelo, sengeze koxhumene naye, sisebenzise ekuqaliseni isibuko, noma sisebenzise njengesitha sesibuko. Isisitha sokuvikela isibuko sizicupha sona ngokwaso uma ifoni isohlelweni lokungasebenzi imizuzwana emibalwa. Emva kweminye imizuzwana emibalwa, isisitha sesibuko siyashintsha siye ohlelweni lokulala ukuze songe amandla. Cindezela noma iliphi ibhathini kwikhiphedi bese isibuko sivuleka futhi. Uma unesithombe njengephepha lodonga, lesi sithombe siboniswa ohlelweni lokumisa isikhashana. Ungakhetha iphepha lodonga lesibuko nelokubonisa ngaphandle.

Ukusebenzisa isithombe

- 1** ▶ Imenenja yefayela ▶ Izithombe bese upheqa esithombe ofuna ukusisebenzisa ▶ Ngaphezu ▶ Sebenzisa.
- 2** Khetha ukuthi ufuna ukusisebenzisela ini isithombe.

I-PhotoDJ™

Uma uhlela izithombe cindezela , , ,  namakhi alandelayo:  ukucupha ithuluzi,  ukukhetha ithuluzi ne  ukukhetha umbala.

Ukuhlela nokugcina isithombe

- 1** ▶ Imenenja yefayela ▶ Izithombe bese upheqa esithombeni osifunayo ▶ Hlola.
- 2** ▶ Ngaphezu ▶ Hlela. Ezinye izithombe ozithathile ngekhamera zingahlelwa.
- 3** ▶ Ngaphezu ▶ Gcina isithombe ukugcina isithombe.

Kushintshaniswa izithombe

Ungashintshanisa izithombe usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona. Sicela wazi ukuthi awuvunyelwe ukushintshanisa impahla evikelwe ngelungelo lokushicilela. Ngolwazi oluthe thuthu ekuthumeleni izithombe emibikweni ➡ 38 Ukuthumela imibiko.

Ukuthumela isithombe

▶ Imenenja yefayela ▶ Izithombe bese upheqa esithombeni osifunayo. ▶ Ngaphezu ▶ Thumela bese ukhetha indlela yokudlulisa.

Ukwamukela nokugcina isithombe

- 1 Vula umbiko owamukele kuwo isithombe, noma vula i-Bluetooth noma isikhala seso lefoni uma le ndlela yokudlulisa isasetshenziselwa ukuthumela isithombe.
- 2 Uma wamukele isithombe embikweni, khetha isithombe bese usigcina. Uma wamukele isithombe nge-Bluetooth noma ngeso lefoni, landela imiyalelo evela esibukweni.



Wonke amafoni asekelwa izithombe engamukela osayizi bezithombe abawu-120x160. Amanye amafoni asekelwa izithombe ngeke amukele osayizi bezithombe abadlula u-160x120. Usayizi okahle kakhulu wesithombe ongawuhlola kwikhompyutha ngu-1632x1224.

Isibuko esiqhelile

Ungahlola izithombe zakho esibukweni esiqhelile, isibonelo, i-TV, usebenzise i-adaptha ye-Bluetooth efaneleneyo. I-adaptha iyisisekelo futhi ayibandakanyiwe ebhokisini. Ungasebenzisa ifoni ukulawula isibuko. Sebenzisa uhlelo lwe-slide show ukukhombisa izithombe eziningi ngokulandelana.

Ukuxhuma esibukweni esiqhelile

► Imenja yefayela ► Izithombe ► Hlola
► Ngaphezu ► Isibuko sesiqheb. Ifoni icinga amadivaysi e-Bluetooth nohlu lwamadivaysi akhona luyaboniswa. Khetha idivaysi ofuna ukuyisebenzisa.

Ezokuzithokozisa

I-Media player, umsakazo, i-PlayNow™, amaringithoni, i-MusicDJ™, i-VideoDJ™, irekhoda yomsindo, izingqikithi, imidlalo.

Isidlali sabezindaba

Isidlali semidya sisebenza njengesidlali somculo nesidlali sevidyo konke endaweni eyodwa. Ungadlala umculo nezivalo zamavidyo ozithole embikweni wesithombe noma ozikhiphele efonini yakho. Lezi zinhlobo zama fayela ezilandelayo zisekelwe isidlali semidya: I MP3, MP4, 3GP ne WAV (eno 16 kHz njengereyithi yesampula eligcinile). Ungakwazi futhi ukuqondisa umculo namavidyo akwiWebhusaythi. Uma uqondisa, izixhumi kufanele zihambelane ne 3GPP.

Uhlu lokudlala

Ukuhlela amafayela emidya agcinwe kwi **Imenja yefayela** ungakha uhlu lokudlala. Amafayela ohlwini lokudlala angasothwa ngomnikazi, isihloko noma ngohlelo amafayela engezwa ngalo ohlwini lokudlala. Ungengeza ifayela ohlwini lokudlala olungaphezu kolulodwa.

Uhlu lokudlala **Wonke umculo** ne **Wonke amavidyo** kuyenziwa nge-othomathikhi futhi kuqukethe wonke amafayela omculo nawevidyo agcinwe kwimemori yefoni nakwi-Memory Stick Duo. Ngeke ususe noma uqambe kabusha lolu hlu lokudlala.

 *Uma ususa uhlu lokudlala noma ifayela ohlwini lokudlala, alususwa ngokuphelele kwimemori yefoni. Ungengeza ifayela kolunye uhlu lokudlala.*

Ukwakha uhlu lokudlala

- 1** ► Isidlali semidya ► Uhlu lokudlala olu. faka igama lohlu lokudlala ► **Kulungile.**
- 2** Khetha kumafayela akhona kwi **Imenenja yefayela.** Ungengeza amafayela amaningi ngesikhathi bese wengeza futhi amafolda. Wonke amafayela kumafolda akhethiwe azokwengezwa ohlwini lokudlala.

Ukwengeza amafayela ohlwini lokudlala

- 1** ► Isidlali semidya khetha uhlu lokudlala ► **Vula** ► **Ngaphezu** ► **Engeza imidya.**
- 2** Khetha kumafayela akhona kwi **Imenenja yefayela.**

Ukukhipha amafayela ohlwini lokudlala

► Isidlali semidya khetha uhlu lokudlala ► **Vula.** Khetha ifayela ► **Ngaphezu** ► **Susa.**

Ukususa uhlu lokudlala

► Isidlali semidya khetha uhlu lokudlala ► **Ngaphezu** ► **Susa uhlu lokudlala.**

Umculo nezivalo zamavidyo

Ukudlala umculo namavidyo

► Isidlali semidya bese ukhetha uhlu lokudlala ► **Vula** ► **Dlala.** Uhlu lokudlala luyaqhubeka ludlale uze ► **Yima isik.** noma **Misa.**

Ukushintsha imodi yokudlala

► Isidlali semidya ► **Ngaphezu** ► **Imodi yokudlala.** Khetha **Xova uvaliwe** ukudlala amafayela ohlwini lokudlala ngokungalandelanisi, noma **Phinda uvuliwe** ukuqala kabusha uhlu lokudlala uma ifayela lokugcina selidlaliwe.

 *Ungashintsha futhi imodi yokudlala ngaphakathi ohlwini lokudlala.*

Ibhathini lomculo

Ungalalela ohlwini lokudlala noma umsakazo ngokucindezela (▶II). Ukusebenzisa ibhathini lomculo, kufanele uxhume ihendisfri efonini yakho.

Ukushintsha uhlelo lwebhathini lomculo

- ▶ Izinhlelo ▶ i Okujwayelekile thephu
- ▶ Ibhathini lomculo.

Isilawuli sesidlali semidya

- ▶ Yima isik. ukuthula kancane udlala uhlehla.
- Cindezela © noma © ukuya phambili noma emuva kwithrekhi yomculo elandelayo noma ividyo klipu.
- Cindezela bese ubamba © noma © ukuyisa phambili ngokushesha nokuhlehlisa.
- Cindezela © bese © ukupheqa ohlwini lokudlala ngesikhathi udlala umculo. Amafayela agqanyisiwe ngeke akhethwe uze ucindezele ▶ Misa ▶ Dlala.
- Uma ividyo klipu iyekiwe kancane, cindezela © ukudlala ividyo klipu ifremu elilodwa ngesikhathi.

Izinto ongazikhetha zokudlala abezindaba

▶ Ngaphezu ukuhlola okukhethwa kukho okulandelayo:

- Imodi yokudlala – shintsha ukulandelana kokudlalawa kwamaculo namavidyo. Khetha Phinda noma Xova.
- Isilinganisi – shintsha izinhlelo zonxantathu nebhesi uma udlala umculo.
- Qamba kabusha – qamba kabusha uhlu lokudlala. Ungaqamba kabusha kuphela uhlu lokudlala olwakhiwe umsebenzisi.
- Susa uhlu lokudlala – susa uhlu lokudlala. Uhlu lokudlala kuphela olususiwe; amafayela asalalelwe ku Imenenja yefayela. Ungasusa kuphela uhlu lokudlala olwakhiwe umsebenzisi.

Okukhethwa kukho imidya

Uma usuvule uhlu lokudlala, ▶ Okuningi ukuhlola okukhethwa kukho okulandelayo:

- Ulwazihlola ulwazi ngethekhi yamanje noma ividyo.
- Engeza imidya – engeza amafayela noma amafolda ohlwini lokudlala.
- Nciphisa – ukunciphisa isidlali sazezindaba nokubuyela kokumiswe isikhashana. Umculo uyaqhubeka nokudlala futhi ungasebenzisa ezinye izinhlelo nemisebenzi efonini yakho.

- **Imodi yokudlala** – shintsha ukulandelana kokudlalawa kwamaculo namavidyo.
- **Isilinganisi** – shintsha izinhlelo zoxantathu nebhisi uma udlala umculo.
- **Sotha** – sotha uhlu lokudlala ngomnikazi, isihloko noma ngohlelo amafayela engezwa ngalo ohlwini lokudlala.
- **Thumela** – thumela umsindo noma ifayela levidyo.
- **Susa** – khipha ifayela ohlwini lokudlala.
- **Bamba ifulemu** – londa isithombe kwividyo kliphu.

Umculo wakulayini namavidyo

Ungahlola amavidyo futhi ulalele umculo owuthola kwiWebhusayithi ngowuthuthela efonini yakho. Uma upheqa futh uma uthole ukuxhumana kokuthuthela, isidlali semidya sizovuleka nge-othomathikhi uma ukuxhumana kukhethiwe.

Ukuze uthutheleke, kufanele ube i-akhawunti yedatha. Ifoni yakho kungenzeka ukuthi iguqulwe ngaphambilini ne-akhawunti yedatha. Uma kungenjalo, sicela uxhumane no-opharetha wakhi wenethiwekhi noma uvakashele ku www.SonyEricsson.com/support ➡ 65 *Izinhlelo*.

Ukukhetha i-akhawunti yedatha

- 1 ► **Izinhlelo** ► **Ukuxhumana** ithebhu ► **Izinhlelo zokuham**.
- 2 Khetha i-akhawunti yedatha ofuna ukuyisebenzisa.

Ukuthuthela ividyo ne-odiyo

- 1 ► **Imenenja yefayela** ► **Amavidyo** ► **Amavidiyo am**.
- 2 Landela imiyalelo yokuthuthela.

Ukuqondisa umculo ogciniwe namavidyo

- 1 ► **Amasevisi e-intha**. ► **Ngaphezu** ► **Mabhukumaka**.
- 2 Khetha ukuxhumana nokuqondisa. Isidlali semidya sizovula bese sidlala umculo noma ividyo ethuthelwe.

Umsakazo

Ifoni yakho inomsakazo we-FM onohlelo lwe-RDS. Ukusebenzisa umsakazo, kufanele uxhume ihendisfri efonini yakho. Ihendisfri isebenza njengothi futhi yenza ukwamukela okungcono. Umsakazo ungasetshenziswa njengesiganli ye-alamu, ➡ 76 *Iwashi le-alamu*.

 Kufanele uvule ifoni yakho ukusebenzisa umsakazo. Ungayivuli ifoni ezindaweni lapho amaselula evinjelwe khona, ► 90 Imigudu yezokuphepha futhi esizayo ekusebenziseni ucingo.

Ukulalela umsakazo

Xhuma ihendisfri efonini yakho ► Umsakazo.

Isilawuli somsakazo

- **Cinga** noma cindezela bese ubamba  noma  ukuthola ishaneli elandelayo kwibhendi.
- Cindezela  noma  ukuhambisa 0,1 MHz kwibhendi ye-FM.
- Cindezela  noma  ngeshaneli esethwe ngaphambilini elandelayo.

Ukugcina amashaneli omsakazo

Ungagcina amashaneli omsakazo owathandayo angafika ku 20.

 Ukugcina amashaneli ngokushesha ezindaweni 1 kuya ku 10, cindezela bese ubamba u 0 – 9, (lapho u 0 emele inamba 10). Ukukhetha ishaneli oyigcinile ezindaweni 1 kuya ku 10, cindezela u 0 – 9.

Ukugcina ishaneli yomsakazo

► Umsakazo ► Ngaphezu ► Gcina ► Faka.
Ishaneli igcinwa ohlwini.

Okukhethwa kukho umsakazo

- Ngaphezu ngokukhethwa kukho okulandelayo:
- **Nciphisa** – buyela kokubekwe eceleni ukusebenzisa imisebenzi nomsakazo usaqhubeka udlala.
 - **Gcina** – gcina ifrikhwensi ohlwini lwamashaneli.
 - **Amashaneli** – khetha, qamba kabusha, faka okunye noma susa amashaneli agciniwe noma setha ishaneli njengesignali ye-alamu ekhethiwe.
 - **Vula isipikha** – lalela ngelawudi spikha.
 - **Gcina i-otho** – cinga nge-othomathikhi amashaneli agciniwe ohlwini lwamashaneli. Amashaneli agcinwe ekuqaleni kuzofakwa amanye esikhundleni sawo.
 - **Setha ifrikhwensi** – faka ifrikhwensi ngesandla. Izinamba ozifakile zizolungiswa nge-othomathikhi kumafrikhwensi asemthethweni. Cindezela  ukuya ngqo ku **Setha ifrikhwensi**.
 - **I-RDS** – okukhethwa kukho kokuvula nokuvala enye ifrikhwensi (AF) nokukhombisa nokufihla ulwazi lwesiteshi.
 - **Vula iMono** – vula umsindo wemono.

Ngenkathi ulalele umsakazo

Uma unciphisa isibuko somsakazo, ungalalela umsakazo futhi usebenzise olunye uhlelo ngesikhathi esisodwa. Isibonelo, ungashaya futhi wamukele izingcingo, thumela imibiko bese udlala imidlalo.

Ukunciphisa isibuko somsakazo

► Umsakazo ► Ngaphezu ► Nciphisa.

Ukulungisa ivolumu

► (+) noma (−).

I-PlayNow™



Domsebenzi uncike kwineithiwekhi noma ku-opharetha. Sicela uxhumane no-opharetha wenethiwekhi yakho ukuze uthole ulwazi ngokuthenga kwakho kanye ne-PlayNow™. Kwamanye amazwe ungakwazi ukuthenga amathoni omculo kubanikazi bomculo abavelele emhlabeni.

Ngesevisi ye-PlayNow™, ungalalela amathoni omculo ngaphambi kokuthi unqume ukuwathenga nokuwalandela efonini yakho. Ithoni ngayinye yomculo iyingxenywe yeculo lasekuqaleni futhi lenzelwe ifoni yakho ehambayo yakwa-Sony Ericsson.

Ngaphambi kokuba uqale

Qala ngokuqinisekisa ukuthi:

- Unokuthenga kwefoni okusekela ukwedluliswa kwedatha ye-GPRS.
- Ufake izinhlelo ezikahle efonini yakho, ► 65 Izinhlelo.
- Kungafanele futhi ubhalise njengomsebenzisi we-WAP noma we-imeyli kumnikezeli wakho wesevisi noma ku-opharetha wenethiwekhi.
- Unememori ekhululekile kwifoni yakho.

Kungenwa ohlwini lwamathoni omculo we-PlayNow™

Ngokukhetha uphawu lwe-PlayNow™, ulanda uhlu lwethoni yomculo we-PlayNow™ efonini yakho. Ungalalela manje kwithoni yomculo ohlwini.

Ukulalela kwithoni yomculo

► PlayNow™ bese ukhetha ithoni yomculo ofuna ukuyilalela.

Kulandwa ithoni yomculo ohlwini lwe-PlayNow™

Inani lentengo eliphelele lokulanda yinani elivela esibukweni uma ukhetha ukulanda nokugcina ithoni yomculo. Ibhili yefoni yakho noma ikhadi lefoni yokuqala ngokukhokha lizoshajwa ngu-opharetha wenethiwekhi yakho emva kokuthi uthenge ithoni.

Ukulanda ithoni yomculo

1 Uma usulalele ithoni yomculo ofuna ukuyilanda, qala ngokuqinisekisa imininingwane yokuthenga, bese ufunda imigomo nezimiso ezihlinzekwe kwikhithi yefoni. Ngokuvuma ukuthenga ifoni, uyavuma futhi ukwamukela izimiso.

2 ► **Yebo** ukulanda ithoni yomculo. Uzokwamukela umbiko wombhalo oqonisekisa ukuthi ithoni yomculo ikhokhelwe futhi iyatholakala. Ithoni yomculo iyaziginekela ku **Imenenja yefayela** ► **Imisindo**.

 *Isevisi kungenzeka ukuthi ingatholakali njalo kuwo wonke amazwe noma uma usebenzisa inethiwekhi okungesiyo eka-opharetha wenethiwekhi yakho – umbiko uzovela okwazisa ngalokhu uma ukhetha uphawu lwe-PlayNow™.*

Amazwi okukhala kanye nemiculo

Ithoni yakho iza nenqwaba yemisindo esezingeni elamukelekile nezinhlobonhlobo ezingasetshenziswa njengamaringithoni. Ungashintshanisa imiculo usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona. Sicela wazi ukuthi awuvunyelwe ukushintshanisa impahla evikelwe ngelungelo lokushicilela.

 *Uma ukhetha ifayela le-MP3 njengeringithoni, ngeke usebenzise uhlelo lokuphendula ngezwi*
► *31 Ukuphendula ngezwi.*

Ukukhetha iringithoni

► **Izinhlelo** ► **i Imisindo nezibonis thephu**
► **Iringithoni.**

Ukuvula noma ukuvala iringithoni

Cindezela bese ubamba (#) kokubekwe eceleni. Wonke amasiginali ngaphandle kwesiginali ye-alamu ayavulwa noma avalwe.

Ukusetha ivolumu yeringithoni

1 ► **Izinhlelo** ► **i Imisindo nezibonis thebhu**
► **Ivolumu yeringith.** bese ucindezela (⊙) noma (⊙) ukunciphisa noma ukunyusa ivolumu.
2 ► **Gcina ukugcina uhlelo.**

Amaringithoni aqondene nomshayi lucingo

Uma okuthengwayo kwakho kubandakanya isevisi Ukwaziswa Kolayini Ofonayo (CLI), unganikezela iringithoni eqondene nawe iye kubafoni abangafika eshumini, ► *24 Ukwengeza isithombe noma iringithoni koxhumene naye efonini.*

Isexwayisi sokudlikiza

Ungakhetha ukwaziswa ngocingo olungenayo ngokubhazwa kwesixwayisi sokudlikiza. Ungasetha:

- **Vuliwe** – sonke isikhathi.
- **Ivuliwe ithule** – ivuleke ngenkathi ivolumu yokukhala kwefoni icishiwe noma ngenkathi uhlele ifoni yaba sohlelweni lokuthula.
- **Valiwe** – sonke isikhathi.

Ukuhlela isibonisi sokudlikiza

- Izinhlalo ► i Imisindo nezibonisi thephu
- Isixwa. sokudlikiza bese ukhetha uhlelo olufunayo.

Imisindo nezikhombisi ongazikhetha

Kusuka Izinhlalo ► i Imisindo nezibonisi thephu, ungahlela:

- **Osungafundwa** – khetha ukuthi ufuna ukwaziswa kanjani ngombiko ongenayo.
- **Ikhi lomsindo** – khetha ukuthi ufuna amabhathini akhe umsindo onjani uma uwacindezela.

i-MusicDJ™

Ungaqamba bese uhlela imiculo ukuze uyisebenzise njengamaringithoni ngokusebenzisa i-MusicDJ™. Umculo uqukethe izinhlobo ezine zamabhulokhi – Izigubhu, Amabhesi, Amanothi ne iziphimiso.

Ithrekhi iqukethe amabhlokhi omculo amaningi. Amabhlokhi aqukethe imisindo ehlelwe ngaphambilini Amabhulokhi aqoqelwe aba **Isingeniso**, **Ivesi**, **Ikhorasi**, ne **Isikhala**. Ungakha umculo ngkwengeza amabhulokhi omculo ezingomeni.

Ukwakha umculo

1 ► Imidlalo ► I-MusicDJ™.

2 Khetha uku **Faka**, **Kopisha** no **Nameka** amabhlokhi ukuqamba umculo wakho. Sebenzisa , ,  noma  ukuhamba phakathi namabhlokhi. Cindezela  ukususa ibhlokhi. ► Ngaphezu ukuhlola okunye okukhethwa kukho.

Ukuhlela umculo owakhiwe ngaphambilini

► Imenenja yefayela ► Imisindo bese ukhetha umculo ► Ngaphezu ► Hlela.

Kuyathunyelwa bese kuyamukelwa

Ungathumela wamukele imiculo usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona. Sicela wazi ukuthi awuvunyelwe ukushintshanisa impahla evikelwe ngelungelo lokushicilela.



Ungathumela umculo onemisindo eminingi noma ifayela le-MP embikweni obhaliwe.

Ukuthumela umculo

- 1 ► Imenenja yefayela ► Imisindo bese ukhetha umculo.
- 2 ► Ngaphezu ► Thumela bese ukhetha indlela yokudlulisa.

Ukwamukela umculo

- 1 Vula umbiko owamukele kuwo umculo, noma vula i-Bluetooth noma isikhala seso lefoni uma le ndlela yokudlulisa isetshenziswa ukuze uthumele umculo.
- 2 Uma wamukela umculo, landela imiyalelo evela esibukweni.

i-VideoDJ™

Nge-VideoDJ™, ungakha amamuvi ngokuhlanganisa amavidyo klipu nezithombe okugcine efonini noma kwi-Memory Stick Duo. Ungasebenzisa futhi i-VideoDJ™ ukunquma amavidyo klipu nokuhlela izinto zamvidyo.

Ukwakha imuvi

- 1 ► Imidlalo ► VideoDJ™.
- 2 ► Engeza. Khetha ukwengeza i Ividyo klipu, a Isithombe noma Umbhalo ► Khetha.

Ukuhlela ividyo klipu

- 1 ► Imenenja yefayela ► Amavidyo ► Vula bese ukhetha ividyo klipu ofuna ukuyivula.
- 2 ► Ngaphezu ► Hlela ► Hlela uku Nquma, Faka esikhundleni or Susa iklipu kwimuvi yamanje.

Ukuhlela isithombe

- 1 ► Imidlalo ► VideoDJ™.
- 2 ► Engeza ► Isithombe. Khetha isithombe ofuna ukusihlela bese ► Khetha.
- 3 ► Hlela uku Faka esikhundleni isithombe, ► Isikhathi ukushintsha isithombe ngesikhathi semuvi noma ► Susa ukususa isithombe kwimuvi yamanje.

Ukuhlela umbhalo

- Hlela ukushintsha umucu wombhalo,
- Isendlalelo ukushintsha isendlalelo sombhalo,
- Umbala wombhalo ukushintsha umbala wefonti,
- Isikhathi ukushintsha isikhathi sombhalo kwimuvi noma ► Susa ukususa umbhalo kwimuvi yamanje.

Okukhethwa kukho i-VideoDJ™

Uma imuvi ikhethiwe ► Ngaphezu ukuze uhlale okunye ongakukhetha.

- Gabi gabi – ukuhlola imuvi.
- Faka – ukufaka okuthile.

- **Gcina** – ukugcina imuvi.yamanje.
- **Thumela** – ukuthumela imuvi.yamanje.
- **Okusha** – ukuvula enye imuvi.
- **Ithrekhi yomsin.** – ukwengeza umsindo wethrekhi kwimuvi yamanje.

Kuthunyelwa futhi kwemukelwa amamuvi

Ungathumela imuvi usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona. Amamuvi amafishane angathunyelwa ngokusebenzisa umbiko wesithombe. Uma imuvi iyinde kakhulu, ungasebenzisa **Nquma** uhlelo ukwakha imuvi emfishane.

Amamuvi owamukelayo nowagcinayo agcinwa kwimenenja yefayela.

Ukunquma ividyo kliphu

- 1 Khetha ividyo kwibhodi lezindaba ► **Hlela**
► **Nquma.**
- 2 ► **Setha** ukusetha indawo yokuqalisa bese
► **Qala.**
- 3 ► **Setha** ukusetha indawo yokuphelisa bese
► **Vala.**
- 4 Ungaphinda izinyathelo 2 no 3 uze weneliseke.
► **Kwenziw.** ukuqeda ukunquma.

Isiqophi msindo

Ngesiqophi msindo, ungaqopha amamemo akho noma izingcingo. Imisindo eqoshiwe ingasethwa njengamaringithoni. Ukurekhodwa kwengxoxo kuyamiswa uma umhlanganyeli evala ucingo. Ukuqoshwa kwayo yonke imisindo kuyazimela uma wamukela ucingo. Okurekhodwayo kugcinwa nge-othomathikhi kwi-Memory Stick Duo uma kufakwe efonini. Uma okurekhodwayo kugcinwe efonini (noma kwi-Memory Stick Duo), kungatholakala ngisho ushintsha iSIM khadi.



Kwamanye amazwe noma izitethi umthetho wakhona udinga ukuthi umazise omunye umuntu ngaphambi kokuqopha ucingo.

Ukuqalisa ukuqopha umsindo

- 1 ► **Imidlalo** ► **Qopha umsindo.**
- 2 Linda uze uzwe ithoni. Uma ukuqopha kuqala, **Ukuqopha** uyakhonjiswa kanye nesikhathi sokuqopha samanje (kuyanyuka).
- 3 ► **Gcina** ukuvala ukuqopha, no ► **Dlala** ukulalela okuqoshiwe. ► **Ngaphezu** ukuhlola okukhethwa kukho okulandelayo:
Qopha manje, Thumela, Qamba kabusha, Susa,
Imisindo eqoshiwe.

Ukulalela okuqoshiwe

- 1 ► Imeninja yefayela ► Imisindo bese ukhetha ukuqopha ofuna ukukuzwa.
- 2 ► Dlala ukulalela okurekhodwayo no ► Misa ukumisa ukudlala.

Izingqikithi

Ungakwazi ukuguqula ukubukeka kokukhonjisiwe esibukweni, isibonelo, imibala, nephepha lodonga ngokuthi usebenzise izingqikithi. Ifoni yakho uyithenga isivele isinezinye izingqikithi esezivele sezihleliwe. Ngeke ukwazi ukukucisha lokhu, kodwa ungakha izingqikithi ezintsha uphinde uzikhiphele efonini yakho. Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa, vakashela u www.SonyEricsson.com/support.

Ukuze ukhethe futhi uhlele ingqikithi

► Imeninja yefayela ► Izingqikithi bese ukhetha ingqikithi.

Ukushintshanisa izingqikithi

Ungashintshanisa izingqikithi usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona.

Ukuthumela ingqikithi

- 1 ► Imeninja yefayela ► Izingqikithi bese ukhetha ingqikithi.
- 2 ► Ngaphezu ► Thumela bese ukhetha indlela yokudlulisa.

Ukuze wemukele futhi ugcine ingqikithi

- 1 Vula umbiko owamukele kuwo umculo, noma vula i-Bluetooth noma isikhala seso lefoni uma le ndlela yokudlulisa isetshenziswa ukuze uthumele ingqikithi.
- 2 Uma wemukela uhlamvu, landela imiyalelo evela esibukweni.

Ukukhipha ingqikithi emishinini emikhulu

► Imeninja yefayela ► Izingqikithi ► Sony Ericsson.

Imidlalo

Ifoni yakho inemidlalo embalwa yokuqeda isizungu. Ungakhipha futhi imidlalo emishinini emikhulu kanye nezinhlelo ziye ngqo efonini yakho. Imibhalo yosizo iyatholakala emidlalweni eminingi.

Ukuqalisa nokuqeda umdlalo

- 1 ► Imidlalo ► Imidlalo bese ukhetha umdlalo ► Qala.
- 2 Cindezela bese ubamba  ukuqeda umdlalo.

Ukukhipha umdlalo emshinini omkhulu

- Imidlalo ► Imidlalo ► Sony Ericsson.

Ukuxhumana

Izinhlelo ze-internet neze-imeyli, ukuvumelanisa, i-Bluetooth, iso lefoni, ikhebula le-USB, isevisi yokuvuselela.

Izinhlelo

Ngaphambi kokuqala ukusebenzisa i-inthanethi, ukuthunyelwa kwemibiko, Abangani bami noma i-PlayNow™, izinhlelo ziyadingeka efonini yakho.

Izinhlelo kungenzeka zibe sezifakiwe uma uthenga ifoni yakho. Uma kungenjalo, xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho noma umnikezeli wakho wesevisi ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Izinhlelo ziyatholakala futhi ku

www.SonyEricsson.com/support.

Ukuze usebenzise i-inthanethi, nokuthumela nokwamukela isithombe nemibiko ye-imeyli, udinga lokhu okulandelayo:

- Ukuthenga ifoni esekela ukudluliswa kwedatha.
- Izinhlelo ezifakwe efonini yakho.
- Kungadingeka ukuthi ubhalise njengomsebenzisi we-inthanethi ne-imeyli ku-opharetha wakho wesevisi noma umnikezeli wenethiwekhi yakho.

Kufakwa izinhlelo ze-inthanethi neze-imeyli

Uma izinhlelo zingakafakwa efonini yakho, unga:

- Yamukela izinhlelo ku-opharetha wenethiwekhi yakho noma kumnikezeli wesevisi. Izinhlelo ziyatholakala futhi ku www.SonyEricsson.com/support.
- Faka noma hlela izinhlelo ngesandla.

Kusetshenziswa i-inthanethi

Ifoni yakho inesipheqi esisebenzisa i-WAP (Wireless Application Protocol) noma i-HTTP (Hyper Text Transfer Protocol) ukungena kwi-inthanethi.

Ukukhetha iqoqo le-inthanethi

- Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu
- Izinhlelo ze-inthan ► Amaqoqo e-inthan bese ukhetha iphrofayli ofuna ukuyisebenzisa.

Ukuqala ukupheqa

- Amasevisi e-intha. bese ukhetha isevisi noma
- Amasevisi e-intha. ► Ngaphezu bese ukhetha okukhethwa kukho.

Ukuyeka ukupheqa

- Ngaphezu ► Isipheqi sokuph.

Ongakhetha kukho uma upheqa

- Ngaphezu ukuze uhlale izipheqi ezahlukeni ongakhetha kuzo. Ongakhetha kukho kungehluka kuye ngokuthi iyiphi indawo oyivakashelayo.



Uma ukhetha ikheli le-imeyli ngenkathi upheqa indawo yeWebhu, ungathumela umbiko obhaliwe kulelo kheli.

Amamenyu ongakhetha kuwo aqukethe lokhu okulandelayo:

- **Isipheqi sokuph.** – Nqamula ukuxhumana bese uya kokumiswe isikhashana.
- Yikha ekhasini lasekhaya elihlelwe iphrofayli lamanje le-inthanethi, sibonelo, **Sony Ericsson**.
- **Mabhukumaka** – engeza isaythi oyipheqayo njengamanje ohlwini lwakho lwamabhukumaka, noma hlola uhlu lwamabhukumaka. Khetha ukusika umculo noma amavidyo.
- **Faka ikheli** – faka ikheli le-WAP lendawo ofuna ukuyivakashela. ► **Ikheli elisha** ukufaka ikheli elisha lekhasi leWebhu noma khetha elinye lamakheli akamuva ayi-10 afakiwe. Uma ufaka ikheli lekhasi le-Web, isiqalo esijwayelekile u <http://> asidingeki.
- **Hlanza isiqophi** – sula wonke amafayela e-inthanethi agcinwe okwesikhashana efonini.
- **Umlando** – uhlu lwezindawo ezivakashelwe ngaphambilini.

- **Ikhasi lakabusha** – yenza kabusha okuqukethwe ekhasini le-WAP.
- **Gcina** – gcina ikhasi leWeb noma isithombe ekhasini lamanje leWeb.
- **Thumela ukuxh.** – thumela ukuxhumana nendawo ekhona njengamanje nenye ifoni.
- **Izinga** – bonisa ulwazi lwezinga olukhona njengamanje, isibonelo, iphrofayli, uhlobo lokungena, ezokuphepha, ikheli.
- **Ukubukeka** – khetha ukudlala imisindo noma khombisa izithombe emakhasini avakashelwe.
- **Shaya ucingo** – uma ukuthenga kwakho kuyesekela, ungafona ngenkathi upheqa kwi-inthanethi. ► **Ngaphezu** ► **Vala uci.** ukuvala ucingo bese uqhubeke nokupheqa.

Ukusebenzisa amabhukumaka

Usebenzisa amabhukumaka efonini yakho ephathekayo njengoba wenza ngesipheqi se-inthanethi yekhompyutha. Ungakha futhi uhlele amabhukumaka.

Ukusebenza ngamabhukumaka

- 1 ► **Amasevisi e-intha.** ► **Ngaphezu**
► **Mabhukumaka** bese ukhetha ibhukumaka
► **Ngaphezu.**
- 2 Khetha lokho ongakhetha kukho.

Ukukhipha emishinini emikhulu

Ungalanda, isibonelo, izithombe, izingqikithi, imidlalo, amaringithoni kusuka kumasaythi eWeb kuya ngqo efonini yakho.



Xhumana no-opharetha wenethiwekhi noma umnikezeli wesevisi mayelana nolwazi oluthe xaxa uma ulwazi ongakhetha kulo lungatholakali.

Ukulanda kwi wap.sonyericsson.com

- 1 ► **Amasevisi e-intha.** ► **Ngaphezu**
► **Mabhukumaka** ► **Sony Ericsson.**
- 2 Khetha ofuna ukukukhipha emishinini emikhulu bese ulandela imiyalelo evelayo:

Ulwazi olugciniwe

Uma upheqa, ungagcina ulwazi efonini yakho.



Kuyinto enhle ukususa ulwazi olunozwelo oluke lwavakashelwa ngaphambilini kumasevisi e-inthanethi. Lokhu kugwema ingozi yezokuphepha uma ifoni yakho ikudukele, uyilahlile noma yebiwe.

Lolu lwazi olulandelayo lungagcinwa:

- Amakhekhe – athuthukisa ukungena okukahle endaweni.
- Amaphasiwedi – athuthukisa ukungena okukahle kunolwazi.

Ukuvumela noma ukusula amakhekhe efonini yakho

Cindezela Izinhlalo ► i Ukuxhumana thebhu
► Izinhlalo ze-inthan ► Amabhisikidi bese ukhetha okukhethwa kukho bese uqinisekisa.

Ukusula uhlu lwephasiwedi

► Izinhlalo ► i Ukuxhumana thebhu
► Izinhlalo ze-inthan ► Sula amaphasiwedi bese ► Yebo ukuqinisekisa.

Iphrofayli le-inthanethi yezinhlalo ze-Java™

Ezinye izinhlalo ze-Java™ zidinga ukuxhuma kwi-inthanethi ukwamukela ulwazi, isibonelo, imidlalo elanda amazinga amasha kwiseva yomdlalo.

Udinga iphrofayli le-inthanethi le-HTTP ukuvumela izinhlalo ze-Java™ ukuthi zixhume kwi-inthanethi. Sicela uxhumane no-opharetha wenethiwekhi yakho noma umnikezeli wakho wesevisi ngolwazi oluthe xaxa.

Ukukhetha iphrofayli ye-Java™

- 1 ► Izinhlalo ► i Ukuxhumana thebhu
► Izinhlalo ze-Java™ ► Amaqoqo e-inthan.
- 2 Khetha uhlelo lwephrofayli ye-HTTP ofuna ukulusebenzisa.

Ukuphepha kwe-inthanethi

Ifofoni yakho inesisekelo sokuphepha okuphephile kwe-WAP nokwe-HTTP. Ukuze ucuphe ukuphepha kokuxhumana esangweni le-WAP, kudingeka uvule ukuphepha kwiphrofayli ye-inthanethi yakho. Uma iphrofayli le inthanethi yakho iyiphrofayli le-HTTP, ukuxhumana kuzophepha uma i-URL iqala ngo <https://>.



Ukuphepha kokuxhumana phakathi kwendlela yokuphuma ye-WAP nomnikezeli wesevisi we-WAP kungumthwalo osemahlombe omnikezeli wesivisi ye-WAP.

Ukuvula ukuxhumana okuphephile (WAP)

- 1 ► Izinhlalo ► i Ukuxhumana thebhu
► Izinhlalo ze-inthan ► Amaqoqo e-inthan bese ukhetha iphrofayli ► Ngaphezu ► Izinhlalo.
- 2 Ukuvula ezokuphepha.

Izitifiketi ezithenjwe

Ukwakha ukuxhumana okuphephile ngenkathi usebenzisa amasevisi athile e-inthanethi, isibonelo, ukubhenka, udinga izitifiketi efonini yakho.

Izitifiketi ezethembekile zisetshenziselwa ukuqinisekisa indlela yokuphuma ye-WAP noma

zikanolwazi we-HTTP ozama ukuxhumana nayo. Kungenzeka ukuthi ifoni yakho yayisivele isinazo izitifiketi ngesikhathi uyithenga. Ungalanda futhi izitifiketi ezintsha usebenzisa isipheqi.

Ukuhlola izitifiketi efonini yakho

- Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu
- Izinhlelo ze-inthan ► Ukuphepha ► Izitifiketi.

Kuyavumelaniswa

Ungavumelanisa oxhumene nabo efonini yakho, ama-aphoyintimenti, imisebenzi namanothi nezinhlelo ezifanayo, isibonelo, ikhompyutha noma ifoni ephathwayo usebenzise i-Bluetooth, isikhala seso lefoni noma ikhebula le-USB (ukuvumelanisa namadivaysi aseduze). Isofthiwe yokuvumelanisa yekhompyutha yakho iyatholakala nge-CD eza nefoni yakho.

Ungavumelanisa futhi nezinhlelo kwi-inthanethi usebenzisa i-WAP noma i-HTTP (rukuvumelaniswa okukude namasevisi e-inthanethi).

Sicela uvakashele ku www.SonyEricsson.com/support ukulanda imihlahlandlela Yokuqalisa ngokuvumelanisa.



Uma usebenzisa i-USB, qinisekisa ukuthi usebenzisa kuphela ikhebula le-USB eliza nefoni.

Ukukhetha uhlelo lokuvumelanisa lwamagama

- Oxhumana nabo ► Ongakhetha ku ► Kuthuthukile
- Uhlelo lokulinganis ukuze ukhethe ukuthi yiluphi uhlelo lwegama nesibongo oluvela efonini ngenkathi uvumelanisa oxhumene nabo.

Ukuvumelanisa kanye nemishini eseduzane

Faka i-software ohlelweni lokuvumelanisa lwekhompyutha olukwi-CD eza nefoni yakho noma uyilande ku www.SonyEricsson.com/support. Ngolwazi oluthe xaxa, sicela ubheke usizo kwisofthiwe yokuvumelanisa yekhompyutha.

Ukuvumelanisa okude nezinhlelo ze-inthanethi

Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa ngalezi zinhlelo kwi-inthanethi bese uthola umazisi ongawusebenzisa uma ulinganisa futhi wemukela igama lomsebenzisi kanye namakheli ezinhlelo ezahlukeneyo. Kufanele futhi ube nephrofayli ye-inthanethi esethwe efonini yakho ephathekayo. ➡ 65 Izinhlelo.

Ukufaka izinhlelo ezikude zokuvumelanisa

- 1 ► Umhleli ► Ukw. kuhambi. ► I-akhawunti ents. Uma ungenayo i-akhawunti, uzobuzwa noma uyafuna yini ukwakha i-akhawunti. ► Yebo ukuze wakhe i-akhawunti entsha.
- 2 Faka igama le-akhawunti entsha ► Qhubeka. Uhlu lwezinto ozifakayo luyavela. Kanti nekheli likanolwazi kanolwazi wokulinganisa, igama lomsebenzisi kanolwazi kanye nephasiwedi kanolwazi. ► Kulungile uma sewufake uhlelo ngalunye.
- 3 ► Ukuxhumana bese ukhetha iphrofayli le-WAP noma le-HTTP ofuna ukulisebenzisa ukuvumelanisa.
- 4 ► Ukuqalisa esikude ukusetha noma ukuvumela unolwazi wokuvumelanisa noma enye idivaysi ukuthi iqalise ukuvumelanisa noma qha. Ungakhetha ukucela njalo.
- 5 ► Umkhawu wokuvu. ukusetha ukuthi ufuna ifoni ixhume nge-othomathikhi kangaki kunolwazi bese iqala ukuvumelanisa.
- 6 ► Izinhlelo bese ukhetha izinhlelo ofuna ukuzivumelanisa, isibonelo, Ifonibhuku ► Kulungile.

- 7 ► Izinhlelo zesicelo bese ukhetha uhlelo. Faka igama lesizinda solwazi, futhi uma kudingeka, igama lakho lomsebenzisi kanye nephasiwedi ► Kulungile.
- 8 Cindezela  ► Gcina ukuze ugcine i-akhawunti entsha.

Ukuze uqale ukuvumelanisa okude

- Umhleli ► Ukw. kuhambi. bese ukhetha i-akhawunti ekude ► Qala.

Ubuchwepheshe obungenawaya be-Bluetooth™

Ifoni yakho ine-Bluetooth eyakhelwe ngaphakathi eyenza kube lula ukuthi uxhume ifoni yakho ngaphandle kwawaya kwamanye amadivaysi e-Bluetooth. Ukwazi ukuxhumana namadivaysi amaningi e-Bluetooth ngesikhathi esisodwa. Ungavumelanisa nge-othomathikhi ulwazi efonini yakho nekhompyutha bese usebenzisa uhlelo lokulawula kude ukulawula izinhlelo ezikwikhompyutha yakho. Ungashintshanisa futhi, isibonelo, amabhizinesi khadi, izinto zekhalenda nezithombe.

 *Sincoma ukuthi ifoni yakho nedivaysi ye-Bluetooth oxhumana ngayo kube ngaphakathi kwamamitha ayi-10 ukuqhelelana. Ukuxhumana kungathuthukiswa uma kungekho zinto eziqinile phakathi kwefoni yakho kanye nenye idivaysi ye-Bluetooth.*

Ngaphambi kokuba uqale

Ukuxhumana nenye idivaysi ye-Bluetooth, kufanele uvule i-Bluetooth kuqala. Ungengeza futhi idivaysi ohlwini lwamadivaysi efonini yakho.

Ungashintshanisa izinto, usebenzisa isibuko esikude bese udlala imidlalo ngaphandle kokwengeza idivaysi ohlwini. Ukuvumelanisa nekhompyutha yakho nokupheqa i-inthanethi, udinga futhi ukufaka isofthiwe kwikhompyutha yakho yakho kwi-CD eza nefoni yakho noma uyilande ku www.SonyEricsson.com/support.

 *Sicela uhlole ukuthi imithetho yangakini noma izimiselo ziyakuvimbela yini ukusetshenziswa kwe-Bluetooth. Uma i-Bluetooth ingavunyelwe, kufanele uqiniseke ukuthi uhlelo lwe-Bluetooth luvaliwe. Amandla amakhulu akhishwa umsakazo we-Bluetooth efonini alungiswa nge-othomathikhi ngokwezibekelo zasendawni yangakini. Lokhu kusho ukuthi angahlukahlu.*

Ukuvula i-Bluetooth

- Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu
- I-Bluetooth ► Vula.

Ukwengeza idivaysi efonini yakho

- 1 ► Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu
► I-Bluetooth ► Imishini yami
► Umshini omusha. Uhlelo lwe-Bluetooth lwenye idivaysi kufanele nalo luvulwe futhi lungafihlwa.
- 2 ► Engeza futhi nefoni yakho izocinga zonke izinhlobo ezikhona zamadivaysi e-Bluetooth.
- 3 Ifoni icinga amadivaysi e-Bluetooth. Uhlu lwamadivaysi akhona luyavezwa. Khetha idivaysi.
- 4 Uma idivaysi oyengezayo efonini yakho inephaskhodi yayo, faka le phaskhodi efonini yakho. Uma kungenjalo, yakha iphaskhodi yamadijithi akho bese uyifaka kuwo womabili amadivaysi.

Ukuhlela uhlu lwakho lwamadivaysi

- 1 ► Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu
► I-Bluetooth ► Imishini yami bese ukhetha idivaysi ohlwini.
- 2 ► Ngaphezu ukuhlola uhlu lokukhethwa kukho.

Ukonga amandla

Ungakhetha ukuvala noma ukuvula lokuphawu uma ungafuni ukusebenzisa izinhlelo ze-Bluetooth eziningi ngesikhathi esisodwa. Uma ulivula, ifoni izokonga amandla bese ivimbela amanye amadivaysi ekuxumaneni nefoni yakho uma uvele uxhumene nenyane.

Ukonga amandla

- Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu ► I-Bluetooth
- Ukonga amandla ► Vuliwe.

Igama lefoni

Khetha igama elihlukile lefoni yakho. Leli gama likhonjiswa kwamanye amadivaysi uma ifoni yakho itholwa.

Ukufaka igama lefoni

- Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu ► I-Bluetooth
- Igama lefoni.

Ukubonakala

Ukuze ifoni yakho itholwe uma icingwa amanye amadivaysi e-Bluetooth, kufanele uqinisekise ukuthi i-Bluetooth ivuliwe nefoni yakho iyabonakala kwamanye amadivaysi.

Ukufihla nokukhombisa ifoni yakho uma usebenzisa i-Bluetooth

- 1 ► Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu
► I-Bluetooth ► Kuyabonakala.
- 2 ► Bonisa ifoni noma Fihla ifoni.

Kuyathunyelwa bese kuyamukelwa

Ukuthumela noma ukwamukela into usebenzisa i-Bluetooth, kudungeka uqinisekise ukuthi amadivaysi asohlelweni olufinyelelekayo.

Emva kokukhetha i-Bluetooth njengendlela yokudlulisa yokuthumela, uhlu lwamadivaysi amukelayo luyethulwa. Ifoni icinga futhi amanye amadivaysi akhonjiswayo ohlwini.

Ukuthumela into

- 1 Khetha into ofuna ukuyithumela,
► Oxhumana nabo bese ukhetha oxhumana naye.
- 2 ► Ngaphezu ► Thumela umngani
► Nge Bluetooth. Ifoni icinga amadivaysi.
Khetha idivaysi ofuna ukuyithumelela okuthile
► Khetha.

Ukwamukela okuthile

- Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu ► I-Bluetooth
- Vula. Qinisekisa ukuthi ifoni yakho iyabonakala kwamanye amadivaysi. Uma wemukela uhlamvu, landela imiyalelo evela esibukweni.

Ukwengeza ihendisfri ye-Bluetooth efonini yakho

- 1** ▶ Izinhlelo ▶ i Ukuxhumana thebhu
▶ I-Bluetooth ▶ Ihendisfri.
- 2** Uma uqala ukwengeza ihendisfri, Engeza idivaysi yehendisfri ukuze isebenze nefoni? uyavezwa ▶ Yebo.
- 3** Uma uvele unehendisfri ohlwini lakho lwamadivaysi, ▶ Izinhlelo ▶ i Ukuxhumana thebhu ▶ I-Bluetooth ▶ Ihendisfri
▶ Ihendisfri yami ▶ Ihendisfri entsha ▶ Engeza. Kufanele uqinisekise ukuthi ihendisfri ye-Bluetooth ikwimodi ehambisanayo.

Kudluliswa umsindo

Uma usebenzisa ihendisfri ye-Bluetooth ngefoni yakho, ungakhetha lapho umsindo ungadluliselwa khona ngesikhathi socingo. Ungakhetha futhi lapho umsindo ungasingathwa khona uma uphendula ucingo olungenayo ngekhaphedi.

Ukudluliswa umsindo uma usebenzisa ihendisfri

- Ngesikhathi socingo, cindezela 
- ▶ Dlulisa umsindo. Khetha ukudluliswa umsindo kwifoni noma kwamanye amadivaysi ehendisfri engezwe efonini yakho.

Ukuqondisa umsindo

Ungakhetha futhi lapho umsindo ungasingathwa khona uma uphendula ucingo olungenayo ngekhaphedi efonini. Uma usebenzisa ibhathini elikisihendisfri, umsindo uzoba kwihendisfri njalo.

Ukuqondisa umsindo uma uphendula ucingo ngehendisfri

- 1** ▶ Izinhlelo ▶ i Ukuxhumana thebhu
▶ I-Bluetooth ▶ Ihendisfri
▶ Ucingo olungenayo.
- 2** ▶ Efonini uma ufuna njalo ukuba nomsindo efonini noma Kwihendisfri uma ufuna ukuqondisa umsindo kwihendisfri.

Isilawuli kude

Ungasebenzisa ifoni yakho njengedivaysi eyisilawuli kude ukulawula izinhlelo zekhompyutha njengesidlali semidya noma izethulo ze-Microsoft® i-PowerPoint®. Ikhompyutha kufanele isekele i-Bluetooth HID Profile.

Ukukhetha isilawuli kude

- 1** ▶ Imidlalo ▶ Isiqhebeza buqama.
- 2** Khetha uhlelo ofuna ukulisebenzisa nekhompyutha ofuna ukuxhuma kuyo.

Ukudlulisa ifayela

Ungasebenzisa ikhompyutha ukuhlola nokudlulisa okuqukethwe kwimenenja yefayela. Ungasebenzisa uhlelo lokudonsa nokuphonsa lwekhompyutha yakho uku:

- Dlulisa amafayela phakathi kwefoni nekhompyutha.
- Susa amafayela efonini.

Iso lefoni

Ungasebenzisa isikhala seso lefoni ukuze wakhe ukuxhumana phakathi kwefoni yakho nekhompyutha noma nezinye izinhlelo ezinesikhala seso lefoni. Ungalinganisa, isibonelo, izinhlamvu zekhalenda, ► 69 Kuyavumelaniswa, bese uthumela izinhlamvu njengezithombe nabantu oxhumene nabo.




Uma uxhuma kwikhompyutha, sicela ubheke umqulu womsebenzisi wayo. Qinisekisa ukuthi isivinini seso lefoni kwikhompyutha sisethwe ku 115200 bps.

Ukuvula isikhala seso lefoni

► Izinhlelo ► i Ukuxhumana thebhu ► Iso lefoni
► Vuliwe noma ► Imizuzu eyi-10 ukuvula iso lefoni imizuzu eyi-10 kuphela.

Ukuxhuma amadivaysi amabili



- 1 Vula isikhala seso lefoni yamadivaysi amabili.
- 2 Qinisekisa ukuthi isikhala seso lefoni efonini yakho sibhekene nesikhala seso lefoni kwenye idivaysi.
- 3 Ifoni yakho izobe seyakha ukuxhumana nezinye izinhlelo.

Ukuthumela uhlamvu usebenzisa iso lefoni (isibonelo: oxhumene naye)

- 1 Qiniseka ukuthi izikhala zeso lefoni amadivaysi womabili zivuliwe. ► Oxhumana nabo bese ukhetha oxhumana naye.
- 2 ► Ngaphezu ► Thumela umngani
► Ngeso lefoni.

Kudluliswa amafayela kusetshenziswa ikhebula le USB

Uma uxhuma ifoni yakho kwikhompyutha usebenzisa ikhebula le-USB, i-Memory Stick ivela njengedrayvu kwikhompyutha, bheka futhi ➡ 7 *I-Memory Stick Duo*™. Ungafaka amadrayva e-khebula le-USB usebenzisa i-CD eza nefoni yakho.

 Qinisekisa ukuthi usebenzisa kuphela ikhebula le-USB eliza nefoni yakho, nokuthi uxhuma ikhebula le-USB ngqo kwikhompyutha yakho.

Ungasebenzisa uhlelo lokudonsa nokuphonsa kwikhompyutha yakho uku:

- Dlulisa amafayela phakathi kwefoni nekhompyutha.
- Hambisa bese uhlela amafayela kwi-Memory Stick Duo.
- Susa amafayela kwi-Memory Stick Duo.

Amafayela kufanele agcinwe kumafolda athile kwi-Memory Stick:

- Izithombe kufanele zigcinwe kwu
\\MSSEM\\Media files\\image\\
- Umculo kufanele ugcinwe kwi
\\MSSEM\\Media files\\audio\\ noma kwi \\MP3\\

- Izinhlelo ze-Java nemidlalo kufanele kugcinwe kwi \\MSSEM\\Media files\\okunye\\
- Izithombe ezithathwe ngekhamera zigcinwa kwifolda \\DCIM\\.

 *Ikhompyutha yakho idinga okukodwa kwalezi zinhlelo zokusebenza ukuze ikwazi ukusebenzisa lolu phawu: I-Windows® 2000, i-Windows ME, i-Windows XP ne Mac OS X.*

Isevisi yokuvuselela

Nge-Sony Ericsson Update Service ungagcina ifoni yakho ivuselelwe ngamasofthiwe amasha. Uma isihumushi esisha sesofthiwe sikhona, ungasilanda bese usifaka usebenzisa ikhebula le-USB ohlinzekwe ngalo nekhompyutha exhunywe kwi-inthanethi.

Ukuvuselela isofthiwe yefoni

- 1 Xhuma ikhebula le-USB kwikhompyutha nakwifoni.
- 2 Vakashela www.SonyEricsson.com/support.
- 3 Khetha isifunda noma izwe.
- 4 Faka igama lomkhiqizo.
- 5 Khetha i-Sony Ericsson Update Service bese ulandela imiyalelo evelayo.

Ezinye izimpawu

Isikhathi nosuku, iwashi le-alamu, ikhalenda, imisebenzi, izinhlelo ze-Java™, ilokhi yeSIM khadi, njll.

Isikhathi nosuku

Isikhathi sikhonjiswa njalo kokubekwe eceleni.

- Ukusetha isikhathi ► **Izinhlelo** ► i **Okujwayelekile** thebhu ► **Isikhathi nosuku** ► **Isikhathi**.
Faka isikhathi ► **Gcina**.
- Ukusetha ifomethi yesikhathi ► **Ifomethi** bese ukhetha okukhethwa kukho.
- Ukusetha ifomethi yesikhathi sosuku ► **Izinhlelo** ► i **Okujwayelekile** thebhu ► **Isikhathi nosuku** ► **Usuku**.

Iwashi le-alamu

I-alamu lingasethwa ukuthi likhale ngesikhathi esithile ngaphakathi kwamahora angama 24, noma likhale ngokuphinda ngesikhathi esithile ngezinsuku ezithile. Ungasetha la ma-alamu womabili ngesikhathi esisodwa. Isignali ye-alamu ikhala noma ifoni isethwe kuthulile noma ivaliwe.

I-alamu ingasebenzisa umsakazo njengesignali ye-alamu, ► 57 *Umsakazo*.

Ukusetha i-alamu

► **Umhleli** ► **Ama-alamu** ► **I-alamu** bese ufaka isikhathi ► **Gcina**.

Usebenzisa i-alamu

- Ukushintsha isikhathi se-alamu ► **Umhleli** ► **Ama-alamu** ► **I-alamu** bese ufaka isikhathi esisha.
- Ukuvala isignali ye-alamu uma ikhala, cindezela noma iliphi ibhathini. Uma ungathandi ukuthi i-alamu liphindwe ► **Cisha**.
- Ukusula i-alamu ► **Umhleli** ► **Ama-alamu** ► **I-alamu** ► **Cisha**.
- Ukusetha i-alamu elikhala njalo ► **Umhleli** ► **Ama-alamu** ► **I-alamu** elihlala lik. Faka isikhathi bese ukhetha izinsuku ofuna i-alamu likhale njalo ngazo ngokupheqa bese cindezela **Maka**.
► **Kwenziw**. ukuphuma kwimenyu.
- Ukukhetha isignali ye-alamu ► **Umhleli** ► **Ama-alamu** ► **Isibonisi se-alam**.
Khetha **Umsakazo** noma **Imisindo**.



Uma ukhetha Umsakazo njengesignali ye-alamu, sicela uqinisekise ukuthi ihendisfri ixhunywe efonini.

Ikhhalenda

Ungasebenzisa ikhalenda ukugcina ithrekhi yemihlangano ebalulekile. Ikhhalenda lingavumelaniswa nekhhalenda lekhompyutha noma nekhhalenda elikwiWeb ➡ 69 *Kuyavumelaniswa.*

Ama-aphoyintimenti

Ungakhetha ukwengeza i-aphoyintimenti entsha noma usebenzise endala njengesibonisi ngokuyikopisha noma uyihlele. Ungasetha futhi izikhumbuzi ngama-aphoyintimenti.

Ukwengeza i-aphoyintimenti entsha

- 1 ▶ Umhleli ▶ Ikhhalenda bese ugqamisa usuku lwe-aphoyintimenti ▶ Khetha ▶ I-aphoyintiment. ▶ Engeza.
- 2 Faka imininingwane bese uqinisekisa uhlu ngalunye.

Ukuhlola i-aphoyintimenti

- 1 Umhleli ▶ Ikhhalenda bese ukhetha usuku one-aphoyintimenti ngalo (olumakwe ngokugqamile).
- 2 Pheqa kwi-aphoyintimenti ▶ Hlola.

Ukuhlola okuqukethwe yikhhalenda lakho

- ▶ Umhleli ▶ Ikhhalenda. Izinsuku onama-aphoyintimenti ngazo zimakwa ngokugqamile.
- ▶ Ngaphezu ▶ Hlola isonto ukuhlola iviki elithile.

Ukusetha ukuthi izikhumbuzi zikhale nini

- 1 ▶ Umhleli ▶ Ikhhalenda ▶ Ngaphezu ▶ Okuthuthukile ▶ Izikhumbuzi.
- 2 ▶ Njalo uma ufuna isikhumbuzi ukuthi sikhale yize noma ifoni ivaliwe. Uma isikhumbuzi sikhala ▶ Yebo ukufunda i-aphoyintimenti. ▶ Cha ukuvala isikhumbuzi. Okukhethwa kukho izikhumbuzi okusethwe ekhhalendeni kuphazamisa okukhethwa kukho izikhumbuzi okusethwe kwimisebenzi.

Ukuhamba kwikhhalenda lakho

Sebenzisa ibhathini lokuhamba ukuhamba phakathi kwezinsuku noma amaviki. Ekuhlolweni kwanyanga zonke nokwamaviki onke, ungasebenzisa futhi ikhiphedi njengokulandelayo.

- | | |
|--------------------|-------------------|
| ① Emuva ngeviki | ③ Ngeviki elizayo |
| ④ Emuva ngenyanga | ⑥ Ngenyanga ezayo |
| ⑦ Emuva ngonyaka | ⑨ Ngonyaka ozayo |
| ⑧ Usuku hwanamuhla | |

Izinhlelo zekhalenda

- ▶ Umhleli ▶ Ikhalela ▶ Ngaphezu bese ukhetha okukhethwa kukho.
- **Hlola isonto** – khetha, engeza, hlela noma susa ama-aphoyintimenti.
- **I-aphoyintiment**. – engeza i-aphoyintimenti entsha.
- **Shintsha usuku** –shintsha usuku lwekhalenda lakho.
- **Okuthuthukile** – ngokukhethwa kukho ukuthola, susa konke, setha izikhumbuzi noma khetha usuku lokuqala leviki.

Kushintshaniswa ama-aphoyintimenti

Ungathumela futhi wamukele ama-aphoyintimenti usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona.

Ukuthumela i-aphoyintimenti

Ohlwini lwama-aphoyintimenti osuku oluthile, khetha uhlamvu ofuna ukuluthumela ▶ **Ngaphezu**
▶ **Thumela** bese ukhetha indlela yokudlulisa.

Imisebenzi

Ungagcina ithrekhi yezingcingo odinga ukuzishayela noma imisebenzi odinga ukuyenza. Ungakhetha ukwengeza umsebenzi omusha noma usebenzise omdala njengesibonisi ngokuwukopisha nokuwuhlela. Ungahlela futhi isikhumbuzi somsebenzi.

Ukwengeza umsebenzi omusha

- 1 ▶ Umhleli ▶ Imisebenzi ▶ Umsebenzi omusha ▶ Engeza.
- 2 Khetha isigaba. Uma umkhakha kuwucingo olushayile, faka inombolo yocingo ▶ **Qhubeka**.
- 3 Faka isihloko ▶ **Qhubeka**.
- 4 Uma ufuna ukuhlela isikhumbuzi mayelana nomsebenzi ▶ **Yebo**.

Ukuhlola umsebenzi

- ▶ Umhleli ▶ Imisebenzi bese ukhetha umsebenzi
- ▶ Hlola.

Ukusetha ukuthi izikhumbuzi zikhale nini

- 1 ▶ Umhleli ▶ Imisebenzi bese ukhetha umsebenzi ▶ Ngaphezu ▶ Izikhumbuzi.
- 2 ▶ **Njalo** uma ufuna isikhumbuzi ukuthi sikhale yize noma ifoni ivaliwe. Uma isikhumbuzi sikhala, cindezela ▶ **Yebo** ukuze ufunde umsebenzi, noma ushaye inombolo yefoni emsebenzini wefoni. ▶ **Cha** ukuvala isikhumbuzi. Okukhethwa kukho izikhumbuzi okusethwe ekhalendeni kuphazamisa okukhethwa kukho izikhumbuzi okusethwe kwimisebenzi.

Kushintshaniswa imisebenzi

Ungathumela futhi wamukele imisebenzi usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona. Ungavumelanisa futhi imisebenzi ngekhompyutha ➡ 69 *Kuyavumelaniswa*.

Ukuthumela umsebenzi

- 1 Ohlwini lwemisebenzi yosuku oluthile, khetha ofuna ukukuthumela ► Ngaphezu ► Thumela.
- 2 Khetha indlela yokudlulisa.

Amanothi

Uma udinga ukukhumbula into ethile, ungenza inothi layo kwifoni yakho.

Ukwengeza inothi

► Umhleli ► Amanothi ► Inothi entsha ► Engeza bese ufaka inothi ► Gcina.

Ukusingatha amanothi

- 1 ► Umhleli ► Amanothi bese uhlu lwamanothi luvela.
- 2 Khetha inothi ofuna ukususingatha.
► Ngaphezu ukuhlela, khombisa inothi kokubekwe eceleni (noma lifihle), thumela noma susa inothi.

Kushintshaniswa amanothi.

Ungathumela futhi wamukele amanothi usebenzise eyodwa yezindlela zokudlulisa ezikhona. Ungavumelanisa futhi amanothi ngekhompyutha ➡ 69 *Kuyavumelaniswa*.

Ukuthumela inothi

► Umhleli ► Amanothi bese ukhetha inothi ofuna ukulithumela ► Ngaphezu ► Thumela bese ukhetha indlela yokudlulisa.

Amaphrofayli

Ifoni yakho inamaphrofayli achazwe ngaphambilini ezihlelelwe ukuze zihambelane nendawo ethile. Ungazihlela kabusha zonke izinhlelo zamaqoqo ukuze ahleleke ngendlela ayeheleke ngayo ngesikhathi uthenga ifoni yakho.

Ukukhetha uhlelo

► Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu
► Amaphrofayli ► Khetha iphrofayli.

Ukushintsha ukuhleleka kohlelo

► Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu
► Amaphrofayli ► Hlela iphrofayli bese ukhetha uhlelo ofuna ukushintsha.

Ukuqamba kabusha iphrofayli

- Izinhlalo ► i Okujwayelekile thebhu
 - Amaphrofayli ► Hlela iphrofayli ► Igama leqoqo.
- Ungaqamba kabusha iphrofayli elijwayelekile.

Isitophuwashi

Ifoni yakho inesitophuwashi esingagcina iziqubu eziningi. Isitophuwashi siyaqhubeka nokusebenza uma uphendula ucingo olungenayo.

Ukusebenzisa isitophuwashi

- 1 ► Umhleli ► Isimisa washi ► Qala.
- 2 ► Misa noma ► Ukuzunge uma ufuna isiqubu sesikahthi.
- 3 Ukuhlela kabusha isitophuwashi ► Hlela kab.

Iwashi

Ukuhlela iwashi

- Umhleli ► Isikhathi nokufaka amahora, imizuzu nemizuzwana ofuna ukuba iwashi likhale ngayo.
- Uma isibonisi sikhala, cindezela noma iliphi ibhathini ukuze kucishe.

Ukugqama

Ungalungisa ukugqama kwesibuko.

Ukusetha ukugqama

- Izinhlalo ► i Khombisa thephu ► Ukugqama.



Isibuko sokuqalisa

Uma uvula noma uvala ifoni yakho, isibuko sokuqalisa siyavela. Ungahlela futhi isibuko sakho sokuqalisa.

Ukukhetha isibuko sokuqalisa

- Izinhlalo ► i Khombisa thebhu
- Isibuko sokuqalisa bese ukhetha okukhethwa kukho kwesibuk sokuqalisa.

Umshini wokubala

Umshini wokubala ungengeza, ususe, uhlukanise futhi uphindaphinde.

Ukusebenzisa umshini wokubala

- Umhleli ► Umshi. wokubala.
- Cindezela  noma  ukukhetha $\div$ $\times$ $-$ $+$ $.$ $\%$ $=$
- Cindezela  ukususa isibalo.
- Cindezela  ukufaka isishumi.

Izinhlelo ze-Java™

Ungasebenzisa izinhlelo ze-Java™ efonini yakho. Imidlalo nezinye izinhlelo ze-Java kungalandelwa efonini yakho kusuka kwi-inthanethi.

Ukuphepha kohlelo lwe-Java

Izinhlelo ze-Java zifakwa nge-othomathikhi njenge “Thenjiwe” noma “Ngathenjiwe”. Izinhlelo ezithenjiwe ziyavunyelwa, isibonelo, ukuxhuma kumanethiwekhi, ukuthumela imibiko noma ukusebenzisa ikhamera ngaphandle kokucela imvume. Izinhlelo ezingathenjiwe, kufanele ziqinisekise izenzo ezinjalo nawe kuqala. Ungasetha amazinga ezimvume ezihlukene ngezinhlelo zakho ze-Java.

Ukusethe izimvume ngohlelo lwe-Java™

- 1 ► Imeninja yefayela ► Izicelo noma ► Imidlalo.
- 2 Khetha uhlelo noma umdlalo ► Ngaphezu ► Izimvume.
- 3 ► Ukungena kwi-inth, Ukuthumela umbik noma Abezindaba abanhl.
- 4 ► NO, Buza njalo noma Buza kanye ukusethe izinga lemvume olifunayo lohlelo.

Usayizi wesibuko sohlelo lwe-Java

Ezinye izinhlelo ze-Java zenzelwe osayizi abathile besibuko. Kwezinye izikhathi, izinhlelo ngeke zikwazi ukuqala ngoba ifoni ingakwazi ukufaka uhlelo esibukweni. xhumana nomthengisi wohlelo ukuthola ukuthi uhlelo lakhelwe usayizi omngakanani, bese ushintsha izinhlelo zesibuko zohlelo olusefonini.

Ukusethe usayizi wesibuko ngohlelo lwe-Java

- 1 ► Imeninja yefayela ► Izicelo noma ► Imidlalo.
- 2 Khetha uhlelo noma umdlalo ► Ngaphezu ► Isibuko.
- 3 Khetha okukodwa okukhetha kukho okusohlwini. Uma ukhethe **Umsebenzisi uchazi** ungahlela i **Ububanzi**: ne **Ubude**: amanani.

Ilokhi yeSIM khadi

Ilokhi yeSIM khadi ivikela ukuthenga kwakho, kodwa hhayi ifoni uqobo, ekusetshenzisweni okungagunyaziwe. Ungashintsha amaSIM khadi, ifoni isebenze futhi neSIM khadi entsha.

AmaSIM khadi amaningi ayalokhwa ngesikhathi uwathenga. Uma ilokhi yeSIM khadi ivuliwe, kufanele ufake iPIN (Personal Identity Number) ngaso sonke isikhathi uma uvula ifoni yakho.

Uma ufaka iPIN yakho ngokungesikho isikhathi ezintathu zilandelana, iSIM khadi iyavimbeka. Lokhu kuboniswa umbiko othi **I-PIN ivinjiwe**. Ukuyivula, kudingeka ufake iPUK (Personal Unblocking Key) yakho. IPIN nePUK yakho kuhlinzekwa ngu-opharetha wenethiwekhi yakho. Ungahlela iPIN yakho bese ukhetha iPIN entsha enamadijithi amane kuya kwayisishiyagalombili.



Uma umbiko othi Amakhodi awahambisani uvela uma uhlela iPIN yakho, ufake iPIN entsha okungesiyo. Uma umbiko othi IPIN okungesiyo uvela, ulandelwa othi Uphini omdala, ufake iPIN yakho endala ngokungesikho.

Ukuvula iSIM khadi yakho

- 1 Uma I-PIN ivinjiwe kuveziwe, faka iPUK yakho ► **Kulungile**.
- 2 Faka iPIN entsha anamadijithi amane kuya kwayisishiyagalombili ► **Kulungile**.
- 3 Faka kabusha iPIN enstha ukuqinisekisa ► **Kulungile**.

Ukuhlela iPIN yakho

- 1 ► Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu ► Izikhiye ► Khiya ikhadi ► Shintsha uphini.
- 2 Faka iPIN yakho ► **Kulungile**.

- 3 Faka iPIN entsha anamadijithi amane kuya kwayisishiyagalombili ► **Kulungile**.
- 4 Faka kabusha iPIN enstha ukuqinisekisa ► **Kulungile**.

Ukuvula noma ukuvala ilokhi yeSIM khadi

- 1 ► Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu ► Izikhiye ► Khiya ikhadi ► Ukuvikeleka bese ukhetha Vuliwe noma Valiwe.
- 2 Faka iPIN yakho ► **Kulungile**.

Ilokhi yekhiphedi

Ungalokha ikhiphedi ukugwema ukudayela inamba ngephutha.



Izingcingo eziya kwinamba yezimo eziphuthumayo yomhlabajikelele u 112 ingeshaywa, noma ikhiphedi ivaliwe.

Ikhilokhi e-othomathikhi

Kokubekwe eceleni, ikhilokhi e-othomathikhi isho ukuthi ikhiphedi iyalokhwa okwesikhashana emuva kokuba ugcine ucindezele ibhathini.

Ukuhlela ukhiye wamabhathini ozenzekelayo

- Izinhlelo ► i Okujwayelekile thebhu ► Izikhiye ► Ukhiye webhathini.

Ukukhiya ngesandla uhlu lwamabhathini

Kokubekwe eceleni cindezela  ► Vala a. Usengakwazi ukuphendula ucingo olungenayo bese ikhiphedi ilokheka emva kocingo. Uhlu lwamabhathini luhlala lukhiyiwe uze uluvule wean ngesandla. Ukuvula uhlu lwamabhathini, cindezela  ► Vula.

Ukhiye wefoni

Ilokhi yefoni ivikela ukuthi ifoni ingasetshenziswa ngokungafanele uma yebiwa bese kushintshwa i-SIM khadi. Ungashintsha ikhodi yakho yokukhiya (0000) ngokufaka noma yiziphi izinombolo eziphakathi kwezine neziyisishiyagalombili.

Ukhiye wefoni ozikhiyayo

Uma ukhiye wefoni uku-othomathiki, asikho isidingo sokufaka ikhodi yokukhiya kuze kube ufaka enye i-SIM khadi efonini

 *Kubalulekile ukuthi uyikhumbule ikhodi yakho entsha. Uma kwenzeka uyikhoahlwa kufanele uthathe ifoni yakho uyinikeze umthengisi wakwa-Sony Ericsson oseduze nawe.*

Ukuhlela ukhiye wefoni

- 1 ► Izinhlalo ► i Okujwayelekile thephu ► Izikhiye ► Ukhiye wefoni ► Ukuvikeleka bese ukhetha okunye.
- 2 Faka ikhodi yokukhiya ifoni ► Kulungile.

Ukuvula ilokhi yefoni

Uma ilokhi yefoni ivuliwe, faka ikhodi yakho ► Kulungile.

Ukuhlela ikhodi yokukhiya ifoni

- Izinhlalo ► i Okujwayelekile thephu ► Izikhiye ► Ukhiye wefoni ► Shintsha ikhodi.

Isiqophi sekhodi

Esikhundleni sokukhumbula wonke amakhodi okuphepha ahlukene amakhredithi khadi, isibonelo, ungawagcina kwikhodi memo efonini yakho. Emva kwalokho konke okudingeka ukuba ukukhumbule yiphasikhodi yokuvula ikhodi memo.

Isihlolamagama nokuphepha

Ukuqinisekisa ukuthi ufake iphasiwedi efanele yesiqophi sekhodi futhi nokuvikela ukungena okungagunyaziwe emakhodini akho, kumele ufake isihlolamagama.

Ezinye izimpawu

Uma ufaka iphasiwedi yakho ukuze uvule isiqophi sekhodi, isihlolamagama siyakhonjiswa okwesikhashana. Uma iphasiwedi ilungile, amakhodi alungile ayakhonjiswa. Uma ufaka iphasiwedi engalungile, isihlolamagama namakhodi akhonjiswayo nawo awalungile.

Ukuvula isiqophi sekhodi okokuqala

- 1 ► Umhleli ► Isiqophi sekhodi.
Umbiko onemiyalelo uyavela ► Qhubeka.
- 2 Faka iphasikhodi enamadijithi amane ukuze uvule ikhodi yesiqophi ► Qhubeka.
- 3 Faka kabusha iphasiwedi entsha ukuze uqinisekise.
- 4 Faka isihlolamagama (esinezinhlamvu ezingaze zifike kwezi-15), ► Kwenziw. Isihlolamagama singaqukatha kokubili izinhlamvu nezinombolo.

Ukwengeza ikhodi entsha

- 1 ► Umhleli ► Isiqophi sekhodi bese ufaka iphasiwedi ► Ikhodi entsha ► Engeza.
- 2 Faka igama elihlobene nekhodi, ► Qhubeka.
- 3 Faka ikhodi ► Kwenziw.

Ukuze ushintshe iphasikhodi

- 1 Vula ikhodi yesiqophi njengoba kuchazwe ngasenhla ► Ngaphezu ► Shintsha iphasikh.
- 2 Faka iphasikhodi entsha ► Qhubeka.
- 3 Phinda ufake iphasikhodi entsha ► Qhubeka.
- 4 Faka isihlolimagama ► Kwenziw.

Ukhohlwe iphasikhodi yakho?

Uma ukhohlwa iphasikhodi yakho, kufanele usethe kabusha ikhodi memo yakho.

Ukuze uhlele kabusha isiqophi sekhodi

- 1 ► Ngaphezu ► Hlela kabusha.
- 2 Setha kabusha imemo yekhodi? iyaboniswa ► Yebo. Isiqophi sekhodi sihlalwe kabusha futhi wonke amagama asuliwe. Ngesikhathi esizayo uma ufaka ikhodi memo, kufanele uqale ngokuvulaikhodi memo okokuqala.

Ukuxazulula

Kungani ucingo lungasebenzi ngendlela engiyifunayo?

Lesi sahluko siklelisa ezinye zezinkinga ongahlangana nazo uma usebenzisa ucingo lwakho. Ezinye izinkinga zifuna ukuthi ushaye u-opharetha wakho wenethiwekhi, kodwa eziningi izinkinga ungazilungisela wena ngokwakho.

Yize kunjalo, uma ufuna ukuletha ifoni yakho ukuze ilungiswe, sicela wazi ukuthi kungenzeka ulahlekelwe ulwazi nengqikithi oyigcine efonini yakho. Uyalulekwa ukuba wenze ikhophi yalolo lwazi ngaphambi kokuhambisa ifoni yakho kwabazoyilungisa.

Ngokwesekwa okuthe xaxa yiya ku www.SonyEricsson.com/support.

Nginezinkinga nomthamo wememori noma ifoni isebenza kancane

Okungaba imbangela: Imemori yefoni igcwele noma okuqukethwe kwimemori akuhleliwe ngokufanele.

Isixazululo: Qala kabusha ifoni yakho zonke izinsuku ukukhulula imemori nokunyusa umthamo wefoni yakho.

Unakho futhi ongakhetha kukho **Isihleli esikhulu**. Olunye ulwazi lwedatha oluqondene nawe nezinhlalo ozenzile kuzolahleka uma wenza lokhu.

➡ 88 Hlela kabusha futhi nakangcono.

Alukho uphawu lwebhethri oluvelayo uma ngiqala ukushaja ifoni

Okungaba imbangela: Ibhethri iphelile noma kade ingasetshenziswa isikhathi eside.

Isixazululo: Kungathatha imizuzu engafika ku 30 ngaphambi kokuthi uphawu lwebhethri luvele esibukweni.

Okunye okukhethwa kukho imenyu kuvela kumpunga

Okungaba imbangela: Umbhalo ompunga ubonisa umsebenzi ongatholakali okwesikhashana. Isevisi ayicushiwe noma ukuthenga kwakho akulusekeli lolu hlelo.

Isixazululo: Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho.

Okungaba imbangela: Njengoba ungeke wazithumela izingqikithi, izithombe kanye nemisindo evikelwe yilungelo lokushicilela, i **Thumela** menyu kwesinye isikhathi ayitholakali.

Angiluqondi ulimi olukumamenyu

Okungaba imbangela: Ulimi olungalungile olusethwe efonini.

Isixazululo: Shintsha ulimi, ➡ 14 Ulimi lwefoni.

Angikwazi ukuvula ifoni

Okungaba imbangela: Ibhethri iyanqamuka ukushajwa.

Isixazululo: Shaja kabusha ibhethri, ➡ 7 Uku shaja ibhethri.

Isixazululo: Qinisekisa ukuthi uyinamathisele kahle ishaja. Vula ifoni ishaja inamathele. Uma ifoni iqala, qala kabusha ifoni ishaja uyikhiphile.

Ngeke ngikwazi ukushaja umthamo wefoni noma webhethri uphansi

Okungaba imbangela: Ishaja ayixhumekile kahle efonini.

Isixazululo: Qinisekisa ukuthi izixhumi zeshaja ziqhafazeka kahle endaweni yazo uma uxhuma. Uphawu lwebhethri luyaphayiza uma kushajwa, bese luma uma ibhethri isishajeke ngokugcwele, ➡ 7 Uku shaja ibhethri.

Okungaba imbangela: Ukuxhumana kwebhethri kumbi.

Isixazululo: Khipha ibhethri bese uhlanza izixhumi. Ungasebenzisa ibhulashi elithambile, indwangu noma

i-q-tip, okusokhwe otshwaleni. Qinisekisa ukuthi ibhethri yome ngokuphelele ngaphambi kokuyibuyisela emuva. Hlola ukuthi izixhumi zebhethri efonini azilimele.

Okungaba imbangela: Ibhethri igugile idinga ukushintshwa.

Isixazululo: Zama enye ibhethri neshaja yemodeli yefoni efanayo, noma vakashela umdayiseli wakho umcele aqinisekise ukuthi ibhethri neshaja kusebenza kahle.

Ifoni iyazivala

Okungaba imbangela: Ibhathini ① liphushwe ngokungenhloso.

Isixazululo: Vula ikhilokhi e-othomathikhi noma lokha ikhiphedi ngesandla, ➡ 82 Ilokhi yekhiphedi.

Okungaba imbangela: Ukuxhumana kwebhethri kumbi.

Isixazululo: Qinisekisa ukuthi ibhethri ifakwe kahle, ➡ 6 Uku faka i-SIM khadi nebhethri.

Angikwazi ukusebenzisa imibiko yemibhalo/SMS efonini yami

Okungaba imbangela: Izinhlelo ziyashoda noma azilungile.

Isixazululo: Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho ukuthola uhlelo lwesikhungo sesevisi ye-SMS olulungile, ➡ 38 Umbhalo wombiko (SMS).

Angikwazi ukusebenzisa imibiko yesithombe/SMS efonini yami

Okungaba imbangela: Ukuthenga kwakho akubandakanyi ikhona ledatha.

Isixazululo: Sicela uxhumane no-opharetha wenethiwekhi yakho.

Okungaba imbangela: Izinhlelo ziyashoda noma azilungile.

Isixazululo: Yiya ku www.SonyEricsson.com/support, ukukhetha imodeli yefoni yakho, bese ukhetha “Isathaphu yefoni – MMS” bese ulandela imiyalelo.

➡ 65 Izinhlelo.

Angikwazi ukusebenzisa i-ithanethi/WAP

Okungaba imbangela: Ukuthenga kwakho akubandakanyi ikhona ledatha.

Isixazululo: Sicela uxhumane no-opharetha wenethiwekhi yakho.

Okungaba imbangela: Izinhlelo ze-inethanethi ziyashoda noma azilungile.

Isixazululo: Yiya ku www.SonyEricsson.com/support, khetha imodeli yefoni yakho, bese ukhetha “Isathaphu yefoni – WAP” bese ulandela imiyalelo.

➡ 65 Izinhlelo.

Ifoni ngeke ibonwe abanye abasebenzisi nge-Bluetooth

Okungaba imbangela: Awuyivulanga i-Bluetooth.

Isixazululo: Qinisekisa ukuthi i-Bluetooth ivuliwe futhi nokuthi ifoni yakho iyabonakala kwabanye abasebenzisi. ➡ 72 Ukufihla nokukhombisa ifoni yakho uma usebenzisa i-Bluetooth.

Nginenkinga yokuvumelanisa noma ukudlulisa idatha phakathi kwefoni yami nekhompyutha yami, uma ngisebenzisa ikhebula le-USB elifike nefoni

Okungaba imbangela: Ikhebula alitholwanga kahle futhi lafakwa kahle kwikhompyutha yakho. Isofthiwe eze nefoni yakho ayifakwanga kahle kwikhompyutha.

Isixazululo: Yiya ku www.SonyEricsson.com/support, khetha imodeli yefoni yakho, bese ukhetha “Ulwazi lomkhiqizo” – “Ukuqalisa”. Umhlahlandlela “Ukuvumelanisa ifoni nekhompyutha” uqukethe imiyalelo yokufaka nemihlahlandlela yokuxazulula izinkinga, ongakusiza ekuxazululeni izinkinga.

Hlela kabusha futhi nakangcono

Izinguquko ozenzile ezinhlelweni nakulokho okuqukethwe okwengezile noma okuhlelile, kuzosuswa.

- Sewukhethe **Hlela izinhlelo**, izinguquko ozenze ezinhlelweni zizocishwa.
- Uma ukhethe **Hlela konke**, ngaphezu kwezinguquko ezinhlelweni, bonke oxhumene nabo, imibiko, ulwazi lwakho kanye nengqikithi oyikhiphe emishinini emikhulu, oyemukele noma oyihlelile, iyocishwa futhi nayo.

Ukuhlela kabusha ifoni

- 1 ► Izinhlelo ► i Okujwayelekile thephu ► Isihleli esikhulu.
- 2 ► Hlela izinhlelo noma ► Hlela konke.
- 3 ► Yebo ukuqhubeka.
- 4 Faka ikhodi yokukhiya ifoni (0000 noma ikhodi entsha uma bese uyishintshile) ► Kulungile.



Uma ukhethe **Hlela konke**, okuqukethwe njengemiculo nezithombe ozilandile, ozamukele noma ozihlelile nacho kuyasuswa futhi.

Imibiko enephutha

Faka ikhadi

Okungaba imbangela: Akukho SIM khadi efonini noma kungenzeka ukuba uyifake ngendlela engalungile.

Isixazululo: Faka iSIM khadi. ► 6 Uku faka i-SIM khadi nebhethri.

Okungaba imbangela: Izixhumi zeSIM khadi zidinga ukuhlanzwa.

Isixazululo: Khipha iSIM khadi bese uyihlanza. Hlola futhi ikhadi ukuthi alilimele yini ngendlela engavimbela ukuxhumana nezixhumi zefoni. Uma kunjalo, xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho ukuze uthole iSIM khadi entsha.

Faka ikhadi o kuyilo le-SIM

Okungaba imbangela: Ifoni ilungiselwe ukusebenzisa ama-SIM khadi athile kuphela.

Isixazululo: Hlola noma usebenzisa iSIM khadi ka-opharetha elungile yefoni yakho.

IPIN okungesiyo/UPHINI 2 ayilungile

Okungaba imbangela: Ufake iPIN noma iPIN2 yakho ngokungesikho.

Isixazululo: Faka iPIN noma iPIN2 okuyiyo ► Yebo. ► 81 Ilokhi yeSIM khadi.

I-PIN ivinjiwe/Pini-2uvalekile

Okungaba imbangela: Ufake iPIN noma iPIN2 ngokungesikho izikhathi ezintathu zilandelana.
Isixazululo: Ukuvula, ➡ **81 Ilokhi yeSIM khadi.**

Amakhodi awahambisani

Okungaba imbangela: Amakhodi amabili owafakile awahambelani.

Isixazululo: Uma ufuna ukushintsha ikhodi yakho yezokuvikela (isibonelo, njenge PIN yakho) kufanele ukuqinisekise ikhodi entsha ngokuthi uyifake futhi.
 ➡ **81 Ilokhi yeSIM khadi.**

Ayikho inethiwekhi

Okungaba imbangela: Ifoni yakho ayemukeli isignali yomsakazo, noma isignali eyamukelwe ayinamandla.
Isixazululo: Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho bese uqinisekisa ukuthi inethiwekhi iyayikhava indawo okuyo. Uma kunjalo, zama ukucinga kabusha.

Okungaba imbangela: ISIM khadi ayisebenzi kahle.

Isixazululo: Faka iSIM khadi kwenye ifoni.

Uma usathola umbiko ofanayo, sicela uxhmane no-opharetha wenethiwekhi yakho.

Okungaba imbangela: Ifoni ayisebenzi kahle.

Isixazululo: Faka iSIM khadi kwenye ifoni.

Uma lokhu kusebenza, kungenzeka kube yifoni ebangela izinkinga. Sicela uxhmane nesevisi ye-Sony Ericsson yasendaweni.

Izingc. eziphu. kup.

Okungaba imbangela: Usendaweni lapho inethiwekhi itholakala khona kodwa awuvunyelwe ukuyisebenzisa. Kepha, esimeni esiphuthumayo, abanye o-opharetha benethiwekhi bayakuvumela ukuba ushayele inombolo ephuthumayo yomazwe omhlaba jikelele u-112.

Isixazululo: Kufanele ugudluke ukuze ukwazi ukuthola isibonisi esinamandla enele.

Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho bese uqinisekisa ukuthi ukuthenga kwakho kulungile.

➡ **22 Izingcingo eziphuthumayo.**

Ifoni ilokhiwe

Okungaba imbangela: Ifoni ikhiyiwe.

Isixazululo: Ukuvula ifoni, ➡ **83 Ukhiye wefoni.**

Ikhodi yokulokha if.

Okungaba imbangela: Ikhodi lokulokha ifoni liyadingeka.

Isixazululo: Faka ikhodi lokulokha ifoni. Ifoni yakho ifika nekhodi lokulokha ifoni elimisiwe 0000 Ungalishintsha ufake noma iliphi ikhodi elinezinamba ezine kuya kweziyisishiyagalombili.

➡ **83 Ukhiye wefoni.**

Ulwazi olwengeziwe

IPUK ivalekile

Okungaba imbangela: Ufake ikhodi yakho yokuvula (iPUK) ngokungesikho izikhathi ezi-10 zilandelana.
Isixazululo: Xhumana no-opharetha wenethiwekhi yakho.

Ukushaja, ibhethi okungesilo elakh ona

Okungaba imbangela: Ibhethi olisebenzisayo akusilo ibhethi eligunyazwe u Sony Ericsson.
Isixazululo: ➡ 94 Ukusebenzisa amabhethi nokuwanakekela.

Ulwazi olwengeziwe

Indawo yeWebhu ka Sony Ericsson, indlela ephephile neyimpumelelo yokuwusebenzisa, iwaranti, declaration of conformity.

Iwebhusaythi yakwa SonyEricsson Consumer

Ku www.SonyEricsson.com kunengxenye yokusekela lapho kutholakala khona usizo namathiphu. Lapha uthola ukuvuselelwa kwesofthiwe yePC yakamuva namathiphu okuthi ungawusebenzisa kanjani umkhiqizo wakho ngokuyimpumelelo.

Imigudu yezokuphepha futhi esizayo ekusebenziseni ucingo

Sicela ufunde le mininingwane ngaphambi kokusebenzisa ucingo lwakho oluphathekayo.



Izincomo

- Njalo phatha ngobunono umkhiqizo wakho, uwugcine endaweni ehlanzekile futhi engenazo izintuli.
- Ungawubeki umkhiqizo wakho endaweni emanzani noma eswakeme noma enomhwamuko.

- Ungawubeki umkhiqizo wakho ezingeni lokushisa eliphezulu kakhulu noma eliphansi kakhulu.
- Ungawubeki umkhiqizo wakho endaweni enamalangabi avulekile noma kwimikhiqizo evuthayo kagwayi.
- Ungawuwisi, ungawujikijeli noma uzame ukuwuphula umkhiqizo wakho.
- Ungawupendi umkhiqizo wakho.
- Ungawusebenzisi umkhiqizo wakho eduze nezinto zokwelapha ngale kokucela imvume.
- Ungawusebenzisi umkhiqizo wakho uma noma useduze nebhanoyi noma izindawo ezibhalwe ukuthi "cisha u-ova".
- Ungawusebenzisi umkhiqizo wakho endaweni lapho kunezinto eziyiziqhumane.
- Ungawusebenzisi umkhiqizo wakho noma ufake impahla engenawayo endaweni engaphezu kwesikhwama somoya semoto.
- Ungazamiukuqaqa umkhiqizo wakho. Umuntu ogunyazwe u-Sony Ericsson kuphela okufanele enze lo msebenzi.



Uthi

Sebenzisa kuphela uthi olwakhiwe ngqo ngabakwa-Sony Ericsson efonini yakho ephathekayo. Ukusebenzisa izinti ezingagunyaziwe futhi ezingathuthukisiwe kungalimaza ifoni yakho

ephathekayo, futhi kungephula imithetho, kudale ukwehla kwezinga lokusebenza nokwehla kwamazinga e-SAR ebe ngaphansi kwalokhu okufunekayo (bheka ngezansi).

Ukusebenza ngokuyikho

Bamba ifoni yakho ephathekayo ngendlela obewungabamba ngayo noma iyiphi ifoni. Ungalembozi ingaphezulu lefoni uma isebenza, njengoba lokhu kuphazamisa izinga lezingcingo kanti futhi kungadala ukuba ifoni isebenzise amazinga aphezulu amandla kunokuba kudingekile, lokho bese kunciphisa ingxoxo kanye nezikhathi ezibekwe eceleni.

Ukuvuleleka kumagagasi omsakazo (RF) naku-SAR

Ucingo lwakho oluphathekayo luwumsakazo osebenzisa amandla amancane futhi luyemukela. Uma luvuliwe, lukhipha amazinga aphansi amandla omsakazo (lokhu kwaziwa futhi njengamagagasi omsakazo noma izinkundla zamandla omsakazo. OHulumeni emhlabeni wonke sebekhiphe imigudu enqala yokuphepha ethuthukiswe izinhlangano zezesayensi, njenge ICNIIRP (Ikhomishana yoMhlaba Jikelele yezokuVikelwa kokuKhishwa kweNunzi kwiMisebe kaGesi), ne IEEE (Isikhungo soNjinziyela bakaGesi nabamaelethronikhi)ezihlolwa ngezikhathi ezithile nangokuhlola ngokujulile izifundo zesayensi. Lezi zinkombanqubo zakha amazinga afanele amagagasi omsakazo avumelekile kumphakathi

wonkana. La mazinga afaka nesilinganiso sokuphepha esiqinisekisa ukuphepha kwawo wonke umuntu, kungakhethi budala noma impilo yalowo muntu, kanye nokuphendula mayelana nanoma ikuphi ukuhluka okungenzeka.uma kukalwa.

IZinga eliThile lokuMunca (SAR) into yokukala umthamo wamandla omsakazo womoya omuncwa umzimba ngenkathi usebenzisa ifoni yakho ephathekayo. Inani le-SAR likalwa ezingeni eliphezulu kakhulu lokuqinisekisa amandla kwizimo zamalabhorekthi, kodwa izinga langempela le-SAR kwifoni ephathekayo ngenkathi isebenza lingaba ngaphansi kwaleli nani.

Lokhu yingoba ifoni ephathekayo yakhelwe ukusebenzisa amandla enele ukuze ikwazi ukuthola inethiwekhi.

Ukwehluka kwi-SAR ngaphansi kwezinkombanqubo zokuvuleleka kwamagagasi omsakazo womoya, akusho ukuthi kunokwehluka kwezokuphepha. Yize kungaba nokwehluka kumazinga e-SAR emafonini ehlukahlukene aphaathekayo, zonke izinhlobo zamafoni aphaathekayo akwa Sony Ericsson ahlelelwe ukuhlangabezana nezinkombanqubo zokuvuleleka kumagagasi omsakazo womoya.

Ibhukwana eliseceleni eliqukethe ulwazi ngalolu hlobo lwefoni ephathekayo, lifakwe nale mpahla ehambisana lale foni ephathekayo. Lolu lwazi lungatholwa, kanye nolunye ulwazi, kumagagasi okuvuleleka kwezomsakazo womoya kanye ne-SAR, ku www.SonyEricsson.com.

Ukushayela

Sicela ubheke noma imithetho nezinqubo ziyakuvimbela yini ukuba usebenzise amafoni aphaathekayo ngenkathi ushayela noma zifuna ukuba abashayeli basebenzise ihandisifiri yokuxhuma emotweni. Sincoma ukuthi usebenzise kuphela izixazululo zehendisifiri zakwa-Sony Ericsson ezenzelwe ukusetshenziswa nomkhizozo wakho. Sicela wazi ukuthi ngenxa yokushayisana kwezinto zikagesi, abanye abakhizizi bezimoto bayakunqabela ukusetshenziswa kwamafoni aphaathekayo ezimotweni zabo ngaphandle uma kunesethi yehandisifiri enothi oluphumele ngaphandle olusekela ukufakwa kwefoni.

Hlala njalo uqaphele ukushayela kwakho, ubuyele eceleni komgwaqo ume, ngaphambi kokuba uphendule noma ushaye ucingo uma isimo somgwaqo sikuvumela.

Izinto ezakhelwe wena zezokwelapha

Amafoni aphaathekayo angakuphazamisa ukusebenza kwamawashi enhliziyi nezinyo izinto ezifakelwa kumuntu. Sicela ukugweme ukubeka ifoni ephathekayo ngaphezu kwewashi lenhliziyo, isb. ephaketheni elisemabeleni. Uma usebenzisa ucingo, lubeke endlebeni engekho ngasohlangothi olunewashi lenhliziyo. Uma kugcinwa ukuqhelanela okwanele okungu 15 cm (ama-intshi angu-6) phakathi kwefoni ephathekayo newashi lenhliziyo, amathuma okuthikamezana kwalezi zisimbi mancane. Uma unesizathu sokusola ukuthi kukhona

ukuthikamezeka okwenzekayo, cisha ucingo lwakho ngokushesha. Thintana nodokotela wakho wenhliziyo uma ufuna olunye ulwazi.

Mayelana nezinye izinto zokwelapha, sicela uxhumane nomkhqizi waleyo nto yokwelapha.

IZINGANE

MUSA UKUVUMELA IZINGANE
ZIDLALE NGEFONI YAKHO
EPHATHEKAYO NOMA NGEZISEKELI.
UFONI YAKHO EPHATHEKAYO NOMA
ISIXHUMI SINGABA NEZINGXENYANA EZINCANE
EZINGAHLE ZIPHUME BESE ZIBANGA INGOZI
YOKUSHOKEKA.



Ukulahlwa Kwamathuluzi Kagesi Nawe-elekthronikhi

Lolu phawu olusemkhqizweni noma kwiphakheji yalo lubonisa ukuthi lo mkhqiizo akufanele uphathwe njengodoti wasendlini. Esikhundleni salokhu kufanele uyiswe endaweni efanele lapho kuqoqwa khona udoti ojikeleziswayo ongamathuluzi kagesi nawe-elekthronikhi. Ngokuqinisekisa ukuthi lo mkhqiizo ulahlwa ngendlela efanele, uyosiza ekuvimbeleni imiphumela engenzeka engemihle yendawo nempilo yabantu, okungadalwa ukuphathwa ngendlela engafanele kuka doti walo mkhqiizo. Ukujikeleziswa kwempahla kuyosiza ukulondoloza izinto eziyimvelo. Ngolwazi oluthe xaxa



ngokujikeleziswa kwalo mkhqiizo, sicela uxhumane nehovisi ledolobha langakini, isevisi yokulahlwa kukadoti wasendlini noma isitolo lapho uthenge khona umkhqiizo.

Amandla kagesi

Xhuma i-sixhumi sakho samandla kagesi ukuze ufake ugesi endaweni kuphela ekhonjiswe ngokucacile ukuthi yenzelwe lokho. Qiniseka ukuthi intambo imiswe kahle ukuze ingalimali noma icindezeleke. Ukuze kuncishiswe ingozi yokuthi umuntu abanjwe ugesi, kufanele impahla isuswe lapho kade ishajwa khona ngaphambi kokuzama ukuyihlanza. isixhumi samandla kagesi kufanele sisetshenziswe ngaphandle endlini noma ezindaweni zokulahlwa. Ungalinge uguqule intambo noma ipulaki. Uma iplagi ingangeni kule ndawo yamandla, thola abasebenza ngogesi abaqeqeshiwe bakufakele lezo zinto ezifanele zokudonsa ugesi.

Izingcingo eziphuthumayo

Amafoni ephathekayo asebenzisa izibonisi zomsakazo ezingeke zikuqinisekise ukuxhumane ngaphansi kwazo zonke izimo. Ngakho-ke, musa ukuthembela kuphela efonini ephathekayo mayelana nokuxhumana okubalukile (njengokuphathelele nezempilo).

Izingcingo eziphuthumayo kungenzeka zingamukeleki kuwo wonke amanethiwekhi amaselula noma uma amasevisi enethiwekhi athile/ noma okunye kwezingcingo, kusebenza. Thintana nomnikezeli wesevisi wangakini.

Ukusebenzisa amabhethri nokuwanakekela

Sincoma ukuthi uyibhustwe ngokugcwele ifoni yakho ephathekayo ngenkathi uyibhusta okokuqala. Ibhethri ingashajwa kuphela emazingeni okushisa aphakathi kuka +5°C (+41°F) no +45°C (+113°F).

Ibhethri elisha noma ebelingasebenzi isikhathi eside linganciphisa umthamo wamandla ngemizuzwana emibalwa uyisebenzisa.

Izikhathi zokukhuluma nezibekwe eceleni zincike esimweni sangempela sokudonsa kwayo ngenkathi uyisebenzisa. Uma ifoni ephathekayo isetshenziswa eduze kwendawo lapho idonsa khona, kudingeka amandla amancane bese kuthi isikhathi sokusebenza nesibekwe eceleni selulwe.

- **Isexwayiso!** Ingaqhuma uma iseduze nomlilo.
- Sebenzisa kuphela amabhethri nokokushaja kwakwa-Sony Ericsson okubekelwe ukusebenza nefoni yakho ephathekayo. Okunye kokuxhuma ngeke kwabhusta ngokwanele noma kungakhiqiza ukushisa osekwevile. Ukusebenzisa amanye amabhethri nokunye kokuxhuma, kungaba yingozi.
- Ungalibeki ibhethri endaweni enamanzi.
- Ungavumeli izinsimbi zebhethri zithintane nenye into enensimbi. Lokhu kungenza ibhethri yakho iphelelwe ngamandla bese ilimala.
- Ungaliquqi noma ulihlele kabusha ibhethri lakho.

- Ungalibeki ibhethri endaweni eshisa kakhulu, ingabi ngaphezu kuka +60°C (+140°F). Ukuze isebenze kahle ibhethri, yisebenzise ekushiseni okulingana nokushisa kwekamelolo.



- Icime ifoni yakho ephathekayo ngaphambi kokukhipha ibhethri.

- Igcinela lapho izingane zingekela zikwazi ukufinyelela khona.



- Sebenzisa ucingo ngezinhloso kuphela ezibekelwe lokho.
- Ungavumeli ukuthi ibhethri ifakwe emlonyeni. Izinhlayi zebhethri zingaba nobuthi uma zigwinyiwe.

Ukulahla ibhethri

Sicela uhlole imithetho yangakini mayelana nokulahla amabhethri noma shayela isikhungo sangakini sakwa-Sony Ericsson ukuze uthole ulwazi.



Ibhethri akufanele lifakwe emgqonyeni kadoti kamasipala. Sebenzisa into yokulahlela ibhethri uma ikhona.

Isiqinisekiso Esinomkhawuko

I-Sony Ericsson Mobile Communications AB, S-221 88 Lund, Sweden, (Sony Ericsson), ikuhlinzeka ngale Limited Warranty yefoni yakho yakho nezesekelel zakuqala ezithunyelwe nefoni yakho (eyaziwa lapha njengo “Mkhiqizo”).

Uma uMkhiqizo wakho udinga isevisi yesiqinisekiso, sicela uwubuyisele kulowo owuthenge kuye, noma xhumana ne-Sony Ericsson Call Center yangakini (amareyithi kazwelonke angasebenza) noma vakashela i www.SonyEricsson.com ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa.

Isiqinisekiso sethu

Kuncike kwizimo zesiQinisekiso esibekelwe iMkhawulo, u-Sony Ericsson uqinisekisa ukuthi lo Mkhiqizo awutholanga kulimala ekwakhiweni kwawo, kwizinto ezikuwo, noma kulabo abebewakha ngenkathi uthengwa umthengi okokuqala kuze kube isikhathi esingangonyaka (1).

Siyakwenza njani

Uma ngalesi sikhathi sesiqinisekiso, lo Mkhiqizo uhluleka ukusebenza ngokujwayelekile nakumasevisi ajwayelekile, ngenxa yokulimala ekwakhiweni kwawo, kwizinto ezikuwo noma kulabo abebewakha, u-Sony Ericsson ugunyaza abanikezeli bomkhiqizo, noma asebenzisana nabo, ezweni noma esifundeni*

la uthenge khona uMkhiqizo, ukuba bakhethe noma bayawukhanda noma umthengi uthola omunye kuye ngokwamaphuzu nangezimo ezichazwe lapha.

U-Sony Ericsson nasebenzisana nabo bayaligodla ilungelo lokukhokhisa imali yokuphatha ngezandla kwabo uMkhiqizo, uma kungukuthi ubuyiswe nje awukho ngaphansi kwesiqinisekiso ngokwalezi zimo ezingezansi.

Sicela wazi ukuthi ezinye izinhlelo eziqondene nawe, okulandwayo noma olunye ulwazi lungalahleka uma uMkhiqizo wakho we-Sony Ericsson ukhandwa noma ushintshwa ngomunye. Njengamanje u-Sony Ericsson angavinjelwa umthetho osebenzayo, ezinye izimiselo noma imikhawulo yobuchwepheshe ekwakheni ikhophi yokugada ingozi yokulandwayo okuthile.

U-Sony Ericsson akazibophezeli olwazini olulahlekayo lwanoma yiluphi uhlobo futhi ngeke akuhlawulele ngokulahlekelwa kwakho. Kufanele njalo wenze amakhophi agade ingozi alo lonke ulwazi olugciniwe eMkhiqizweni wakho we-Sony Ericsson njengokulandwayo, ikhalenda noxhumene nabo ngaphambi kokuwuletha uMkhiqizo wakho we-Sony Ericsson ukuzokhwindwa nokushintshwa.

Izimo

- 1 Isiqinisekiso sisebenza kuphela uma kukhishwe ubufakazi bokuthenga obanikwa umthengi enikwa ngumdayisi, lobufakazi buchaza usuku okwathengwa ngalo nesirili namba**, konke akuvezwe noMkhiqizo

lowo ofuna ukulungiswa noma ukushintshwa. U-Sony Ericsson uyaligodla ilungelo lokunganikezeli ngeesevisi yesiqinisekiso uma le mininingwane isusiwe noma ishintshiwe emveni kokuba uMkhqizo wathengwa okokuqala kumthengisi.

- 2 Uma u-Sony Ericsson elungisa noma eshintsha uMkhqizo, lowo Mkhqizo olungisiwe noma oshintshiwe usazoba nesiqiniseko esilingene isikhathi esisele sesiqiniseko, noma izinsuku ezingamamashumi ayisishiyagalolunye (90) emveni kokulungiswa noma kokushintshwa, kuye ngokuthi yisiphi isikhathi eside. Ukulungisa noma ukushintsha kungasho ukusetshenzisa izingxenye ezisebenza ngokufanayo kodwa esezilungiswe kabusha. Izingxenye ezikhishiwe kwafakwa ezinye esikhundleni sazo noma okuyakhile ifoni kuzoba impahla ka-Sony Ericsson.
- 3 Lesi siqiniseko asifaki ukuhluleka kokusebenza koMkhqizo ngenxa yokuguga, noma nokudabuka noma ukungasetshenziswa kahle kwawo, kubandakanya, kodwa hhayi kuphela, ukuwusebenzisa ngendlela engajwayelekile nengalungile futhi engahambisani nemithetho ka-Sony Ericsson yokusetshenziswa nokunakekelwa koMkhqizo. Kanti futhi lesi siqiniseko asifaki ukuhluleka koMkhqizo ukusebenza ngenxa yengozi, isofhiwe ukuguqulwa noma ukuhlelwa kabusha, ngokwenziwa nguMdali, ngokulimala okudalwa izinto eziwuketshezi.

Ibhethri elishajekayo lingashajwa futhi lingashajwa izingathi ezingamakhulu. Nakuba kunjalo kojwa ekugcineni liyokhathala liphele – lokhu akusiyo into embi. Uma isikhathi sokukhuluma noma isikhathi esimiswe okwesikhashna sisifishane kakhulu, kusho ukuthi sekuyisikhathi sokuba ufake linye ibhethri. U Sony Ericsson uncoma ukuthi usebenzise kuphela amabhethri kanye namashaja agunyazwe ngu Sony Ericsson.

Izinguquko ezincane ekubonisweni kokugqama nombala kungenzeka phakathi kwamafoni. Kungenzeka kube namachashazi agqamile noma amnyama esibukweni. Abizwa ngama-pixel aphundlekile futhi kungenzeka uma kunamachashazi angasebenzanga kahle futhi angalungiseki. Amachashazi amabili aphundlekile kuthiwa amukelekile.

Izinguquko ezincane ekubonakaleni kwe-image yekhamera zingenzeka phakathi kwamafoni. Lokhu akusiyo into engajwayelekile futhi ayithathwa njengemojuli yekhamera ephundlekile.

- 4 Ngoba uhlelo lweselula lapho lo Mkhqizo usebenza khona, lunikezelwa umnikezeli ongahlangene no-Sony Ericsson, u-Sony Ericsson ngeke athweswe cala ngokusebenza, ukubakhona, ukwembozeka kwamasevisi kanye nokuhleleka kwalolo luhlelo.

- 5 Lesi siqinisekiso asibandakanyi ukwehluleka okudalwe ukufaka, ukuhlela kabusha, ukukhanda noma ukuvulwa koMkhiqizo ngumuntu ongakunyawaziwe ngu-Sony Ericsson.
- 6 Lesi siqinisekiso asikubandakanyi ukwehluleka koMkhiqizo okudalwe ukusebenzisa izisekeli noma ezinye izinto zokuxhuma ifoni okuyizisekeli okungesizo ezakhelwe u-Sony Ericsson ezihloselwe ukusetshenziswa noMkhiqizo.
- 7 Ukulimaza noma yisiphi isivalo (seal) salo Mkhiqizo kuyobanga ukuthi isiqinisekiso singasebenzi.
- 8 AZIKHO EZINYE IZIQINISEKISO EZISHIWO, KUNGABA EZIBHALIWE NOMA ZOMLOMO, NGAPHANDLE KWALEZI EZINOMKHAWUKO EZIBHALWE LAPHA. ZONKE IZIQINISEKISO EZICATSHANGELWAYO KUBANDAKANYA KODWA HHAYI KUPHELA IZIQINISEKISO EZICATSHANGWAYO ZOKUFAKA IMPAHLA NOKULUNGELA KAHLE INHLOSO ETHILE, KONKE KUKALELWE ISIKHATHI SALESI SIQINISEKISO ESINOMKHAWUKO. AKUKHO SIMO ESINGENZA U SONY ERICSSON NOMA ABANIKEZELI BAKHE BELAYISENSE, UKUBA BAKHOKHISWE NGOKULIMALA OKUYINGONZI NOMA OKWAMABOMU KWANOMA YILUPHI UHLOBO, KUBANDAKANYA, KODWA HHAYI KUPHELA, UKULAHLEKA KWENZUZO NOMA KOKUTHENGISA, NGOKUGCWELE NJE LOKHO KULIMALA KUNGACHITHWA NGUMTHETHO.

Amanye amazwe/imibuso ayikuvumeli ukungabandakanywa noma ukunqunywa komonakalo wengozi noma wamabomu, noma umkhawukho wesikhathi esicatshangwayo, ngakho-ke lezi ziqiniseko ezibalwe ngenhla noma okungeke kwenziwa, kungenzeka kungakuthinti wena.

Lesi siqiniseko asiwakhinyabezi amalungelo umthengi anawo ngaphansi komthetho osebenzayo njengamanje, futhi asiwakhinyabezi amalungelo umthengi anawo kumthengisi avela ekuthengiselaneni kwabo/ isivumelwano sokuthenga.

* INYUNYANA YASEYUROPHU (EU)

Uma uthenge uMkhiqizo wakho kunoma yiliphi izwe elingaphansi kweNyunyana yaseYurophu ungakwazi ukusevisa uMkhiqizo wakho, ngaphansi kwale mibandela ebhalwe ngasenhla, esikhathini lesi lapho isiqinisekiso esibekelwe umkhawulo sisasebenza khona kunoma yiliphi izwe elingaphansi kweNyunyana yaseYurophu lapho kudayiswa khona umkhiqizo ofana nowakho, udayiswa ngumnikezeli ogunyazwe u-Sony Ericsson. Uma ufuna ukuthola noma uMkhiqizo wakho uyadayiswa yini ezweni elingaphansi kweNyunyana yaseYurophu okulo, sicela ufonele i-Sony Ericsson Call Center yangakini. Sicele wazi ukuthi amanye amasevisi ngeke enziwa noma yikuphi kuphela ezweni othenge kulo, isibonelo, ngenxa yokuthi uMkhiqizo wakho unengaphakathi noma ingaphandle elehlukile kule nhlobo edayiswa kwamanye amazwe angaphansi kweNyunyana yaseYurophu. Ngeke wakwazi ukulungisa iMkhiqizo ye-SIM ekhiyiwe.

** Kwamanye amazwe/izifunda, imininingwane ethe xaxa iyadingeka. Uma kunjalo, lokhu kukhonjiswa ngokucacile kubufakazi bokuthenga obusemthethweni.

FCC Statement

This device complies with Part 15 of the FCC rules. Operation is subject to the following two conditions:

(1) This device may not cause harmful interference, and (2) This device must accept any interference received, including interference that may cause undesired operation.



Declaration of Conformity

We, **Sony Ericsson Mobile Communications AB** of Nya Vattentorget

S-221 88 Lund, Sweden

declare under our sole responsibility that our product

Sony Ericsson type AAB-1022011-BV

and in combination with our accessories, to which this declaration relates is in conformity with the appropriate standards 3GPP TS 51.010-1, EN 301489-7, EN 300328, EN 301489-17 and EN 60950, following the provisions of, Radio Equipment and Telecommunication Terminal Equipment directive **99/5/EC** with requirements covering EMC directive **89/336/EEC**, and Low Voltage directive **73/23/EEC**.

Lund, February 2005

CE 0682

A handwritten signature in black ink, reading 'Hiroshi Yoshioka', positioned above a horizontal line.

*Hiroshi Yoshioka, Head of Product Business Unit
GSM/UMTS*

Siyazifeza izidingo zeMiyalelo ye-R&TTE (**99/5/EC**).

Izimpawu

Incazelo yezimpawu.

Uphawu Incazelo



Cindezela  ukuya kwimenyu enkulu



Kukutshela amandla esignali yenethiwekhi ye-GSM



Ungaphakathi kwezoni yangakini



Ukwizoni eshajwa nge-premium



Kukutshela ngezinga lebhethri



Ngeke wamukele izingcingo ezingenayo



Awulubambanga ucingo obelungena



Zonke izingcingo ezingenayo ziphanjulelwa kwinamba echaziwe



Wonke amasignali avaliwe, ngaphandle kwe-alamu



Iwashi le-alamu lisethiwe futhi livuliwe

Uphawu Incazelo



Isibali sisethiwe futhi sivuliwe



Isitophuwashi siyasebenza kwisendlalelo



Usethe isikhumbuzi nge-aphoyintimenti



Usethe isikhumbuzi ngomsebenzi



Iphrofayli ngaphandle kokuJwayelekile ikhethiwe



Igama lomlingo licushiwe



Ispikhafoni sicushiwe



Ilokhi yekhadi noma yefoni ivuliwe
Ukuxhumana okuphephile kwe-inthanethi kwenziwe



Wamukele umbiko wombhalo



Wamukele umbiko we-imeyli



Ifoni yakho yamukela umbiko wesithombe



Ifoni yakho ithumela umbiko wesithombe

Uphawu Incazelo



Wamukele umbiko wesithombe



Wamukele umbiko wezwi



Wamukele umbiko we-WAP push



Isikhala seso lefoni sivuliwe



Ukuxhumana kweso lefoni kuyaqhubeka



I-Bluetooth ivuliwe



Okufakwa ekhanda kwe-Bluetooth
kuxhunywe kwifoni yakho



Idatha ilandelwa kwifoni yakho



Ulayini 1 usetshenziselwa izingcingo
eziphumayo



Ulayini 2 usetshenziselwa izingcingo
eziphumayo



Indlela yokuloba okuyimfihlo
ayihlinzekiwe okwamanje yinethiwekhi



Ucingo oluqhubekayo

Uphawu Incazelo



Isidlali semidya siyadlala



Uhlelo lwe-Java™ luyadlala



Imuvi yakho ingathunyelwa
kusetshenziswa i-MMS



Imuvi yakho inkulu kakhulu futhi ngeke
ithunyelwe kusetshenziswa i-MMS

Uhla lwamagama

A

Abangani bami 47
 ama-aphoyintimenti 77
 amabhathini 10
 Amabhizinesi khadi 38
 amabhukumaka
 I-inthanethi 67
 Amabhukumaka, i-inthanethi 66
 amakhekhe 68
 amakhi kanye nokuhamba 12
 amakhodi
 IPIN 8
 I-PUK 8
 amamenyu okuhambisa 12
 amanethiwekhi, kuyakhethwa 20
 amanothi 79
 amaphasikhodi
 I-Bluetooth 71
 Isiqophi sekhodi 83
 amaphasiwedi, i-inthanethi 68
 amaphrofayli 79–80
 amaqembu 37

amaringithoni 60–61
 amaringithoni aqondene nomshayi
 lucingo 60
 amashothikhathi 15

C

cela ukulonda 25

D

declaration of conformity 98

E

ezokuphepha
 I-inthanethi 68–69

I

ibha lezinga 12
 Ibhathini lomculo 56
 ibhethri
 kufakwa 6
 kuyashajwa 7
 ukusebenzisa nokunakekela 94
 Igama eliwumlingo 30

ihendisfri 73
 i-imeyli
 usebenzisa 45–47
 I-inthanethi
 amabhukumaka 67
 amakhekhe 67
 izinhlelo 65
 ukuphepha 68–69
 I-Java™, izinhlelo 68
 ikhalenda 77–78
 Ikhamera 49–52
 Ikhebula le-USB 75
 ilokha
 I-SIM khadi 81
 ilokhi yekhiphedi 82
 imakhrofoni, ukuvula/ukuvala 21
 I-Memory Stick Duo™ 7, 19, 75
 ifomethi 20
 imeninja yefayela 18
 imenyu enkulu 12
 imenyu yomsebenzi 18
 imibhalo yosizo, efonini 14

imibiko

i-imeyli 45
isithombe 41, 44
izwi 44
ngokushesha 47
ulwazi lwendawo 48
Ulwazi lweselula 48
umbhalo 38
imibiko emide 40
imibiko yesithombe 41–44
imibiko yezwi 44
imibiko yombhalo 38–41
imiculo 60–61
Imidlalo 64
imisebenzi 78–79
I-MMS *Bheka* imibiko
yesithombe 41, 44
I-MusicDJ™ 61
inamba
 kuyafihlwa 37
 yami 35
Inothipedi 37
iphepha lodonga 53
I-PhotoDJ™ 53

IPIN khodi

kuyafakwa 9
kuyashintshwa 82
I-PlayNow™ 59
I-PUK 82
isevisi yokuphendula 29
isevisi yokuvuselela 75
isexwayisi sokudlikiza 61
isexwayisi sombiko 61
isibuko 80
 Ukugqama 80
isibuko sokubekwe eceleni 12
Isibuko sokuqalisa 53, 80
isidlali sabezindaba 54–57
isikhala seso lefoni 74
Isikhathi sokufona 36
isikhathi, uhlelo 76
isilawuli kude 73
I-SIM khadi
 ilokha 81
 kufakwa 6
 kukopishelwa ku/kuvela ku 27
 kuyavulwa 82
Isiqophamazwi 29

isiqophi msindo 63
Isiqophi sekhodi 83
isiqophi sevidyo 49–52
Isisitha sokuvikela 53
isitophuwashi 80
I-SMS *Bheka* imibiko ebhaliwe 38
I-SOS *Bheka* izinamba zesimo
esiphuthumayo 22
I-VideoDJ™ 62
ivolumu
 isexwayisi sokudlikiza 61
 kusetwa iringithoni 60
 kuyashintshwa 21
ivolumu yesipikha 21
I-WAP *Bheka* I-inthanethi 65
iwaranti 95
Iwashi 80
iwashi le-alamu 76
iwizadi
 isethaphu 9
iwizadi yesethaphu 9
izexwayisi 61
Izibonisi
 emibikweni yesithombe 44
 zombiko obhaliwe 41

Izilimi zokubhala 16
 izimpawu 99
 izingcingo
 ezingaphendulwanga 21
 eziphuthumayo 22
 ezomhlaba jikelele 22
 kuyamukelwa 9, 21
 kuyaphendulwa 21
 kuyaqoshwa 63
 misa 33
 ukudayela okuhleliwe 36
 ukudayela okusheshayo 28
 ukukalela 35
 ukuphambula 32
 ukuphatha izingcingo ezimbili 33
 ukuphinda kuzidayelekele 22
 ukushaya 9, 21
 ukuyeka 21
 ukwakha amanothi
 ngesikhathi 37
 ukwemukela 35
 izingcingo ezingaphendulwanga 21
 izingcingo eziphanjuliwe 32
 izingcingo zamazwe omhlaba 22

izingcingo zesigungu 34
 Izingqikithi 64
 izinhlamvu
 kuyafakwa 15–17
 izinhlelo ze-akhawunti, i-imeyli 45
 izinhlelo ze-Java™ 68
 izinkombanqubo zokuphepha 90
 Izinombolo zama-SIM 25
 izithombe 52–54
 hlela 53
 iphhepha lodonga 53
 Isisitha sokuvikela 53
 izithombe ezisemishinini 52
 izitifiketi, ukuphepha
 kwe-inthanethi 68
 izivalo zevidyo 54
 izixhumi 10

K

kudluliswa umsindo 73
 kufihlwa inamba 37
 kushajwa, ibhethri 7
 kushaywa ucingo
 kusuka koxhumene nabo 25
 ohlwini lwezingcingo 28

ukusebenzisa ukudayela
 ngezwi 30
 kuyabhalwa
 kusetshenziswa okufakwayo
 kwethephu enhlobonhlobo 16
 ukusebenzisa i-T9™
 Text Input 16
 kuyagcinwa
 emibikweni yesithombe 43
 emibikweni yombhalo 40
 kuyakopishwa
 kwi/kuvela kwiSIM khadi 27
 kuyaphendulwa
 izingcingo 21
 ukusebenzisa
 ukulawula ngezwi 31
 kuyaqoshwa
 imisindo 63
 izingcingo 63
 izivalo zevidyo 50
 kuyathunyelwa
 ama-aphoyintimenti 78, 79
 Amabhizinesi khadi 38
 amanothi 79

Uhla lwamagama

imiculo namaringithoni 62
imisebenzi 78, 79
Izingqikithi 64
izithombe 53
oxhumene nabo 26
kuyavulwa
IPIN 8
I-SIM khadi 82
kuyavulwa/kuyavalwa
amaringithoni, imiculo 60
I-Bluetooth 71
ifoni 9
Isikhala seso lefoni 74
ukhiye wefoni 83
Ukuvikelwa kwelokhi yeSIM 82
umsindo webhathini 61
kuyavumelaniswa 69–70
kuyazulwa 20
O
okufakwayo kombhalo
wethephu enhlobonhlobo
kuyafakwa 16
Olayini ababili bezwi 34

osayizi bezithombe 50
oxhumene nabo 23
amaqembu e 37
kuhlolwa isiqophi 27
kuyavumelaniswa 69
kwengezwa oxhumene
naye efonini 24
Oxhumene nabo abamisiwe 23
oxhumene nabo be-SIM 24

S
sivuliwe uma kuthulile 61

U
ucingo olulindile 33
uhla lwezingcingo 28
uhlelo lwasebusuku 51
Uhlololujikelele lwefoni 10
ukhiye wefoni 83
ukucupha isithombe 50
ukudayela kabusha 22
Ukudayela ngezwi 30–31
ukudayela okuhleliwe 36
ukudayela okukalelwe 35

ukudayela okusheshayo 28
Ukugqama
isibuko 80
ukuhlanganisa, ifoni 6
ukuhlela kabusha ifoni 88
ukulawula izwi 29–32
Ukuphendula ngezwi 31
ukuphepha
Ilokhi yeSIM khadi 81
Isiqophi sekhodi 83
ukuphinda kuzidayelekele 22
ukuqondisa abezindaba 57
ukuqondisa umsindo 73
ukuqopha
imiyalelo yezwi 29–32
ukushaya ucingo
izinombolo embikweni 40
ukuthumela imibiko esheshayo
Bheka Abangani bami 47
ulimi
efonini 14
kuyashintsha 14
ulimi lwefoni 14
ulimi olusefonini 86

ulwazi lwendawo 48

Ulwazi lweselula 48

Umbono obhaliwe we-T9™

kufakwa izinhlamvu 16

umculo, ukudlala 55

umdwebo ochaza wena 51

umshini wokubala 80

umsindo

kuyadluliswa 73

ukuqondisa 73

umsindo webhathini 61

usuku, uhlelo 76

Y

yemukela izingcingo 35